


# UNKULUNKULU

## EZIFIHLA EBULULENI,

### BESE EZEMBULA KOBUFANAYO

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Sanibona ekuseni, bangani. Impela lokhu ngikuthatha ngokuthi kungokunye kokugqamile kwempilo yami, ukuba setabernakele futhi kulokhu ukusa, ukubona isakhiwo salo esihle, nokuhleleka kwabantwana bakaNkulunkulu behlezi endlini yaKhe namhlanje.

<sup>2</sup> Ngimangale kabi ngenkathi ngifika lapha izolo ngase ngibona ukubukeka kwesakhiwo. Angikaze ngiphuphe ukuthi sasizoba ngalendlela. Ngenkathi ngibone amaplani, ukuthi ngenkathi sebedwebe amaplani, ngisanda kubona elinye ikamelwana nje libekwe eceleni, kodwa manje ngilithola seliyi—yindawo enhle. Futhi siyabonga kuSomandla ngalendawo enhle. Futhi si. . .

<sup>3</sup> Nginilethela, kulokhu ukusa, imikhonzo evela kumkami nabantwana bami, abakulangazelele ukuba lapha ngalesisikhathi ngalengkono yokunikelwa, nalawa iviki lokuzehlukanisela uKristu. Kodwa abantwana basesikoleni, futhi kul'khuni ukusuka. Futhi sebethi abakhathale ukukhumbula kwabo ekhaya ngendlu, kodwa asisoze sikhathale ukuba nozwelo ngani bantu. Anikhathali ngalokho. Lapho kunjengokuba nokuba nabangani nje. Futhi ngi—ngiyabathokozela abangani, ndawo zonke, kodwa kunokuthile ngabangani abadala. Akunandaba ukuthi ubenza kuphi abangani abasha, kusalokhu kungesibo abadala.

<sup>4</sup> Akunandaba ukuthi bengiyoke ngizule kuphi, lendawana iyohlala njalo ingcewebileyo. Ngokuba, cishe eminyakeni engamashumi amathathu edlule, obhukwini lwechibi, nganikela lesisiqephu somhlaba kuJesu Kristu ngenkathi sasingelutho kodwa u—ubhuku. Konke lokhu kwakuyichibi. Yingalesosizathu istradi siphumile emgudwini lapho, u—umgwaqo wadingeka ukuthi ugwegwe, ukuba udede echibini elaliphakathi lapha. Futhi phakathi lapha, kwakuvame ukuba neminduze, iminduze yasechibini iyamila.

<sup>5</sup> Futhi u—umnduze uyimbali exake kabi. Nakuba uzalwa odakeni, ufanele ucindezele indlela yawo wedlule odakeni, beseke wedlula emanzini nasencikincikini, ukuba uzenyukele uye ngaphezulu, ukuba ukhombise ubuhle bawo.

<sup>6</sup> Futhi ngi—ngicabanga ukuthi, kulokhu ukusa, ukuthi lokho kuyinqwaba yonke yalokho okwenzeka lapha. Ukuthi, kusukela ngalesosikhathi, umnduze omncane wechibi uzifuqele wona; futhi lapho usufike ngaphezu kwamanzi, wendlala amaphiko awo, izigcebe zawo ezincane zaphuma, futhi wawubonisa uMnduze weSigodi. Kwangathi ungama njalo! Kwangathi lingaba yindlu enikelwe kuNkulunkulu ngokugcwele!

<sup>7</sup> Itabernakele uqobo lwalo linikelwe ngo 1933. Kodwa ngokucabanga, kulokhu ukusa, bekungaba yi—yinto enhle kakhulu ukuba nje kube yi—yinkonzo encane yokunikela futhi, futhi ikakhulukazi kubantu othe, ngothando lwabo nokuzinikela kuKristu, wenze lokhu konke kwaba nokwenzeka. Futhi ngifuna ukunibonga nonke ngeminikelo yenu, nokunye nokunye, eniyifakile ukunikela lendlu yokukhonzela kuKristu.

<sup>8</sup> Futhi ngikakhulu ekuthokozeleni, futhi ngibonga inhlango yebandla, ukukhuluma lamazwi esikhundleni sabazalwane bethu abalungile lapha bebandla, onikele ngezinkonzo zabo kulena. UMfowethu Banks Wood, umfowethu odumileyo; uMfowethu Roy Roberson, umfowethu odumileyo; nabaningi abanye abathe, ngokungaziqhenyi nangobunye behliziyo, wabeka izinyanga ekwakheni lendawo ngendlela ebingayo, wahlala lapha ukuba abone ukuthi ibiyakhiwa kahle nje.

<sup>9</sup> Futhi ngenkathi ngingena, ukuzobona lelipulpiti, uhlobo ebengihlala njalo ngilulangazelele, yonke impilo yami! Ngi . . . uMfowethu Wood wayazi ukuthi ngangithandani. Akazange athi wayezolakha, kodwa ulakhile.

<sup>10</sup> Futhi ngisiqaphelile isakhiwo nokuthi ukwakha kukanjani, sithi nje, o, siphakeme. Futhi manje akukho-mazwi okuzwakalisa umuzwa wami. Ayikho nje indlela yokukwenza, niyabo. Futhi, kodwa, uNkulunkulu uyaqonda. Futhi kwangathi ngamunye ningavuzwa ngeminikelo yenu nakho konke enikwenzile ukwenza lendawo ibe yilokho eyikho, ngendlela yesakhiwo, indlu yeNkosi. Futhi manje ngi—ngithanda ukusho lamazwi. Manje, isakhiwo, njengoba sisihle kanje, ngaphakathi nangaphandle . . .

<sup>11</sup> Us'wali wami, uJunior Weber, waba nesakhiwo samatshe ayizitini. Angiboni ukuthi bekungaba noma yini engcono kunalokho esiyikho, umsebenzi ophelele.

<sup>12</sup> Omunye umfowethu olapha, angikaze ngibonane nendoda, ufake izinsimbi ezikhalayo. Kodwa ngiqaphela ngisho nasesakhiweni esiflethi njengalesi, ngingavele nje . . . Akukho-kuwawaza ekuzwakaleni kwemisindo. Zikusilingi lapha, izindlela ezehlukene. Akunandaba ukuthi ngimi kuphi, kuyafana nje, niyabo. Futhi onke amakamelo a—akhiwe, ukuthi izipikha ziphakathi kuwo, futhi ungakwenza noma ngayiphi indlela ofisa ukuzwa ngayo. Kungukuthi, ngikhohwa ukuthi

kwakuyisandla sikaNkulunkulu uSomandla owenza lezizinto. Manje uma . . .

<sup>13</sup> INkosi yethu isiphe kanjalo isakhiwo esingaYikhonzela kuso, okungaphezu, kwalapha eminyakeni engamashumi amathathu. Saqala ngephansi elingadayiwe, usadasi, futhi sihlale lapha ngasezitofini ezindala zamalahle. Nosonkontileka, uMfowethu Wood, omunye wabo, noMfowethu Roberson, ubengitshela ukuthi lapho lezozinsika eziyizikwele ezivele obondeni eyayikhona, nalezozitofu ezindala zazivame ukuhlala kulawomaraftazi ayenqumile, ayokhelekile futhi asha ngemuva, mhlawumbe amafidi amabili noma amathathu. Ukuthi kungani lingashanga lalotha, nguNkulunkulu kuphela owaligcinayo. Kwase kuthi-ke emva kokusha, naso sonke isisindo setabernakele silele phezu kwalokho, ukuthi kungani lingawelanga ngaphakathi, yisandla sikaNkulunkulu kuphela. Manje seliboshwe ngaphansi ngensimbi futhi lihlezi emhlabathini, lakhiwe laqina.

<sup>14</sup> Manje ngicabanga ukuthi ngumsebenzi wethu esiwumiselweyo ukwenza ingaphakathi libe kahle, ngomusa kaNkulunkulu, ukuba sibonge kakhulu kuNkulunkulu ukuthi okwethu. . . Lokhu akuzukuba kuphela yisakhiwo nje esihle esizoza kuso, kodwa kwangathi wonke ongenayo angabona isimilo esihle sikaJesu Kristu kuwo wonke umuntu ongenayo. Kwangathi lingaba yindawo ehlukaniselwe iNkosi yethu, abantu abahlukaniselwe. Ngokuba, akunandaba ukuthi isakhiwo sihle kanjani, lokho sikuthokozela ngempela, ubuhle bebandla buyisimilo sabantu. Ngithemba ukuthi liyohlala njalo liyindlu kaNkulunkulu, yobuhle.

<sup>15</sup> Manje, enkonzweni yokunikelwa kwetshe legumbi lasekuqaleni libekwa, kwafika umbono omkhulu. Futhi ubhalwe etsheni legumbi, ukusa engalinikela ngakho.

<sup>16</sup> Futhi ningahle ukuba nimangele, emizuzwini embalwa edlule, ukuthi kungani ngithathe isikhathi eside kangaka ngiphuma. Umsebenzi wami wokuqala engiwumiselweyo, njengoba ngingena endlini yokukhonzela entsha, bengishadisa insizwa nentombi bemi eofisi. Kwangathi kungaba ngumfanekiso, ukuthi ngiyoba ngumfundisi othembekele kuKristu, ukuthola uMlobokazi elungiselele umgubho wangaloloSuku.

<sup>17</sup> Futhi manje asenze njengoba senza ekuqaleni. Ngenkathi siqala ekunikelweni kokuqala kwendlu yokukhonzela, ngangiseyinsizwa nje futhi, he, mhlawumbe amashumi amabili-nanye, iminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala ngenkathi sibeka itshe legumbi. Kwakungaphambi kokuba ngize ngiganwe. Futhi ngangifuna njalo ukubona indawo isenqubweni ngokuyikho, kokukaNkulunkulu. . . ukuba uNkulunkulu akhonzwe, niyabo, nabantu baKhe. Futhi singenza lokho

kuphela, hhayi ngesakhiwo esihlanyana, kodwa ngempilo ehlukaniselwe yiyonandlela kuphela esingakwenza ngayo.

<sup>18</sup> Futhi manje, ngaphambi kokuba sinikele, umkhuleko wokunikelwa, sifunde eminye imiBhalo, futhi sinikele indlu yokukhonzela ibuyele kuNkulunkulu. Bese kuthi-ke ngingomunye... NginoMlayezo ebuvangelini, kulokhu ukusa, ukwakhela kuwo eMlayezweni wami oqubukayo.

<sup>19</sup> Futhi, kulobubusuku, ngifuna ukuthatha isahluko 5 seSambulo, esinamathelana thaqa, kusukela e—kusukela eminyakeni yebandla eyisikhombisa, kuya eziMpawini eziyiKhombisa. Ukuthi ngi... Khona-ke sizoba ne... .

<sup>20</sup> NgoMsombuluko ebusuku kuzoba ngumgibeli wehashi elimhlophe. NgoLwesibili ebusuku... Umgibeli wehashi elimnyama, futhi kwehle njalo, abagibeli wehashi abane. Bese-ke kuba wuPhawu lwesiThupha luvulwa.

<sup>21</sup> Bese kuthi-ke ngeSonto ekuseni, ngeSonto elizayo ekuseni, uma iNkosi ithanda... Sizobona kamuva, sikumemezele kamuva. Mhlawumbe, ngeSonto elizayo ekuseni, sibe nomhlangano womkhuleko wabagulayo esakhiweni.

<sup>22</sup> Bese kuthi-ke ngeSonto ebusuku, sivale ngci nge... Kwangathi iNkosi ingasisiza ukuba sivule uPhawu lwesiKhombisa, lapho nje okunevesi elifishane. Futhi Lusho lokhu, “Kwaba nokuthula eZulwini ingxenye yehora,” ngalokho kuthula.

<sup>23</sup> Manje, angazi ukuthi leziziMpawu zichaza ukuthini. Nami nje ngisekupheleni kokuhlakanipha kwami ngakho konke, kuzo, njengoba mhlampe abanye benu benjalo kulokhu ukusa. Sinemiqondo yobufundisi othulwe ngumuntu, kodwa lokho akusoze kwaLuthinta. Futhi uma nizobona, Luzofanele lufike ngokuphefumulelwa. Kufanele kube nguNkulunkulu, qobo lwaKhe, nguYena kuphela Ongakwenza, iWundlu.

Futhi kulobubusuku yileyoNcwadi yokuHlengwa.

<sup>24</sup> Manje, kulokhu, isizathu ngingayimemezeli imihlangano yemikhuleko yabagulayo, noma okunjalo, yingoba ngi... Ngihlezi nabanye abangani, futhi nginikeza yonke imizuzu yesikhathi sami ukuba ngitadishe nomkhuleko. Futhi niyawazi umbono engisanda kuba nawo nje ngaphambi kokuba ngisuke futhi ngiphume ngiye entshonalanga, ngalezozingelosi eziyisikhombisa ziza zindiza. Ngakho, nizoqonda kamuvanyana.

<sup>25</sup> Ngakho manje, manje, esakhiweni, ngicabanga ukuthi besifanele sibe nakho, kulesi, uma sesinikelwe, noma esizonikelwa emizuzwini embalwa, ekukhonzweni kukaNkulunkulu, sifanele sisigcine singaleyondlela. Asifanele neze ukuba sithenge noma sithengise esakhiweni. Asifanele neze senze noma yiliphi ibhizinisi kuleliholo lapha. Alifanele

neze lenziwe phakathi lapha, lokho ngokuthi, njengokuvumela abefundisi nje ukuba bangene bese bethengisa amabhuku nayo yonke into. Akunandaba ukuthi kuyini, zikhona ezinye izindawo zokwenza lokho. Ngokuba, si—asifanele ukuba sithenge futhi sithengisele endlini yeNkosi yethu. Ifanele ibe yindawo yo—yokukhonzela; engcwele, ehlukaniselwe leyonhloso. Niyabo? Manje, Isiphe indawo enhle. Asiyinikele kuYo, futhi sizinikele thina, nayo, kuYo.

<sup>26</sup> Futhi manje lokhu kungabonakala kungukuba l’hlazana, kodwa, akusiyo indawo yokuvakashela. Yindawo yokukhonzela. Asifanele neze ngisho ukuba sivungame sithi-vu phakathi kwalapha, ngaphandle kokukhonzela, komunye nomunye, ngaphandle uma kudingeke ngokoqobo. Niyabo? Asifanele neze ukuba sibuthane ngakhona. Asifanele neze ukuba sigijime endlini, noma sitedele abantwana bethu bagijime endlini. Futhi ngokwenza lokhu, ngizwa kungekudala, ukuthi ngokwenza lokhu, silakhele ukuze sikwazi ukukunakekela konke okwalo. Manje, sinaleli libekwe lapha. Kusobala, abantu abaningi bayizihambi. Abafo basetabernakele bayakwazi lokhu, ukuthi isakhiwo sizonikelwa enkonzweni kaSomandla. Ngakho-ke, sizinikela thina, asikhumbule, uma singena kuleyondawo engcwele, sibe silokhu sithule, komunye nomunye, futhi sikhonze uNkulunkulu.

<sup>27</sup> Uma sifuna ukuvakashelana, kunezindawo esingavakashelana kuzo kanjalo. Kodwa, ningalokothi, nizulazule, lapho ongeke uzizwe wena uqobo ucabanga, nomunye umuntu angene futhi nje abazi ukuthi bafanele benzenjani, niyabo, kunomsindo omningi kakhulu nezinto. Kungokobuntu nje, futhi ngikubonile emabandleni sekuze kwangenza ngiphatheke kabi ngempela. Ngoba, asingeni endaweni engcwele yeNkosi ukuzobonana. Siza lapha ukuzokhonzela uNkulunkulu, bese-ke siya emakhaya ethu. Lendawo engcwele inikelwe ekukhonzeni. Uma...Yima ngaphandle, uxoxe noma yini oyifisayo, inqobo nje uma ifanele futhi ingcwele. Yanini emakhaya omunye nomunye. Nivakashelane ezindaweni. Kodwa uma ningena kulowomnyango, thulani.

<sup>28</sup> Niza lapha ukuzoxoxa naYe, niyabo, bese niMdedela aphenyule ngokuthi axoxe nani. Inkathazo yakho ingokuthi, senza okuningi kakhulu ukuxoxa, futhi singalaleli ngokwenele. Manje-ke, uma singena lapha, silinde kuYe.

<sup>29</sup> Manje, etabernakele elidala, angahle angabikho umuntu oyedwa okhona kulokhu ukusa owayelapho ngosuku lokunikelwa, ngenkathi uMajor Ulrich edlala umnyuziki. Futhi ngama emva kweziphambano ezintathu lapha, ukuba nginikele indawo. Ngangingavumeli-muntu...Abangenisi bama emnyango, ukubona ukuthi kwakungekho-muntu owayexoxa. Ngenkathi, wawusukwenzile ukuxoxa kwakho

ngaphandle. Uyangena. Uma wawufisa, ngokuthula, uza ealtare futhi wakhuleka ngokuthula. Wawuhamba ubuyele esihlalweni sakho, wawuvula iBhayibheli. Okwakwenziwe ngumakhelwane wakho, lokho kwakuyindaba yakhe. Wawungenalutho ongalusho. Uma ufuna ukuxoxa naye, uthi, “Ngizombona ngaphandle. Ngiphakathi lapha ukuzokhonza iNkosi.” Ufunda iZwi laYo, noma uhlale ngokuthula.

<sup>30</sup> Futhi, manje-ke, umnyuziki. UDadewethu Gertie, angazi noma ukhona kulokhu ukusa, noma qha, uDadewethu Gibbs. Upiyano oludala, ngiyakholwa, luhlale emuva kulelikhona, ngokukhumbula kwami okudlula konke. Futhi awushaye phansi, “Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,” omunye omnandi ngempela, umnyuziki ophansi, futhi—futhi, manje-ke, kuze kufike isikhathi senkonzo. Nomholi wamaculo asukume bese eholo amaculo athi awabe mabili ebandla. Bese kuthi-ke uma babenenye isolu evelele, babeyicula. Kodwa, hhayi nje neze isigejane sokuqhubeka. Bese kuthi-ke ngokuqhubekayo umnyuziki udlalwe. Bese-ke kuthi-ke ngenkathi ngikuzwa lokho, ngangazi ukuthi kwase kuyisikhathi sami sokuba ngiphume.

<sup>31</sup> Uma umfundisi ehamba eyongena ebandleni labantu bekhuleka, nogcobo lukaMoya, ubophezelekile ukuzwa okuvela eZulwini. Yilokho kuphela nje. Ayikho indlela yokukuvimba. Kodwa uma uhamba ekudidekeni, khona-ke u—u . . . u—udideke kakhulu, noMoya uyadabukiswa; futhi asikufuni lokho, qhabo. Sifuna ukuza lapha sizokhonza. Sinamakhaya athandekayo, engizokhuluma ngawo, emzuzwini nje, nokunye nokunye; ekhaya, lapho esivakashela khona abangani bethu futhi sibathathe. Lena yindlu yeNkosi.

<sup>32</sup> Manje, kunabantwana abancane, manje, izingane ezincane. Manje, abazi kwehluka. Bona, indlela kuphela abangathola ngayo into abayifunayo, ngokuba bayikhalele. Futhi ngezinye izikhathi ngokuphuza amanzi, futhi ngezinye izikhathi badinga ukunakwa. Futhi ngakho sinakho, ngomusa kaNkulunkulu, sinikele ikamelo. Lalibizwa ngokuthi, ohlwini, yi “kamelo lokukhalela,” kodwa liqonde ngqo phambi kwami. Lona, ngamany’amazwi, lapho omama bengayisa khona izingane zabo.

<sup>33</sup> Manje, akukhathazi neze, mhlawumbe, mina lapha epulpiti. Mhlawumbe angeke ngikuqaphele ngisho, ngigcotshiwe. Kodwa kunabanye abantu behlezi eduzane, futhi kuyabakhathaza, niyabo, futhi beza lapha ukuzozwa inkonzo. Ngakho omama u . . . Ingane yakho encane iqala ukubibitheka; akukho ongakwenza ngalokho. Ngani, impela, yi . . . Ufanele, ufanele uyilethe. Umama wangempela ufuna ukuthatha ingane yakhe ayise endlini yokukhonzela, futhi yileyonto ofanele uyenze.

<sup>34</sup> Futhi sinekamelo lapho okulapho ongabona khona onke amakhona esakhiwo, lonke ihholo; nespikha lapho, okulapho

ungalawula khona ukuphakama nokwehla komsindo noma ngayiphi indlela ofuna ngayo; ne—nethoyilethe elincane ekugcineni, nobhesini wamanzi, nayo yonke into enamathuba afanele nje impela kamama. Nezihlalo nezinto, ungahlala phansi; indawo ukuba ushintshe ingane yakho, uma idinga ukushintshwa, nayo yonke into ihlezi lapho. Konke kulungisiwe.

<sup>35</sup> Bese kuthi-ke, izikhathi eziningi, abantwana abayinjejene futhi ngezinye izikhathi umuntu omdala, uyofika e... Niyazi, abantu abasha bayodlulisa amanothi, noma benze budlabha, noma okuthize, endlini yokukhonzela. Manje, usumdala ngokwenele ukwazi kangcono kunalokho. Niyabo? Ufanele wazi kangcono kunalokho. Uyabo? Awufanele uze lapha... Uma ubheke ukuba yindoda yangempela ngelinye ilanga, bese ukhulisa umndeni oya eMbusweni kaNkulunkulu, ngakho-ke uqalise ekuqaleni, uyabo, bese—bese wenza ngokuyikho futhi wenze okuyikho, futhi manje, kusobala.

<sup>36</sup> Manje, abangenisi uma emakhoneni ezakhiwo, nokunye nokunye. Futhi uma kukhona okuqhubekayo, ba—bagcotshiwe, njengomsebenzi wabo abawumiselweyo, nabaphatheli bahlala lapha ngaphambili, ukuthi odabeni lomunye ethola ukungaziphathi kahle, bayalwe ukuba bamcele umuntu ukuba ahlale ethule.

<sup>37</sup> Bese-ke, uma bengenakho lokho kuhlonipha, bekungangcono ukuba omunye futhi ubenesihlalo, ngoba ukhona omunye umuntu ofuna ukuzwa. Kunomunye umuntu ozela leyonhloso, ukuzozwa. Futhi yilokho esikukhona lapha, ngukuzwa iZwi leNkosi. Futhi ngakho wonke umuntu ufuna ukuLizwa, futhi ulifuna nje ngokukhulu ukuthula abangaba nakho. Nje ngokukhulu ukuthula abangaba nakho; lokho ngokuthi, hhayi isigejane sokuxoxa nokuqhubeka.

<sup>38</sup> Kusobala, umuntu ekhonza iNkosi, lokho kulindelwe. Yilokho okufanele kube yikho. Yilokho okukhona lapha, ngokukhonza iNkosi. Nje uma uzwa kuthi dumisa uNkulunkulu, noma umemeza, qhubeka nje ngqo, uyabo, ngoba yilokho okukhona lapha, uyabo, kodwa, ngokukhonza iNkosi ngendlela okungeyakho yokukhonza. Kodwa akukho—muntu okhonza iNkosi ngenkathi usaxoxa futhi wedlulisa amanothi, futhi usiza omunye umuntu ukuba aqhele ekukhonzeni iNkosi, uyabo, ngakho sibona sengathi lokho bekungaba yiphutha. Futhi sifuna ukwenza lokho kube ngumgomo ebandleni lethu, lokho enhlanganweni yethu yebandla, lokho, kulesisakhiwo, lendlu yokukhonzela izonikelwa eMbusweni kaNkulunkulu nasekushunyayelweni kweZwi. Khuleka! Khonza! Yingalesosizathu ufanele uze lapha, ukuzokhonza, ke.

<sup>39</sup> Bese kuthi-ke enye into, uma inkonzo isiphelile, ngokwejwayelekile abantu emabandleni... Angi—angicabangi

ukuthi kulapha, ngoba...Ngihlale njalo ngingekho, niyabo, ngoba ngiyaqhela.

<sup>40</sup> Ngokwejwayelekile, ngisho nasekushumayeleni ezinye izinkonzo, ugcobo luyafika, nemibono iyenzeka. Futhi ngikhandlekile, futhi ngiyasuka ngiyongena ekamelweni. Futhi mhlawumbe uBilly, noma abanye bamadoda lapho, bangithathe bangiyise ekhaya, futhi bangiyeke ngiphumule isikhashana, ngize ngiphume kukho, ngoba kungubunzima kakhulu impela.

<sup>41</sup> Futhi-ke ngiwabonile amabandla, nokho, lapho abantwana babevunyelwa ukuba bagijime yonke indawo engcwele, futhi-futhi abantu abadala bemi futhi bempongoloza ngale kwekamelu, bodwa. Leyo yindlela enhle yokona inkonzo eza ngalobo busuku, noma ngabe kungasikhathi sini. Niyabo?

<sup>42</sup> Ithi nje inkonzo ingakhishwa, nisuke ehholo. Seniqedile, ekukhonzeni-ke. Bese-ke niphuma bese nixoxisana, nanoma yini enifuna ukuyenza. Uma ninakho enifuna ukukuxoxa nomunye, uku-ukuba nibabone, awu, nihambe nabo, noma ekhaya labo, kumbe noma ngabe kuyini, kodwa ningakwenzi ehholo. Lokhu asikunikele kuNkulunkulu. Niyabo? Lena yindawo yaKhe yokuhlanganela, lapho esihlangana khona naYe. Niyabo? NoMthetho uyaphuma endaweni engcwele, kusobala. Futhi ngi-ngikholwa ukuthi lokho kungathokozisa kuBaba wethu waseZulwini.

<sup>43</sup> Bese kuthi-ke uma ufika, futhi uthola ukuthola ukuthi iziphiwo ziqala ukwehlela phakathi kwenu...Manje, ngokwejwayelekile ku...Ngizokwethemba ukuthi akuzose kwaba lapha; kodwa, uma abantu benebandla elisha, into yokuqala uyazi, inhlangano yebandla iqala ukuba nesitashi. Awufuni neze ukuba lokho kube njalo. Empeleni, lena yindawo yokukhonzela. Lena yindlu yeNkosi. Futhi uma iziphiwo zikamoya ziqala ukufika phakathi kwenu... .

<sup>44</sup> Ngiyaqonda, ukuthi selokhu ngihambile, ukuthi abantu uthuthule lapha besuka ezingxenyeni ezehlukene zezwe, ukwenza leli kube yikhaya labo. Ngiyabonga, ngibonga kuNkulunkulu, lokho, ngikholwa ukuthi... .

<sup>45</sup> Ukusa ngenkathi nginikela futhi ngibeka lelotshe legumbi lapho, njengensizwa, ngakhulekela ukuma kwalo ukubona ukuFika kukaJesu Kristu. Futhi ngenkathi ngikwenza, ngikweleta izinkulungwane zamadola, futhi ba... Wawungathatha umnikelo enhlanganweni yebandla elingaka futhi uthole uteti noma ufoti sente, nesibophu sethu sasilapha ekhulwini namashumi amahlanu, amadola angamakhulu amabili ngenyanga. Ngangiyoke ngikwenze kanjani na? Futhi ngangazi ukuthi ngangisebenza, futhi ngangingayikhokha kancane kancane. Ngi...Iminyaka eyishumi nesikhombisa yokwelusa ngingathathi nesente, kodwa nginikela yonke into enganginayo, qobo lwami, ngaphandle kokwami kokuziphilisa;



nakho konke lokho okungena ebhokisini elincane ngemuva, kuya eMbusweni kaNkulunkulu.

<sup>46</sup> Nabantu baprofetha futhi babikezela ukuthi phakathi nesikhathi esingunyaka liyophenduka igaraji. USathane wazama ukulisusa kithi ngesinye isikhathi ngecala, ekukhwabaniseni kwecala eliphambi kwenkantolo. Enye indoda yazisho ukuthi yalimala unyawo lwayo ngenkathi isebenza kulo, yase-ke iyaliyeka, kwase kuthi-ke...yase imangala futhi yayifuna ukuthatha itabernakele. Futhi amaviki ngama esikhundleni. Kodwa phezu kwakho konke ukungaqondi nezibikezelo, nalokho abakusho, limi namhlanje njengeline lamahhlo amahle ukwedlula onke namabandla akahle ukwedlula onke elikhona eUnited States. Kunjalo.

<sup>47</sup> Kusukela lapha kuhambe iZwi likaNkulunkulu ophilayo, emhlabeni jikelele, niyabo, emhlabeni jikelele; futhi njalonjalo lithathe umjikelezo waLo embulungeni yomhlaba jikelele, kusukela kuzo zonke izizwe eziphansi kweZulu, ngokwazi kwethu, ukuzungeza nokuzungeza umhlaba. Asibonge ngalokhu. Asibonge kakhulu ngalokhu.

<sup>48</sup> Namanje ngokuthi sesinendawo yokuhlala, uphahla phansi kwekhanda lethu, ehlanzekile, indlu yokukhonzela enhle ukuhlala kuyo, asizinikele thina kabusha emsebenzini esiwunikiweyo, futhi sizehlukanisele uKristu.

<sup>49</sup> NoMfowethu Neville, umfowethu odumileyo, umelusi ngempela, inceku kaNkulunkulu ophilayo. Ngokwazi kwaleyondoda uMlayezo, ibambelela kuWo, ngakho konke enakho. Kunjalo. Ingumuntu omnene. Yesaba kancane uku... Noma, hhayi ukwesaba; angiqondile lokho. Kodwa ikakhulu, imnene kakhulu kabi, ayikuzwakalisi nje, niyazi, njengoku-kusho into ebukhali nesikayo, noma, "Hlala phansi," noma, "Thula!" Ngi-ngikuyaphelile lokho, futhi ngalalela amateyipulu emva kwakho.

<sup>50</sup> Kodwa kwenzeka kanjalo ukuthi ngingakwenza lokho. Ngakho ngi-ngi... Futhi ngi-ngifuna niwakhumbule amazwi ami, niyabo. Futhi konke lokhu kuyateyishwa, niyabo. Yonke into iyateyishwa. Futhi, ngiyacela, wonke umdikoni akame endaweni yakhe yokugada, futhi nikhumbule ukuthi niphansi kokuthunywa okuvela kuNkulunkulu, ukubamba lesosikhundla singwele. Niyabo? Wonke umphatheli, okufanayo. Umelusi ufanele alethe...

<sup>51</sup> Akusiyo indawo yomelusi ukuba adingeke asho lokho. Ngabaphatheli...noma, ngiqonde abadikoni, ngokuba bangamaphoyisa ebandla. Lokho ngokuthi, uma abashadikazi abasha befika ngaphandle futhi bakhalise amahutha, futhi, niyazi, ukuthi ngokwejwayelekile benza kanjani, noma into efana naleyo, emihlanganweni, noma baphumele lapho. Nomama athumele intombazane yakhe ezansi lapha, bese

isuka iphume nomunye umntwana oyimbuka, bese igijimela phandle lapho emotweni, nonina ucabanga ukuthi isesontweni, kanjalo. Idikoni lifanele likubone lokho. “Kuphakathi kokuthi ungena lapha bese uhlala phansi, noma ngizokufaka emotweni yami bese ngikuyisa ekhaya kunyoko.” Niyabo? Wena, ufanele ukwenze lokho.

<sup>52</sup> Khumbulani, uthando luyaqondisa, niyabo, njalo. Uthando loqobo luyaqondisa, ngakho ufanele ukwazi ukumela ukuqondiswa. Futhi, omama, niyazi manje ukuthi kunendawo lapho yezingane zenu. Nina bantwanyana niyakwazi okwehlukile kunokwehla nenyuka esakhiweni. Niyabo? Nani bantu abadala nazi okwehlukile kunokuxoxa futhi niqhubeka nezingxoxo zenu ehholo. Niyabo? Ningakwenzi lokho. Akulungile. Akumthokozisi uNkulunkulu.

<sup>53</sup> UJesu wathi, “Kulotshiwe, indlu yaMi iyokwenziwa indlu yokukhonzela, umkhuleko. Ukuthi ibizwe kanjani ngendlu yomkhuleko, yizizwe zonke!” Futhi babethenga futhi bethengisa, futhi Weluka imichilo wayesexosha abantu baphuma ehholo. Futhi impela asifuni ukuba lokho kwenzeke kulendawo engcewele lapha. Ngakho, asinikele izimpilo zethu uqobo, ibandla lethu, imisebenzi yethu esiyinikiweyo, inkonzo yethu, nakho konke esinakho, eMbusweni kaNkulunkulu.

<sup>54</sup> Manje, manje ngifuna ukufunda eminye imiBhalo ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko wokuyinikela. Futhi—futhi, manje-ke, kungukuphind’ukuyinikela nje, ngoba ukunikela kwangempela kwenzeka eminyakeni engamashumi amathathu edlule. Manje e... Manje-ke, manje-ke njengoba si—sifunda lomBhalo futhi sixoxe ngaWo imizuzu embalwa, ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzosilethela izibusiso zaKhe.

<sup>55</sup> Futhi manje bekukhona enye into ebengizoyisho. Yebo. Lapha esasivame ukuba neziqophi khona, nokunye nokunye, sinekamelo lanjalonjalo lapho, lapho labo ofuna ukuthatha ukuqopha. Kunezixhumi eziyisipesheli, nayo yonke into lapho, okuvela ngqo embhojeni omkhulu, phakathi lapho.

Kunamakamelo, izingubo ezinde, yonke into yenkonzo yombhaphathizo.

<sup>56</sup> Bese kuthi-ke into eyodwa, abantu abanangi ubehlala njalo ephatheke kabi ngami, abantu abanangi abebengawazi ngempela umBhalo, mayelana nokuba nesiphambano esinesifanekiso sikakristu endlini yokukhonzela. Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi kwenzeka into ethize lapha mayelana nalokho. Ngangineziphambano ezintathu, nomfowethu wanyakaza konke ngoba wezwa elinye ihlelo lithi isiphambano esinesifanekiso sikakristu sasichaza iKatolika.

<sup>57</sup> Ngifuna esinye isitshudeni, noma omunye umuntu, noma omunye umKristu ozelwe ngokusha, ukuba asho ukuthi amaKatolika linokuziqokela esiphambanweni

esinesifanekiso sikakristu. Isiphambano esinesifanekiso sikakristu sikaKristu asimele bona ubuKatolika. Lokho kumele uNkulunkulu, uMbuso. Manje, abacwebileyo bamele ubuKatolika. Sikholwa ukuthi “munye uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, nalowo nguKristu.” Kodwa amaKatolika akholelwa kuzo zonke izinhlobo zabalamuleli, izinkulungwane zabesifazane nabesilisa, nayo yonke into; noma yiliphi iKatolika elihle, cishe impela, elifayo, liba ngumnxuseli. Manje, isiphambano esinesifanekiso sikakristu sikaKristu simele uJesu Kristu.

<sup>58</sup> Benazi yini amaKristu asekuqaleni, ngoko—komlando wasendulo webandla lasekuqaleni, ayethwala iziphambano emihlane yawo, noma eyaphi, ukukhombisa nokuzibandakanya kwawo njengamaKristu na? Manje, amaKatolika azisho ukuthi lokho kwakuyiwo. Kusobala, azisho ukuthi ayengowokuqala, kodwa ibandla eliKatolika lalingakahlelwa ngisho ngaleyonkathi. Niyabo? Kodwa amaKristu ayethwala isiphambano e... Nizwile abantu bethi, “ukuthwala isiphambano.” Nibhekise lokho kwiKatolika na?

<sup>59</sup> Yikatolika langempela, iBandla likaMoya oNgcwele lomhlaba wonke wezwe, kunjalo. Siyikatolika. Siyikatolika elingelokuqala, ikatolika elikholwa yiBhayibheli. Niyabo? Bayibandla, iKatolika, inhlango. Sikhululekile kulokho. Singukuqhubeka kweMfundiso yabaphostoli. Singukuqhubeka kombhaphathizo kaMoya oNgcwele nazo zonke izinto iBandla lasekuqaleni elazimelayo, nebandla eliKatolika alinazo. Niyabo?

<sup>60</sup> Ngakho, babeka isiphambano esinesifanekiso sikakristu lapha, esalethwayo, esagawulwa emthini womnqumo phansi kwalapho uJesu akhuleka khona. Leso yisiphambano sesifanekiso sikakristu esithathe iminyaka, futhi ngasinikwa nguMfowethu Arganbright. Futhi ngifuna ukusinikela kanye nalendlu yokukhonzela.

<sup>61</sup> Futhi sithokozeleka kanjani, lesa, noma ngabe ubani owasilengisa lapho. Angazi ukuthi kwakungubani, osilengisa lapha ngakwesokunxele sami—sami. Waxolela isela ngakwesokunene saKhe; lowo yimi.

<sup>62</sup> Futhi enye into esiyimeleyo, lapho ikhanda laKhe likhothama, njengoba nibona ukuhlupheka kwaKhe. Noma yibaphi abantu aba... Sibheke sengamele ialtare. Futhi Ulindele wena lapha, soni, futhi Uyobe ebheke phansi phezu kwakho. Kamuva bazoba nokukhanya okuncane kuhlezi lapha, ukuthi uma kwenziwa ukubizela ealtare, ukukhanya kuyobanekela kulokho, ukuthi uma abantu belapha nge... .

<sup>63</sup> Wena uthi, “Ukudingelani lokho na? Ubungafanele ube nomfanekiso.”

<sup>64</sup> Awu, manje-ke, uNkulunkulu ofanayo owathi, “Ungazenzeli nayimuphi umfanekiso oqoshiweyo,” uNkulunkulu ofanayo wathi, “Yakha amakherubi amabili bese uhlanganisa amaphiko awo ngamachopho, bese uwabeka esihlalweni somusa lapho abantu bekhuleka khona.”

Niyabo, ku—ku, ngaphandle kokuqonda. Niyabo?

<sup>65</sup> Ngakho, lokho kuphefumulelwe futhi kulengiswe ngqo endaweni yakho efanele. Futhi ngiyabonga kakhulu ngokuba yilowo ongakwesokunene. Ngithemba ukuthi Ungithethelele, ngokuba mina, maqondana nokweba noma yini kwangempela, ngokwazi kwami, angikaze ngikwenze empilweni yami; kodwa ngisisebenzise kakhulu ngokungafanele isikhathi saKhe ngaze ngayeba leyondlela. Futhi ngenze izinto eziningi ebengingafanele ngizenze. Futhi ngiyabonga kuNkulunkulu, kulokhu ukusa, ukuthi Uthethelele izono zami.

<sup>66</sup> Futhi manje ngifuna ukufunda eNcwadini yeziKronike zokuQala 17, futhi ngikhulume nje cishe imizuzu emihlanu ngenkonzo yokunikelwa, ngikhuleke, sizobeke sesingena eMlayezweni. Manje, kwiziKronike zokuQala, i—isahluko 17.

*Manje kwathi lapho, uDavide esehlezi endlini, uDavide wathi kuNathani umprofethi, Bheka, mina ngihlala endlini yomsedari, kepha umphongolo wesivumelwano seNKOSI uphansi kwezilenge.*

*Wayesethi-ke uNathani kuDavide, Yenza konke okusenhliziyweni yakho; ngokuba uNkulunkulu unawe.*

*Kepha kwathi ngalobobusuku, izwi leNKOSI lafika kuNathani, lathi,*

*Hamba utshele inceku yami uDavide...Hamba utshele uDavide inceku yami ukuthi, (njalo), Isho kanje iNKOSI ithi, Awuyikungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo:*

*Ngokuba Angihlalanga-ndlu kusukela osukwini Engakhuphula ngalo uIsrayeli kuze kube-namuhla; kodwa Ngangisematendeni, nasematabernakele ngamatabernakele.*

*Kanti Engihambahambe kuzo naye wonke uIsrayeli, ngake Ngakhuluma yini izwi nakoyedwa wabahluleli bakwaIsrayeli, Engabayala ukuba baluse abantu bami, ngathi, Aningakhelanga ngani indlu...?*

*Manje ngalokho uyakusho kanje e...uDavide uthi, Isho kanje iNKOSI yamabandla ithi, Mina ngakuthatha edlelweni, ekwaluseni izimvu, ukuba ube ngumbusi wabantu bami uIsrayeli:*

*Futhi Nganginawe nomaphi lapho wawuya khona, nganquma...izitha zakho phambi kwakho, ngakwenza igama njengamagama aba...khulu abasemhlabeni.*

<sup>67</sup> Ngithanda ukuthi, kulendawo, ukuthi—ukuthi uDavide wabona into efanayo esayibonayo. UDavide wathi, “Akulungile ukuthi nina bantu ningakhele indlu yomsedari, nomphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu wami usalokhu uphansi kwezilenge.” Lokho kwakuyizikhumba ezazikade zithungwe zahlanganiswa, zezimvu nezilwane. Wathi, “Akulungile kimi ukuba nekhaya elihle, nomphongolo wesivumelwano kaNkulunkulu wami ulokhu uhlezi etendeni.” Ngakho, uNkulunkulu wakubeka phezu kwenhliziyoy yakhe ukwakha itabernakele.

<sup>68</sup> Kodwa, uDavide, eyi—yindoda yo—yothando nokuzahlukanisela uNkulunkulu, nokho wayechithe igazi eliningi kakhulu. Ngakho wathi... uDavide, ekhuluma lokhu ebukhoni bomprofethi wangalowonyaka, okwakunguNathani. Futhi uNathani, azi ukuthi uNkulunkulu wayemthanda uDavide, wathi, “Davide, yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.” Inkulumo-mbiko enje pho! “Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe.” Nalobobusuku obufanayo... Kukhombisa ukuzehlukanisela kukaDavide othandweni lukaNkulunkulu.

<sup>69</sup> Bese kuthi-ke ukubona, ngabo lobobusuku, azi ukuthi wayesesiphosisweni, ukuthi wayengavunyelwe ukukwenza, uNkulunkulu wayenomusa ngokwenele ukuba eze ehle futhi akhulume kuNathani. Futhi ngangihlala njalo ngiwathanda lamazwi, “Hamba umtshale uNathani waMi... Hamba utshale uDavide inceku yaMi, ukuthi, ‘Ngakuthatha edlelweni.’” Nje, wayengelutho.

<sup>70</sup> Futhi ngi—ngithanda ukusebenzisa lokho lapha, umzuzu nje. “Ngakuthatha kokungelutho, futhi Ngi—Ngi—Ngikunika igama. Unegama njengamadoda amakhulu esemhlabeni.” Futhi ngithanda ukusebenzisa lokho nge—ngemfihlo, nokho nge—ngendlela yokwenza iphuzu. Bengicabanga ukuthi... .

<sup>71</sup> Eminyakeni embalwa edlule, mina ngimi ezansi edolobheni lapha, futhi akukho-muntu owayenginakekela. Akukho-muntu owayengithanda. Futhi ngangibathanda abantu, kodwa akukho-muntu owayengithanda, ngenxa yemuva lomndeni. Kungesikho ukwedelela umama wami nobaba abaligugu.

<sup>72</sup> Ngifisa kanjani sengathi umama wayengaphila ukuba ahambe kulendawo engcwele, kulokhu ukusa. Abaningi bezingwazi ezindala ababeka imali yabo ukusiza yakhiwe lapha, mhlawumbe uNkulunkulu, kulokhu ukusa, uzobavumela babuke bengine esibambelelweni.

<sup>73</sup> Kodwa umndeni wakwaBranham wawungenalo igama elihle kakhulu ngapha, ngenxa yokuphuza. Akukho-muntu owayefuna ukuzihlanganisa nami. Futhi ngiyakhumbula ngitshelela umkami kungekudala, khumbula nje ukuthi nga—ngangingakwazi

ukuthola noma ubani ukuba axoxe nami. Akukho-muntu owayenginakekela. Futhi manje sengize ngicashe, ukuba ngithole ukuphumula okuncane.

<sup>74</sup> Futhi manje iNkosi isinike lendawo enkulu, na—nalezizinto ezinkulu Ezenzile. Futhi Inginike i...Ngaphandle kwe—kwegama elibi, Inginika igama njengelamanye amadoda amakhulu. Futhi Ijuqule zonke izitha zami nomaphi lapho ebengiya khona. Akukaze kubekhona lutho oluma phambi kwaKho, lapho Okuye khona. Kodwa, futhi ngibonga kakhulu ngalokho.

<sup>75</sup> Futhi ngangiyoke ngazi kanjani; njengomfanyana omanikinikana enhla lapha, ibanga lezindlu ezintathu ukusuka lapha, ukuya eSikoleni iIngramville, ngenkathi ngiyinhlekisa yesikole, ngenxa yokuba manikiniki kakhulu, futhi ngishishiliza echibini elidala na? Ngaze ngazi kanjani ukuthi phansi ngaphansi kwalelochibi kwakulele imbewu yomnduze eyayingaqhakaza njengalena na? Futhi ngaze ngazi kanjani, ukuthi, kungekho-muntu oxoxa nami, kepha nokho Yayizonginika i—igama elalizohlonishwa phakathi kwabantu baYo na?

<sup>76</sup> Futhi, manje, uDavide akavunyelwanga ukwakha ithempeli. Wayengenakukwenza. Kodwa Yathi, “Ngiyovusa enzalweni yakho, futhi iyokwakha ithempeli, nalelothempeli liyoba yithempeli elingunaphakade. Futhi phezu kwendodana yakho, indodana kaDavide, kuyoba ngumbuso ongunaphakade; iyolawula.” USolomoni, indodana kaDavide ngokwemvelo, kusukela emandleni ayo okwemvelo, yakhela iNkosi indlu, ithempeli.

<sup>77</sup> Kodwa ngenkathi kufika iNzalo yangempela kaDavide, iNdodana kaDavide, Yabatshela ukuthi kuyofika isikhathi ukuthi kwakungeyikubakho-tshe elishiywa phezu kwelinye, lalélothempeli. Kodwa Yazama ukubakhombisa elinye ithempeli.

<sup>78</sup> UJohane, umambuli, ngale eNcwadini yeSambulo, walibona leliTabernakele. ISambulo 21, wabona, “IThempeli elisha liza, lehlela phansi livela eZulwini, lihlotshisiwe njengomlobokazi wayehlotsiselwe umyeni wakhe. NePhimbo livela eThempelini, lathi, ‘Bheka, iTabernakele likaNkulunkulu likubantu, noNkulunkulu uyakuba nabo, futhi bayosula zonke izinyembezi emehlweni abo. Futhi akusayikubakhona ukulamba, lungabe lusabakhona usizi, bungabe busabakhona ubuhlungu noma ukufa; ngokuba izinto zakuqala zidlulile.”

<sup>79</sup> Khona-ke iNdodana kaDavide yangeqiniso, njengoba sizobona kulezizifundo ezizayo kuleliviki, iyofika-ke eThempelini laYo, iThempeli likaNkulunkulu, iTabernakele langempela Eye ukuyolakha manje. Ngokuba, Yathi, kuJohane 14, “EKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi, futhi

Ngiyohamba...” Yayiqonde ukuthini ngalokho na? Selivele laziwa-phakade. “Futhi Ngiyoya ukunilungisela iNdawo, futhi ngiyobuya futhi, ukuba nginamukele kiMi uqobo.” Futhi, kusobala, siyazi lokho kuyoba soNyakeni omkhulu ozayo. NeNzalo kaDavide yangeqiniso iyothatha isiHlalo sobukhosi, enguJesu Kristu, futhi lapho iyobusa phezu kweBandla, njengoMlobokazi waYo, eNdlini naYo, naphezu kwezizwe eziyishumi nambili zakwaIsrayeli, iPhakade lonke.

<sup>80</sup> Nalezizindawo ezincane; njengoDavide, wayengenakulakha iTabernakele likaNkulunkulu langeqiniso, ngoba wayengakulungiselele ukukwenza. Yayingekho into ayengayenza. Wayengofayo, futhi wachitha igazi. Kunjalo nanamhlanje, kithi, asizimisele ukwakha iTabernakele likaNkulunkulu langeqiniso. Munye kuphela ongenza lokho, futhi Lisekwakhiweni kwaLo manje.

<sup>81</sup> Kodwa lelitabernakele elincane, ngokuhambisana nethempeli uSolomoni aMakhela lona, nangokuhambisana namanye, kuphela ayizindawo zesikhashana zokukhonzela kuze kufike isikhathi lapho iTabernakele langempela liyomiswa phezu komhlaba. “Nokulunga kuyobusa kusukela esibhakabhakeni kuya esibhakabhakeni. Futhi usizi alusayikubakhona.” Akuyikubakhom-ingcwabo eshunayelwayo kuleloTabernakele. Imishado ayisayikubabikho, ngokuba uMshado uyoba nguMshado owodwa omkhulu waPhakade. Kuyoba yisikhathi esimnandi kangaka pho!

<sup>82</sup> Kodwa asizimisele enhliziyweni yethu, namhlanje, ukuthi esikhumbuzweni futhi silindele leloTabernakele ukuba lifike, ukuthi sizozibumba kakhulu isimilo qobo lwethu ngoMoya waKhe, ukuthi sizokhonza kulendawo kube sengathi sasikuleyo enye iNdawo, silinde leyoNdawo ukuba ifike.

<sup>83</sup> Manje asime ngezinyawo zethu, futhi njengoba ngifunda umBhalo oNgcwele.

*Ngase ngibona amazulu elisha nomhlaba omusha:  
ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile;  
nolwandle alusekho.*

*...mina Johane ngabona umuzi ongcwele,  
iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwini  
kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi  
ohlotshiselwe umyeni wakhe.*

*Ngase ngizwa i...izwi livela ezulwini lithi, Bheka,  
itabernakele likaNkulunkulu likubantu, uyakuhlala  
nabo, futhi babengabantu bakhe, yena uNkulunkulu abe  
nabo, futhi abe nguNkulunkulu wabo.*

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

<sup>84</sup> Baba wethu oseZulwini, simi sinovalo. Simi ngenhlonipho nasenhloniphweni yokuzithoba eNgcwele. Futhi sicela Wena, Nkosi, ukuba wemukele isipho sethu, ukuthi Usiphe umusa, imali, ukuba silungiselele indawo yokukhonzela Wena. Akukho lutho, noma akukho-ndawo ebesingayilungisa phezu komhlaba, ebingafanela u—uMoya kaNkulunkulu ukuba uhlale phakathi. Kodwa sinikela lokhu kuWe njengophawu lothando lwethu nemizwa ngakuWe, Nkosi. Futhi siyaKubonga ngazo zonke izinto Osenzele zona.

<sup>85</sup> Futhi, manje, isakhiwo nezinkundla zingezinikelwe kudala, enkonzweni, futhi siyaKubonga ngezinkumbulo okube yikho. Futhi manje, Nkosi Nkulunkulu, njengoba umbono wabhoboka, eminyakeni eyadlula, uzwakalisa lokhu, ukuthi ngibone izakhiwo ezindala abantu ake abakuzo, futhi bezilungisiwe futhi zenziwa zaba zintsha, futhi ngabuyiswa ngaphesheya komfula.

<sup>86</sup> Manje, Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, simi njengabantu bomhlambi waKho. Simi njenga—nga—nga—ngabantu boMbuso waKho. Futhi kanye nami uqobo, nomelusi, nebandla, abantu, sinikela lesisakhiwo enkonzweni kaNkulunkulu uSomandla, ngeGama likaJesu Kristu, iNdodana yaKhe, sibe esenkonzozo kaNkulunkulu, nangenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho zikaNkulunkulu. Futhi kwangathi iVangeli lingageleza kanjalo kusukela kulendawo liyoze Libangele izwe ukuba lize livela emagumbini omane embulunga yomhlaba, ukubona iNkazimulo kaNkulunkulu iphuma kulo. Njengoba Wenzile esikhathini esedlule, kwangathi inkathi ezayo ingaba nkulu kakhulu izikhathi eziningi.

<sup>87</sup> Baba, manje sizinikela thina uqobo enkonzweni, ngeZwi, ngakho konke okuphakathi kithi. Nkosi, inhlango yebandla nabantu, bayazinikela, kulokhu ukusa, ekuzweni iZwi. Futhi thina, njengabefundisi, siyazinikela, “Ekushunyayelweni kweZwi; ukuba sibe ngabakhona manje kuyisikhathi, kungesikhathi; sisola, sikhuza ngakho konke ukubekezela.” Njengoba kulotshiwe lapho etsheni legumbi, kusukela eminyakeni engamashumi amathathu eyedlula. Wena wathi, “Kuyoba khona isikhathi siyofika lapho abantu bengayikuvuma isiFundo esiphilayo, kepha bayakuzibuthela abafundisi, benokubatswha yizindlebe; futhi baphenduke eQinisweni, baye ezinganekwaneni.” Nkosi, njengoba sizamile ukubamba iZwi liphumele kubantu, kwangathi singaphefumulelwa futhi siqiniswe ngomzamo ophindwe kabili. Nkosi, njengexenye ephindwe kabili kaMoya ugadla phezu kwendawo, kwangathi uMoya oNgcwele. . .

<sup>88</sup> Njengoba kwenzeka ngosuku lokunikelwa kwethempeli, ngenkathi uSolomoni ekhuleka; uMoya oNgcwele, esimweni seNsika yoMlilo neFu, kwangena ngomnyango ongaphambili, kwagingqikela phezulu ngakumaKherubi, kwawelega eNdaweni



eNgcwele futhi lapho kwathatha indawo yaKho yokuphumula. O Nkulunkulu! USolomoni wathi, “Uma abantu baKho besenkathazweni noma kuphi, babuke kuleNdawo eNgcwele futhi bakhuleke, khona-ke uzwe useZulwini.”

<sup>89</sup> Nkosi, kwangathi uMoya oNgcwele, kulokhu ukusa, ungangena kuzo zonke izinhliziyi, kuyo yonke imiphefumulo ehlukane ophakathi lapha. NeBhayibheli liyasho, ukuthi, “INkazimulo kaNkulunkulu yayinkulu kakhulu kwaze kwathi abefundisi abangakwazi ngisho nokukhonzisa, ngenxa yeNkazimulo kaNkulunkulu.” O Nkosi Nkulunkulu, makuphinde futhi njengoba sizinikela thina kuWe, nebandla, ekunikelweni kwenkonzo. Futhi kulotshiwe, “Celani, futhi niyokwemukela.”

<sup>90</sup> Futhi siyazinikela, nomnikelo wethu webandla, kulokhu ukusa, kuWe, ngenkonzo, ngeziNkanyiso zosuku lwamuva, ngeziNkanyiso zesikhathi sokuhlwa; ukuze silethe induduzo nokukholwa kubantu abalindile olindele ukuFika koMyeni, ukugqokisa uMlobokazi eVangelini likaKristu, ukuba iNkosi uJesu imemukele. Lokhu siyakunikela, qobo lwami, uMfowethu Neville, nenhlango yebandla, enkonzweni kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>91</sup> UDavide wathi, “Ngajabula lapho bethi kimi, ‘Masiye endlini yeNkosi.’” Futhi kwangathi ingaba nathi njalo, ukuthi, uma iphathwa, siyojabula ukubuthana endlini yeNkosi. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen.

<sup>92</sup> Manje, emva kwenkonzo encane yokunikelwa, nginehora manje.

<sup>93</sup> Futhi, manje, khumbulani nje manje ukuthi sizinikele kukuphi; enhloniphweni yokuzithoba, ubungcwele, ukuthula phambi kweNkosi, sikhonza phambi kweNkosi. Futhi nje nithobe ngakho konke eningakwenza, endlini yeNkosi. Futhi, manje, futhi uma inkonzo isiphelile, masinya emva kokuba inkonzo isikhishiwe, nisuke esakhiweni. Niyabo? Nalokho kunikeza umlindimnyango isikhathi sokungena lapha futhi ayihlanzele isikhathi esilandelayo, futhi ilungele. Bese kuthi-ke akusikho ukudideka endlini yeNkosi. Futhi...?... Ngicabanga ukuthi u...indawo izohlazwa cishe emizuzwini eyishumi nanhlanu emva kokuba izinkonzo isikhishiwe. Qinisekani ukuthi ninobungani. Nixhawulane nawo wonke umuntu, futhi nimeme wonke umuntu ukuba abuye.

<sup>94</sup> Futhi—futhi sibheke ukuba sibe nayo, kuleliviki elizayo manje, enye yezinkonzo ezinesizotha kakhulu impela eseyake yabanjelwa etabernakele. Siyilindele. Manje, ngi—ngi... akukaze kuntwele kimi selokhu into ethize...kuze kube yisikhathi eside, sesileyithi, amahora amancinyane izolo ebusuku, emkhulekweni, ngaqala ukubona into ethize. Ngakho,

ngithemba ukuthi lesi kuzoba yisikhathi esikhulu, engikholwa ukuthi kuzoba yiso, uma iNkosi izosisiza. Manje, manje, ngenkathi ngithi, “isikhathi esikhulu,” manje, ngizokhuluma ngento ethize ngalokho, kulokhu ukusa. Niyazi, lokho umuntu akubiza ngokuthi “kukhulu,” ngesinye isikhathi akukukhulu. Kodwa lokho uNkulunkulu akubiza ngokuthi “kukhulu,” umuntu ukubiza ngokuthi kungubuwula; nalokho uNkulunkulu akubiza ngokuthi “kungubuwula,” umuntu ukubiza ngokuthi kukhulu. Ngakho masikukhumbule lokho, sikale lonke iZwi.

<sup>95</sup> Manje, izinkonzo zinde. Ziyohoshwa, ngoba yinkonzo el’khuni, okuningi ukufundisa, ukwehlukaniselwa. Futhi nje ngi . . .

<sup>96</sup> Indawo engihlala kuyo, abantu bayazama nje, bafuna ukungondla nganoma yini, kodwa ngi . . . Bathi, “Awu, wehle kakhulu esisindweni, Mfowethu Branham, yonke into.” Kodwa kade ngisenkonzweni njalonjalo. Ngifanele ngisuke lapha ngeSonto elizayo ebusuku, ukuba ngiye kwenye, masinya impela, eMexico. Ngakho, kuyinto el’khuni nje. Ngakho, kodwa ngizama nje ukuyeka okuningi kakhulu ukudla, futhi—futhi ngizenze ngilungele.

<sup>97</sup> Futhi ngiyajabula, kulokhu ukusa, ukubona uMfowethu Junior Jackson, no—noMfowethu Ruddell, na—nabefundisi abehlukene, nokunye nokunye, macala onke. UNkulunkulu anibusise nonke.

<sup>98</sup> Manje ngi—ngifuna uku—ukukhuluma kini kulokhu ukusa phezu kwendaba enginamanothi athize abhalwe ngayo lapha. Futhi ngifuna ukufunda kuqala eNewadini kaIsaya, isahluko sa 53. Manje, nisaphenya kuyo, ngithanda ukwenza isimemezelo, noma ezimbili.

<sup>99</sup> Lokho, kulobubusuku, ngifuna ukukhuluma ngaleNcwadi, ngiYenze ibhuloho phakathi konyaka webandla wokugcina kuya ekuvulweni koPhawu. Manje, kunesikhala esikhulu kakhulu phakathi lapho.

<sup>100</sup> Futhi, ngaphambi, ngenkathi ngiphetha eminyakeni yebandla, ngakhuluma futhi lapho ngamasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli, masinya kukulandela, ngoba kwabophela phakathi. Ngase ngithi, “Manje, uma kuze kwenzeka ngathatha iziMpawu eziyisiKhombisa, ngiyofanele ngiwayeke lamasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli, ukuze ngibophele eziMpawini.” Ngishiya into eyodwa ivulekile, naleso kwakuyisahluko se 5, seNcwadi enanyathiselwe ngeziMpawu eziyisiKhombisa. Futhi sizothatha lokho kulobubusuku.

<sup>101</sup> Sifuna ukuzama kusephambi kwesikhathi kulobubusuku. Kanjani ngami . . . Senivele niyakuphatha, nikuphathile, niqale ngaphambi kwesikhathi na? [UMfowethu Neville uti, “Yebo.”—Umhl.] Kanjani mayelana nakho, wonke

umuntu angaba lapha cishe ngelesikhombisa nqo na? [Ibandla lithi, "Amen."] Kulungile. Asiqale inkonzo evamile ligamenxe elesithupha, inkonzo yamaculo, futhi ngizoba lapha ngelesikhombisa. Bese kuthi-ke iviki lonke sizokwenza ukuqala kwasekuqaleni. Futhi—futhi thina, manje, siza. . .

<sup>102</sup> Akukho-muntu othanda ukucula njengoba kwenza amaKristu. Siyakuthanda ukucula. Siyazithanda lezozinto.

<sup>103</sup> Kodwa manje si—sikwenye into manje. Si—siseZwini, niyabo, ngakho asi—asihlale naleLo ngqo manje. Sizohlala nalo. Si—sisekufundiseni. Futhi ningaqonda ukuthi kungubunzima obukhulu kanjani kimi, niyabo, ngoba, uma ngifundisa noma yini eliphutha, ngiyodingeka ngiphendule ngayo. Niyabo? Futhi ngakho angifanele ngithathe okushiwo noma ubani. Ngifanele. . . Kufanele kuphefumulelwe. Futhi ngikholwa ukuthi iziNgelosi eziyisiKhombisa, Ebambe lemiDumo eyisiKhombisa, zizosipha khona. Niyabo?

<sup>104</sup> Futhi manje kuIsaya, isahluko sa 53 sikaIsaya, ivesi 1, noma elesibili. Ngifuna ukubuza lombuzo.

<sup>105</sup> Manje, lokhu akumayelana neziMpawu eziyisiKhombisa, nhlobo. Lona nguMlayezo nje. Ngokuba, bengazi ukuthi bengizoba nokunikela, futhi angikwazanga ukuya kuLokho ngoba bengingeke ngibe nesikhathi. Kodwa ngicabangile, okwenkonzo encane nje eyokunikelwa, inkonzo encane yesikhumbuzo salelibandla, noma inkonzo encane engeyokunikela, njalo, bese be—be. . . singebekhona isikhathi-ke sokungena kulokho engifuna ukukusho, niyabo, kulokhu ukuvulwa kwaleNcwadi, ngakho ngizoyivula kulobubusuku. Futhi manje lena yinkonzo encane nje, e, i—izohlangana thaqa kahle phakathi naYo, nokho.

<sup>106</sup> Ngakho, manje, lalalani lonke iZwi. Libambeni. Futhi—futhi uma niLithatha emateyipini, kumbe noma yini, khona-ke hlalani ngqo nalokho kuFundisa kweteyipu. Ningasho lutho kuphela lokho okushiwo yileyeteyipu. Shono nje khona impela nje okushiwo yiteyipu. Uyabo? Manje, ngoba, ezinye zalezozinto, sizoqonda yonke inqwaba ngalokhu manje, ukuthi kungani Kungaqondwa kahle. Niyabo? Futhi niqiniseke, shono nje khona nje okushiwo yiteyipu. Ungasho lutho olunye. Niyabo? Isizathu, angizisholo Lokho ngesingami. NguYe oKushoyo, niyabo. Futhi izikhathi eziningi kakhulu, ukudideka, abantu bayasukuma bese bethi, "Awu, uS'bani-bani wathi Kwakusho ukuthi-nokuthi." Nje—nje kuyeKe ngendlela oKungayo.

<sup>107</sup> Niyabo, yileyondlela esifuna ngayo iBhayibheli. Indlela nje iBhayibheli eLikusho ngayo, yileyondlela esiKufuna ngayo, nje—nje kanjaLo. Ningafaki ukuhumusha okungokwenu kuKho. Sekuvele kuhunyushiwe, niyabo.

*Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo na? ingalo yeNkosi yembulelwa bani na?*

108 Ake ngikufunde futhi manje, ngokusondela.

*Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo na? (Umbuzo!)  
ingalo yeNkosi yembulelwa bani na?*

109 Ngamany'amazwi, "Uma nikukholiwe esikuzwileyo, khona-ke ingalo yeNkosi yembuliwe." Niyabo?

*Ngubani owakholwa ngesikuzwileyo na? ingalo  
yeNkosi yembulelwa bani na?*

110 Manje ngifuna ukufunda futhi eNcwadini yeVangeli likaMathewu oNgcwele, isahluko sa 11 sikaMathewu oNgcwele. Futhi, manje, lethani amaphepha enu nezinto, ngoba njalonjalo si... Uma ungenaso isiqophi, u—ulethe i... iphepha lakho ukuze sikuthole. Isahluko sa 11 sikaMathewu oNgcwele, amavesi 25 nelama 26, 11:26 nelama 27. Kulungile, uJesu ekhuluma, emkhulekweni. Ngifuna ukuqala kancanyanyana emva kwalokho. Asikwenze kube yivesi lama 25 nelama 26. Ngikholwa ukuthi yilapho engimemezele khona, nokho, ngokuba benginakho kumakwe lapha eBhayibhelini lami.

*Ngalelohora uJesu waphendula wathi, ngiyakubonga,  
O Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile  
lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi  
wawambulela izingane.*

*Yebo, Baba: ngokuba kuba kuhle kuwe ukuba kube-  
njalo.*

111 Bambani leyomiBhalo yomibili. "Ubani okholwe ngesikuzwileyo na? Futhi ingalo yeNkosi yembulelwa bani na?" "Ngisho kanjalo-ke uJesu wambonga uNkulunkulu ukuthi Wayezifihlile izimfihlakalo kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi azembule ezinganeni zona eziyofunda, ngokuba kwaba kuhle kuNkulunkulu ukwenza lokho." Manje, kulendikimba, noma ingqi- . . .

112 Kusukela ekufundweni kwalomBhalo, ngihosha lendikimba: *UNkulunkulu EZifihla EBululeni, Bese Ezembula KobuFanayo.* Manje, ngokwamateyipu ngilokhu ngiphindaphinda kanjalo, ngenzela amateyipu, niyabo, ngoba baya—bayaKuteyipa. Niyabo? *UNkulunkulu EZifihla EBululeni, Bese Ezembula KobuFanayo.*

113 Kuyaxaka ukucabanga ukuthi uNkulunkulu uyenza kanjani into enjengaleyo. UNkulunkulu uyoZifihla entweni elula kabi eyobangela abahlakaniphileyo ukuba bakugeje ngamamayela ayisigidi; bese-ke ejika ebuyela emuva ngqo, kulokho, enye into elula ebululeni bendlela yaKhe yokusebenza, abuye aphume aZembule ngqo futhi. Bengicabanga ukuthi kwenze i—indikimba, ukuze sitadishe lokhu ngaphambi kokuba singene e—eziMfundisweni ezinkulu zeziMpawu eziyisiKhombisa. Abaningi bayaMgeja ngendlela AZembula ngayo.

114 Manje, abantu unemibono yabo ngalokho uNkulunkulu afanele ukuba yikho nokuthi uNkulunkulu uzokwenzani. Futhi njengoba ngenze isitatimende esidala izikhathi eziningi, ukuthi, umuntu usalokhu engumuntu. Umuntu njalo unika uNkulunkulu udumo ngalokho Akwenza, futhi njalo ubheke phambili kulokho Ayokwenza, futhi enganaki lokho Akwenzayo. Niyabo? Niyabo? Yingaleyondelela abakugeja ngayo. Babuka emuva futhi babone ukuthi kuyinto enkulu kangakanani Akwenzile, kodwa bayehluleka ukubona ukuthi kuyinto elula kanjani Ayisebenzisa, ukuyenza ngakho. Niyabo? Bese-ke bebheka phambili futhi babone into enkulu ezayo, ezokwenzeka, futhi, ngokuphindwe kasishiyagalolunye kokuyishumi, sekuvele kuyenzeka ngakubo ngqo. Futhi kulula kabi ngangokuthi abakwazi. Niyabo?

115 Ngolunye usuku, i—indoda enhla lapha eUtica... Futhi uma abanye babantu bakubo elapha, angikusho lokhu nganoma yikuphi—nganoma yikuphi ukudalula indoda ngokuba yishinga. Yayiyi—yiqhawe elidala leMpi yoMbango. Futhi ngikholwa ukuthi yayi... Angazi ukuthi yayingakuliphi icala, kodwa ngikholwa ukuthi yayinguMshokobezi. Kodwa, ya—yayingumphikinkolo, futhi yayisho ukuthi yayingekho into okuthiwa nguNkulunkulu. Yayakhe eUtica. Igama layo kwakunguJim Dorsey. Abaningi benu bantu bangahle ukuba babemazi.

116 Ungiphe amaningi ikhabe, ngenkathi ngisengumfo omncane. Wayevame ukutshala amakhabe ezansi phezu komfula, e—ekugcineni phansi lapho. Futhi wayengumngani impela kubabayi wami. Kodwa wathi, ngolunye usuku, enye yezinto ezinkulu ezigqamile eyake yashiwo kuye, ngokuphambana. Manje, ngangisengumfanyana nje ngalezozinsuku. Kodwa, ngokuphambana nenkolelo yakhe, okwambangela ukuba asuke ahambe futhi agobise ikhanda lakhe futhi akhale. Futhi ngakuqonda lokho, ngalokhu, indoda ngokuhle kakhulu yaphendukela kuKristu ineminyaka cishe engamashumi ayisishiyagalombili—nanhlanu ubudala.

117 Wabuza intombazanyana, ngolunye usuku, eyayivela kuSonto sikole, ukuthi kungani yayichithe isikhathi sayo ngokwenza into enjengaleyo na? Yathi, ngoba yayikhulwa ukuthi wayekhona uNkulunkulu. NoMnu. Dorsey washo ukuthi, wathi, “Mntwana, unephutha kakhulu, ukukholelwa entweni enjengaleyo.”

118 Futhi wathi intombazanyana yagoba yase ikha i—imbali encane e... emhlabathini, yayingcothula ezigcebani zembali, yase ithi, “Mnu. Dorsey, ungangitshela ukuthi lokhu kuphila kanjani na?”

119 Kwaba lapho-ke. Ngenkathi eqala ukuhlolisisa emuva, wayengathi kumntwana, “Awu, imila emhlabeni.” Bese kuthi-

ke imibuzo yayingaphenduka ihlehle, “Umhlaba wavelaphi na? Leyombewu yafika kanjani lapha na? Kwenzeka kanjani na?” Kuqhubeke, njalonjalo, njalonjalo, futhi kuhambe njalo kubuye aze abone. Niyabo?

<sup>120</sup> Akusizo izinto ezinkulu ezikhangayo esicabanga ngazo, kodwa kuyizinto ezilula uNkulunkulu anguye kakhulu ngempela kuzo, ubulula. Ngakho, kuyamthokozisa uNkulunkulu ukuba Azembule, bese-ke Ezifihla; bese Ezifihla, futhi Azembule, kwezilula, izinto ezincane. Ku—kubekwe ngaphezulu phezu kwekhanda lomuntu.

Ngoba, uma ubungathi, “Kungani uNkulunkulu olungileyo enze lokho na?”

<sup>121</sup> Yingoba lowomuntu wenziwa, ekuqaleni, ukuba angazami ukuzigudlukela. Umuntu wenziwa ukuba athembele ngokupheleleyo kuNkulunkulu. Yingalesosizathu sifaniswa namawundlu, noma izimvu. Imvu ayikwazi ukuzihola; ifanele ibe nomholi. NoMoya oNgcwele ufanele ukusihola. Ngakho, umuntu wenziwe ngaleyondlela.

<sup>122</sup> NoNkulunkulu wenza konke okwemisebenzi yaKhe kube lula kakhulu, ukuze olula akwazi ukukuqonda. NoNkulunkulu Uzenza abe lula, kanye nolula, ukuze aqondwe ngolula. Ngokunye, Wathi, kuIsaya 35, ngiyakholwa. Wathi, “Nakuba kuyisiwula, asiyikweduka kuyo.” Kulula kabi!

<sup>123</sup> Futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu mkhulu kakhulu, size sikulindele ukuba ngenye into ethize enkulu, futhi sigeja into elula. Sikhubeka phezu kobulula. Simgeja kanjalo-ke uNkulunkulu, kungokukhubeka phezu kobulula. UNkulunkulu ulula kakhulu kuze kuthi izifundiswa ezinkulu zalezizinsuku, nazo zonke izinsuku, ziMgeje ngamamayela ayisigidi. Ngoba, ezinhlananiphweni zazo, ziyazi ukuthi ayikho into enjengaYe, mkhulu kakhulu; kodwa, esambulweni saKhe, Usenza sibelula kakhulu zihamba ziyothi ngqu zeqe ngaphezu kwaso futhi zisigeje.

<sup>124</sup> Manje, kutadisheni Lokho. Kutadisheni Konke. Nani bantu enivakashe lapha, uma niya emakamelweni enu asehhotela labahamba ngezimoto, thathani lezozinto futhi nizindle ngazo. Asinaso isikhathi sokuKuhlaziya njengoba Kufanele ukuhlaziywa, kodwa ngifuna nikwenze uma senifika ehhotela labahamba ngezimoto, noma ehhotela, kumbe noma yikuphi lapho nihlala khona, noma ikhaya. Hlanganani ndawonye futhi niKutadishise.

<sup>125</sup> BaMgeja ngendlela AZembula ngayo; ngokuba Mkhulu kakhulu, nokho, Uzifihla ebululeni, ukuba Azazise kwabancinyane. Niyabo? Ningazami ukuthola okukhulu, ngoba Ukweqa ngaphezulu. Kodwa lalelani ubulula bukaNkulunkulu, khona-ke nithola uNkulunkulu khona lapha ngendlela elula.

126 Abaphucuke kakhulu, ukuhlakanipha kwezwe, ofundile, njalo uyaMgeja. Manje, angikho lapha...Futhi ngiyazi kunothisha besikole, ababili noma abathathu, engaziyo ngabo, behlezi phakathi lapha. Futhi angikho lapha ukuphambana nesikole nemfundo, futhi ngizame ukusekela ukungafundi nokubhala. Angikho lapha ngalokho. Kodwa, okuyikho, abantu babeke kakhulu okuningi kakhulu phezu kwalokho sebeze ba, ngisho nasemakholiji nokunye nokunye, bageja yona impela into uNkulunkulu ayibeke phambi kwabo.

127 Yingakho ngingamelene nabazalwane abasemahlelweni, kodwa ngimelene nenqubo yamahlelo, ngoba lizama ukuzidumisa, futhi—futhi—futhi lifundisa abefundisi balo endaweni *ethize-thizeni*, kuze kuthi, uma bengenakho ukufundiswa kwasesikoleni nemfundo okufanele, bayaxoshwa. Futhi—futhi bafanele bamele ukuhlolwa yisazi sezifo zengqondo, nokunye nokunye. Angikaze ngicabange ukuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukuhlola umfundisi ngesifo sengqondo, kodwa ukumhlola ngeZwi. Niyabo? Beku—ku—kungaba yindlela kaNkulunkulu yokuhlola umuntu waKhe Amthumileyo, ukuba neZwi.

128 “Shumayela iZwi!” Manje, namhlanje sishumayela ifilosofi ukuzibamba ngomoya ophansi, sishumayela isivumokholo nobuhlelo, nezinto eziningi kakhulu, futhi sishiye iZwi, ngoba bathi Lingeqondwe. Linqondwa. Wethembisa ukukwenza. Manje sicela Yena ukuba akwenze.

129 Manje sizothatha abalingiswa abambalwa lapha imizuzu embalwa.

130 Ake siqaphele emhleni kaNowa. Usuku lukaNowa, uNkulunkulu ubone ukuhlakanipha kwezwe kugcizelelwe kakhulu impela futhi kuhlonishwa, Wathumela umlayezo olula ngomuntu olula, ukubakhombisa ubukhulu baKhe.

131 Manje, siyazi ukuthi ngosuku luka—ka—kaNowa, bazisho ukuthi impucuko yayinamandla kakhulu, ngaleyonkathi, ngangokuthi asikaze sifinyelele kuleyondawana namanje, empucukweni yethu yesimodeni. Futhi ngikholwa ukuthi kuyothi ekugcineni kufinyelelwe kuyo, ngoba iNkosi yethu yathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Yanikeza ezinye iziboniso.

132 Futhi bakha isivivane nekhanda elikhulu lebhubeleli eliqoshwe ngetshe lapho eGibhithe, futhi bakha izinto ezinkulukazi thina esingenamandla, namhlanje, ukwakha ezinjalo ngawo. Babenoku—ku—kugqumisa, ukuthi babekwazi ukugqumisa umzimba, ukuwenza ubukeke unokwemvelo kakhulu ngangokuthi usahlezi nanamhlanje. Thina singeke. Singeke senza isidumbu esomisiwe ukuze silondolozwe namhlanje. Asinazo izinto zokusenza ngazo. Babenemibala e—ebambelela iqine nqi, iminyaka eyizinkulungwane ezine noma

ezinhlanu eyadlula, usalokhu uhlezi ungumbala ofanayo nje owawunjalo. Niyabo? Asinayo enjengaleyo namhlanje.

133 Nezinto eziningi ezinkulu zaleyompucuko kukhuluma ngobukhulu bayo phezu kwempucuko yethu yesimodeni. Futhi ngakho ungazibonela ukuthi ikanjani imfundo nesayense, yezimpawu ezinjalo esisasele nazo, ukuthi kwakukhona impucuko enjalo. Ku—kufanele ukuthi kwakuyimpucuko enkulu kanjani, awu, lezizikhumbuzo, ukuthi yayikanjani isayense ne—nempucuko yesimodeni nemfundo ya—yayi—yingefanele kubantu. “Bafanele. Yayifanele.” Kwakul’khuni ukuba nayo, ngiqagele, noma yikuphi ukungafundi nokubhala phakathi kwabo, nhlobo.

134 Futhi ngakho, uNkulunkulu, ehlolisisa ngalezo zokuphatha ezinkulu ngalolosuku, ezinqubweni zabo, wayengeke, mhlampe, athole uhlobo olufanele lomuntu, waze Wathola ongakwazi ukufunda nokubhala, mhlawumbe, umlimi ogama linguNowa, umelusi wezimvu. Futhi Wamnika umlayezo waKhe ukuba awushumayele kubantu, lowo wawulula kakhulu, olwazini-nzulu lwabo—lwabo lwangalolosuku, abantu baze bakhubeka phezu kobulula bomlayezo. Futhi, nokho, umlayezo wawungukuthi, ebusweni besayense, “Umbhedukazwe! Yayingaba khona kanjani imvula ezibhakabhakeni, ibe yayingekho imvula phezulu lapho na?” Niyabo? Nomlayezo olula wo—wokwakha umkhumbi, ukwakha into ethize ukungena kuyo, ukuthi akukho-manzi wokuwuntantisa. Ngani, uba wuhlanya. Futhi uba yi—yi—yi—yi. . . ebesingakubiza ngokuthi, uma nizoxola ngesisho sanamhlanje, ngu “muntu oyinqaba.”

135 Futhi cishe bonke abantu bakaNkulunkulu ba “ngumuntu oyinqaba,” niyabo. Banguye. Ngiyajabula ukuba ngomunye wabo. Ngakho, niyazi, ba—bahlukile emkhondweni we—wesimodeni sempucuko, ngakho babayingqaba, abaxakile. Wathi abantu baKhe waye “Ngabantu abazuziweyo, abayingqaba, abaxakile; kodwa ubupristi bokomoya, isizwe sobukhosi, benikela ngemihlatshelo yokomoya kuNkulunkulu, izithelo zezindebe zabo, benika udumo eGameni laKhe.” A—abantu abanje pho! Unabo.

136 Futhi qaphelani, manje, kufanele ukuthi kwakuyinto enkulu kanjani ngalolosuku, ukuba olunye uhlanya luphumele ebandleni; uhlanya, futhi lushumayela ivangeli elalibonakala liphume laphela emgqeni, endleleni yabo yokukholwa. Nososayense, “Ngani, ku—kwakungubuhlanya nje.” Ukuthi babengafakazisa kanjani ngokwesayense ukuthi kwakungekho-mvula lapho!

137 Kodwa lomelusi wezimvu olula wakholwa, “Uma uNkulunkulu wayethe lalizokuna, lalizokuna.” Niyabo?

138 Futhi ngakho qhathanisani nje lokho nenamhlanje, mayelana nomunye umuntu ephiliswa. Bathi, “Kuyidlingozi



kuphela. Ngingafakazisa ngokwesayense kini ukuthi umdlavuzwa, noma utho, noma—noma—noma into iselokhu ilapho.” Kodwa, ekholweni elilula, ayisekho. Niyabo? Ngoba, alibheki utho, libheka isithembiso, ngokufanayo nje njengoba kwenza uNowa.

<sup>139</sup> Ngakho aniboni yini, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNnodana yomuntu”?

<sup>140</sup> Ngokwesayense, akukho-muntu... Udokotela ubengathi, “Buka lapha, isigaxa sakho siselokhu sikhona. Umdlavuzwa wakho usele. Ingalo yakho ikhubazeke njengoba yayilokhu injalo. Uyahlanya.”

<sup>141</sup> Futhi, khumbulani, lowo ngumoya ofanayo wasemihleni kaNowa, owathi, “Akukho-mvula phezulu lapho. Singaciba inyanga ngamathuluzi, futhi akukho-mvula lapho.” Kodwa uma uNkulunkulu ethe kuyobakhona imvula lapho!

<sup>142</sup> “Ngokuba ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Nokukholwa kuthatha indawo yakho yokuphumula yokugcina eZwini likaNkulunkulu. Yilapho okuthola khona indawo yakho yokuphumula. Niyaqonda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Indawo yokuphumula kwakho iseZwini likaNkulunkulu.

<sup>143</sup> Yilapho uNowa akuphumuza khona, “UNkulunkulu usho njalo.” Lokho kwakuxazulula. Manje uma niqaphela futhi, manje-ke, manje, uNowa, ekukholweni okunjalo, wayewuhlanya.

<sup>144</sup> Nabantu banamhlanje abakholelwayo embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Manje, ibandla lithi, “Lababantu bayizinhlanga. Abayilutho kodwa isigejane esisetshenziwe, esinamadlingozi, abantu abaphaphazelayo.” Kodwa bazi kancane ukuthi iZwi likaNkulunkulu lifundisa lokho. Yisithembiso.

<sup>145</sup> Futhi, kuNowa, akunandaba ukuthi babesho kangakanani, “Ikhehla lalisangene ingqondo; ukuthi lalinephutha ngokwesayense; futhi—futhi—futhi, ngokwengqondo, lalinephutha.” Kodwa, kuNowa, kwakuyiZwi leNkosi, noNowa wahlala nalo. Nabahlakaniphile nabanokuqonda bakhubeka phezu kobulula balo, futhi balahlekelwa ngububona. U—u—ukusolwa okunje manje, okuyikho, kulesosizukulwane!

<sup>146</sup> Abantu abaningi bathi, “Ukuba ngangiphile emuva lapho!” Qhabo, wawuyothatha isimo esifanayo. Ngoba, namhlanje, kuyo impela into efanayo iphinde ikhiqizwa futhi namhlanje, kuphela kwesinye isimo, bakhubeka phezu kwaYo namhlanje njengoba nje benza ngaleyonkathi.

<sup>147</sup> Akungabazeki, ngalezozinsuku, babenenqwaba yabashumayeli, kodwa uNowa wayephefumulelwe nguNkulunkulu. Futhi uNowa wayengabuka phandle

bese ebona lokho okwakuzokwenzeka, futhi azi ukuthi isizukulwane esiphingayo nesibi, njengaleso, ukuthi uNkulunkulu wayengezokusivumela sime. Ngakho singenzani, namhlanje, kodwa ukubona into efanayo! ISodoma neGomora lesimodeni, niyabo, ababi, abantu abaphingayo, bephucuzeke kakhulu enzulwinilwazi ukuthi bakhubeka phezu kobulula bokuzibonakalisa kukaNkulunkulu boBuYena neZwi laKhe, ekhombisa iZwi laKhe.

148 Akukho-muntu ezweni, Rosella, o...noma, futhi—futhi ongasho ukuthi—ukuthi asiboni ngathi lona impela iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Sona impela isithembiso sezinsuku zokugcina, zona impela iziNkanyiso zakusihlwa ebizokhanya, singabantu abanenhlanhla ukubona lokho. Futhi, lapho, izwe eliphucuke kakhulu, kufihliwe kubo. UJesu wathi kuNkulunkulu, uBaba, Wathi, “KwaKuthokozisa ukukufihla kubo. Yebo, Baba, Ukufihlile.” Makuthi bona, nokuhlakanipha kwabo. . .

149 Niyabo, kwakungukuhlakanipha okwaqala ukugingqika kwebhola enkucunkcwini yesono, ekuqaleni; ngokuba uEva wayefuna ukuhlakanipha ngenkathi edibana noSathane, futhi uSathane umupha khona, niyabo. Futhi ukuhlakanipha kuphambene neZwi. Asicelwa ukuba sibe nokuhlakanipha. Sicelwa ukuba sibe nokukholwa kulokho osekuvele kushiwo. Ngakho, niyabo? Kodwa, namhlanje, izifundiswa ezinkulu ziyaLipholisha ngaleyondlela enjalo, bese ziLibeka laphaya, zibeke okungokwazo ukhumusha kuLo, njalo zinakho. Zenza into efanayo namhlanje; kusesilinganisweni esifanayo. Manje, abantu, kodwa i. . .

150 Noma, abantu bakugeja-ke, njengoba nje bekugeja futhi bekwenza namhlanje. Into efanayo. Benza into efanayo. Ngokuba, ba...Ngesizathu abakugeja ngaso, ngokuba babehlakaniphe kakhulu ukuba bakukholwe. Niyabo? Manje, umlayezo wawulula kakhulu, ngangokuthi isihlakaniphi sasihlakaniphe kakhulu ukuba sikhholwe ngubulula bomlayezo. O, he! UNkulunkulu wawenza waba lula kakhulu, eQinisweni, ngangokuthi isihlakaniphi nezihlakaniphi zageja ukuwubona, ngoba wawulula kakhulu. Awu, yilokho okwenza ubukhulu bukaNkulunkulu bube bukhulu kakhulu; ngoba, ngokuba ngomkhulu kunabo bonke, Angazenza abe lula.

151 Abantu namhlanje, bekhombisa ukuthi abasibo abakaNkulunkulu, bakhulu futhi bezama ukuthola ukuba bakhulu kunabanye, futhi bezizwakalisa ukuba bakhulu kunabanye, futhi, “UmBhishobhi oMkhulu, uDokotela onguPhapha oCwebileyo,” yonke into, bezenza into ngempela abangesiyo. Futhi uNkulunkulu, emkhulu kakhulu, Uzehlisa kalula. Ubulula bungubukhulu.

152 Singakha indiza eyijeti, singadubula umcibisholo ovuthayo e...e...noma sibeke u—u—umcibisholo ojikijelwayo imizayili emkhondweni wokuhamba kwenkanyezi. Futhi singenza zonke lezizinto, nokho, kodwa singeke sakha nelilodwa idlebe lotshani. Ehhe. Amen. Nithini ngalokho na? Kodwa esikhundleni sokuzama ukubuya futhi sibone ukuthi yini eyenza lobotshani, futhi semukela yena impela uNkulunkulu owadala utshani, sizama ukwakha umcibisholo ojikijelwayo imizayili oyofika lapho masinya kunanoma ngubani omunye umuntu ongakha owodwa. Niyabo?

153 Sikhali phe kakhulu futhi sihlakaniphile, emabandleni ethu, ngangokuthi singakha isakhiwo samadola ayisigidi, noma isakhiwo samadola ayizigidi eziyishumi, kodwa, nokho, nokuzama ukwakha esisodwa esingcono kuneMethodisti, noma iBaptisti yakha esingcono kunamaPresbyterian, nePentecostal ingene emjahweni wamagundwane. Kodwa into yakho ingukuthi, yilokhu; thina si, nokho, sihlakaniphile kakhulu futhi sihlezi kakhulu ezindleleni zethu size sehluleke ukuzithoba ukuqonda uNkulunkulu osemishini encane ekhoneni. Niyabo? Kunjalo. Awu, lokho ngukuthi, sihubeka ebululeni. Bebelala njalo bekwenza.

154 Manje, bona, babe—babehlakaniphile kakhulu ukukholwa umlayezo olula njengalowo. Wawungapholishekile ngokwenele ngezicwaningo zabo zesayense ababenazo. Wawunga—wawungakhaliphile, umlayezo wawungenele, ngokohlelo lwabo lwezemfundo ababenalo ngalolosuku. Niyabo? Babetadishela ukwazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, futhi batadishela ukwazi ukuthi Wayemkhulu, futhi bazama ukuzakha benyuke babe bakhulu naYe. Kanti, indlela eya phezulu njalo iphansi.

155 Manje, ubani owaziyo noma iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho yiNyakatho, noma iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu yiNyakatho; noma iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho yiNingizimu, iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu yiNyakatho na? Yikuphi okusenhla futhi yikuphi okusezansi na? Silenga emkhathini. Sithi, “iNdawo esekugcineni komhlaba ngaseNyakatho kusenhla.” Wazi kanjani na? iNdawo esekugcineni komhlaba ngaseNingizimu ingahle ibe yiNyakatho. Niyabo, anazi. Ngakho asikhumbule, naleliZwi...

156 Uthe, “Manje—ke ubungasho kanjani, Mfowethu Branham, ukuthi, ‘Iphezulu liphansi na?’”

157 Ngezisekelo zeZwi likaJesu Kristu! Wathi, “Ozithobayo uzakuphakanyiswa, kodwa oziphakamisayo uzakuthotshiswa, ehliswe.” Ngakho manje—ke, empeleni, iphezulu liphansi, nephansi liphezulu.

158 Njengoba ongcwele omdala asho eChicago, ukuthi... Umuntu, umfundisi othize wasenhlanganweni ethize, wasukuma

phambi kwamanye amaPentecostal. Wayenazo zonke izinto zakhe zokuhlakanipha zindawonye. Wasukuma lapho wayesesebenzisa amazwi amaPentecostal ayengazi lutho ngawo, wayesenyukela lapho, futhi wayesebona ukuthi kwakungaweleli kubantu bamaPentecostal. Wayesenyuka, eqhunsule isifuba sakhe, futhi wayengu “Dokotela *S'bani-bani* ongcwele,” niyazi, wasesikoleni esikhulu *esithize-thizeni* lapho eChicago. Wayeseqalaza, nalawomaPentecostal lalibukana lodwa. Ayengazi ngisho nokuthi wayekhuluma ngani; wayefunde kakhulu, ehlakaniphe kakhulu, ekhaliphile. Ayengazi.

<sup>159</sup> Kwakuyinto efana njengosigele othize, noma indoda esanda kungenela nje ukuba ngumongameli futhi yehlulwa. UTuck Coots wangitshela. Ngenkathi ngishumayela umngcwabo kaMama Ford, futhi ngangisho mayelana nokuvuka, ukuqinisekisa kokuvuka, “Njengoba impela nje ilanga liphuma, ngiyovuka kanjalo. Njengoba impela nje utshani bufa eKwindla, necembe liwohloke esihlahleni, libuye libuye futhi. Uma umhlaba usuziqondisa wona ngokuzungeza umkhondo, lizofanele livuke futhi.”

<sup>160</sup> UTuck wathi, “Ngiwuthokozele lowoMlayezo, Billy.” UMFowethu Neville nami sasihlezi ndawonye emotweni. Ngase ngithi, “Tuck . . .” Wathi, “Ngiyayithokozela imiLayezo yakho.”

Ngathi, “Tuck, anginamfundo,” ngasho.

Wathi, “Yileyongxene enhle ngakho.” Niyabo?

<sup>161</sup> Futhi, manje, wathi wahamba ukuyobona . . . Awu, ngiqagele indoda iyangithethelela, angiqondile . . . uAdlai Stevenson, niyazi. Futhi wathi wamuzwa imizuzu eyishumi nanhlanu. NoMnu. Stevenson uyisikhulumi esikhaliphe ngempela, ufanele ukuba njalo, niyazi, kwaze kwathi uTuck wathi . . . Ngiqagele unemfundo yasekholiji. Wathi wahlala lapho wayeselala. Wayesethi walala, emlalele, emizuzwini eyishumi nanhlanu. Kodwa wathi, “Nemfundo yasekholiji, angiqondanga kodwa amazwi ambalwa impela awasho; ayepholishwe ngokuphakeme kakhulu.” Wathi, “Awukaze ungibone ngilala kwenye yezinkonzo zakho, wake wangibona, Mfowethu Branham na?”

<sup>162</sup> Ngakho, niyabo, ngubulula baLo, lilula nje, yilapho-ke uNkulunkulu elele khona.

<sup>163</sup> Manje, babe—babehlakani phe kakhulu, ngalolosuku, ukubamba incazelo yendlela kaNkulunkulu elula yokwenza izinto. Lalingapholishelwe bona. Lifanele lipholishwe, Lifanele lipholishwe imibala ngokuphakeme, kungenjalo bayaligeja. Manje, kodwa, uJehova omkhulu wafihlwa eZwini laKhe. Futhi WaZazisa kubantu ababekholelwa eZwini laKhe, ngokubasindisa, nokufezekisa umlayezo olula. Umlayezo olula kaNowa, uNkulunkulu wawufezekisa. Manje kuqapheleni lokho.

164 Manje, manje-ke, futhi osukwini lukaMose, qaphelani esinye isikhathi sokukhululwa.

165 Nxa uNkulunkulu nje esezokwenza into ethize ukukhulula abantu baKhe, uNkulunkulu uthumela uMlayezo kubantu. Futhi, Ulula kakhulu, njengoba sizobamba ekwepfulweni kwaleziziMpawu. Leyo bekuyinhloso yami yokuletha lokhu kuqala. Ukuthi, sithola ukuthi ukwepfulwa kwaleziziMpawu kulula kakhulu, a—a—abahlakaniphile bayaLugeja, amamayela ayisigidi. Niyabo? Ngithemba ukuthi uNkulunkulu ungigcobela Lona. Niyabo? Niyabo? Nje kweqa ngaphezulu. Futhi yingalesosizathu ngicabange loMlayezo, kulokhu ukusa, ubuzofanela, ukubeka isisekelo, ebululeni bukaNkulunkulu, niyabo, ukuthi uNkulunkulu Uzifihle kanjani ebululeni.

166 Cabangani nje, bangacaza ama-atomu futhi benze konke okunye; kodwa uma sekufika ekuthinteni ukuphila, abakwazi ngisho nokusho ukuthi kuvelaphi. Idlebe elilula lotshani, noNkulunkulu ucashe kulo. Bangaciba umcibisholo enyangeni, futhi—futhi badubule irada umshini okwazi ukukhombisa izinto ezisithekile laphaya, kumbe noma ngabe yini okunye, kepha nokho abakwazi ukuchaza ukuphila okusedlebeni lotshani. Kunjalo. Niyabo? Yingoba ngeke kwachazwa. Kulula kakhulu, bayakweqa lokho.

167 Manje qaphelani uMose, ngosuku uNkulunkulu ayezokhulula ngalo abantwana bakwaIsrayeli, ngokweZwi laKhe. Yena, Wenzani na? Wakhetha umndeni olula. Asinakho okubhaliwe kwabo. Niyabo, nje “indodana yomLevi,” yilokho kuphela esikwaziyo. Niyabo? Futhi ngakho si... nomkakhe. Ojwayelekile nje, cishe u—umphahleki ngodaka, njengoba izwe lalingacabanga, phandle lapho enza isitini sesitha. Wayeyisigqila esijwayelekile nje kwaIsrayeli, kodwa uNkulunkulu wakhetha lowomndeni ukuveza umkhululi; umndeni wamaJuda ojwayelekile nje. Akazange ahambe futhi athole ukuba ngowasebukhosini nokuba ngumuntu odumileyo, noma enye into, noma ngisho athole umpristi othile. Wathatha ovamile, umndeni ojwayelekile. Niyabo? Ubulula! Qaphelani ukuthi Wenzani, ke, Waveza umntwana, isidalwa esilula. Akazange...

168 Wayenga—Wayengagcoba ilanga, ukuba Wayethanda, ukubakhulula. Wayengagcoba umoya ovunguzayo ukubakhulula. Wayengagcoba iNgelosi ukubakhulula. O, haleluya! UNkulunkulu angenza noma yini Afuna ukuyenza.

“Awu, ukwazi kanjani lokho, Mfowethu Branham na?”

169 UNkulunkulu akayikulushiya uhlelo lwaKhe. Yingalesosizathu sazi lokho, lolusuku, Lufanele lube lula. Niyabo? Manje, Uhlala njalo esebenza ebululeni. Kodwa uNkulunkulu, ekuqaleni, owayengenza ilanga lishumayele iVangeli, noma imimoya evunguzwayo ishumayele iVangeli,

noma iNgelosi ishumayeke iVangeli, kodwa Wagcoba amadoda ngaleyonhloso, futhi Akakuguquli neze. Akazange agcobe e... Akazange agcobe amahlelo. Akazange agcobe amaqembu amadoda. Wagcoba amadoda ukuba ashumayeke iVangeli; hhayi imishini, izinto zemishini, noma yisiphi isiDalwa esiyiNgelosi. Kwakuyindoda!

<sup>170</sup> Futhi ngenkathi Eletha ukukhululwa kwabantu ezansi lapho, Wathuma isidalwa esingumuntu esilula, sizalwa ngumndeni olula esigejaneni sezigqila. O, he! UNkulunkulu onje pho Anguye, Ezisombulula yena ebululeni!

<sup>171</sup> Manje qaphelani. Futhi Wayenaye egeqeshwe ngokuhlakanipha kwezwe, ukuze ehluleke, futhi akhombise ukuthi akusikho ukuhlakanipha esiyoke sikhululwe ngakho. Sikhululwa ngokukholwa. Wamdedela angene futhi athole imfundo enjalo waze wakwazi ukufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha; wayekhaliphe kakhulu. UNkulunkulu wayenalowomndeni olula owawu, mhlampe, mhlawumbe wayengakwazi ukubhala igama labo. NoMose wayiswa ekufundeni kwasesikoleni okuphakeme kunakho konke, enemfundo enkulu kanjalo, waze wakwazi nokufundisa ukuhlakanipha kothisha. Wayekwazi ukufundisa isihlakaniphi. Yebo. Futhi uNkulunkulu wamdedela athole leyondlela ukuze Akwazi ukuZiveza obala ngentobeko, ukukhombisa ukuthi ukuhlakanipha akuhlangene nakho. Futhi uMose wehluleka kalusizi ekuhlakanipheni kwakhe. Wamdedela athole leyondlela ngenhloso yaKhe, ukuze ehluleke. Futhi wehluleka, futhi wawa.

<sup>172</sup> Ngakho, ukukhombisa, “Akuyi ngamandla, akuyi ngempi,” kodwa akuyi ngokuhlakanipha kweGibhithe, akuyi ngokuhlakanipha kwezikole zethu, akuyi ngamandla amakhholiji ethu, kodwa akuyi ngobungako benhlangano yethu, akuyi ngamandla okufundisa kwethu okubonisa ulwazi olukhulu, “kepha ngoMoya waMi, usho uNkulunkulu.” Ukuhlakanipha kwakhe kwanyamalala nasekupheleni kwakho, ngenkathi ehlangana noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo lapho. Wakhumula izicathulo zakhe futhi wazithoba entobekweni, futhi wakhohlwa konke ngokuhlakanipha kwakhe.

<sup>173</sup> UNkulunkulu, eletha ukukhululwa, wadingeka ukuba amqeqeshe ekuhlakanipheni, ukumdedela awe, ukukhombisa ukuthi ungeke wancika phezu kwengalo yokuqonda kwakho uqobo, noma ukuqonda kwanoma yimuphi umuntu. Wamdedela awe, ukukhombisa isandla saKhe. Ningakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Inhloso kaNkulunkulu ekwenzeni kanjalo, kwakungukuZiveza obala ngokuzithoba. Futhi Wayededela uMose abe ngophakeme kunabo bonke, waze wa—wayezoba ngufaro olandelayo. Wayeyinduna enamandla. Ngokomlando, wanqoba, uMose qobo lwakhe, amazwe azungezile. Kwase kuthi-ke ngenkathi ephendukela emsebenzini weNkosi, nalolonke ithalente lakhe, uNkulunkulu wamdedela

athathe ukukhalakathela ngokuphulukundlela, ukuze Amkhiphele lapho ogwadule futhi ashaye akhiphe konke lokho kuye; bese-ke ebonakala kuye, ngentobeko, bese emthumela ezansi nenduku esandleni sakhe, ukukhulula abantu.

<sup>174</sup> Ngenkathi, wayengenakukwenza ngokuqeqeshwa kwezempi, ngemfundo, ngemfundo yesayense. Nangezempi wayengenakukwenza. Futhi Umnika induku endala egwegwile yasogwadule, futhi Wakwenza ngaye. UNkulunkulu ngentobeko, ubulula! UNkulunkulu wayesendukwini nakuMose. Futhi inqobo nje uma uMose wayenenduku, khonake uNkulunkulu wayenayo, ngoba uNkulunkulu wayekuMose. Impela.

<sup>175</sup> Qaphelani, “Akuyi ngamandla, akuyi nge—ngempi, kepha ngoMoya waMi.” Kodwa ngokukholwa okulula!

<sup>176</sup> UMose wayenokuqonda ukuthi wayezoba ngumkhululi, kusukela ekufundiseni kukanina. Futhi waziqeqesha emandleni ezempi, ukuba enze kanjalo, kodwa kwehluleka. Niyabo? Wayenokuqonda, wayenemfundo, kodwa lokho akusebenzanga. Ngakho wadingeka akukhohlwe konke, futhi eze entweni elula yokuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, wayese-ke ekhulula abantu. Yebo, mnumzane.

<sup>177</sup> UNkulunkulu ukhulula ngo (ngani?) kukholwa eZwini laKhe. Ubehlala njalo enjalo. Besingake sibuke ukuba besinesikhathi. Sisenemizuzu cishe engamashumi amabili nento nokho. Besi . . .

<sup>178</sup> Besingathatha sibuke u—uKayini noAbela, ukuthi u—uKayini wazama kanjani ukuthokozisa uNkulunkulu ngobuhle obuthize.

<sup>179</sup> Enye indlela, abantu bacabanga ukuthi, “Nge—ngezinkulu, izinhlangano ezigqoke kahle, ngompristi na—na . . . abefundisi befake imijiva, namakhwaya afake imijiva, nakho konke o—okufakelwe, lokho kuthokozisa uNkulunkulu.” Ningakubona ukuthi kuvelaphi na? UKayini wazama into efanayo. Futhi wazakhela ialtare, akungabazeki ukuthi walenza laba lihle.

<sup>180</sup> Nendoda yayiqotho. Yakhonza. Yacabanga, “Inqobo nje uma ngiqotho, akwenzi mehluko.” Kuyawenza umehluko. Ungaba qotho ngokuyiphutha.

<sup>181</sup> Qaphelani, ya—yakha leli altare futhi yona, kakhulu njengokuthi, ukubeka izimbali nokulilungisa, nokubeka izithelo ezinhle, futhi yacabanga, “Impela, omkhulu, ongcwele, ohlanzekile, uNkulunkulu omuhle uzowemukela lowomhlatshelo.” Kodwa, niyabo, ilenze ngokuhlakanipha okungokwayo. Ikwenze ngemicabango okungeyayo.

<sup>182</sup> Futhi kuyilokho-ke namhlanje. I—i . . . Bakwenza ngokuhlakanipha kwabo uqobo, ngokufunda kwabo esikoleni,

ngemfundo yabo nesayense ephathelene nenkambo yokwenza okulungileyo abayifundile.

<sup>183</sup> “Kodwa uAbela, ngesambulo, ngokukholwa, wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle kakhulu.” Akukho okuhlazekile ngawo, mayelana nowawubukeka uyikho, ngokukhuluma ngokobuntu. Umfo omncane, futhi emdumela ngentamo futhi emzongolozela ngomvini, *kanjalo*, futhi ehamba emdonsela kuleli altare. Yayingekho into enhle kakhulu ngakho. Embeka phezu kwe altare, futhi ezikiza umqala wakhe omncane ngedwala e—elicijile, kwaze kwathi igazi lakhe lasaphazeka yonke indawo kuye, naye ekhala, efa. Kwakuyinto ebonakala iyimbi kabi, niyabo, ukukubona. Kwakulula, nokho.

<sup>184</sup> Ebululeni, wayazi ukuthi wayezalwa yigazi likanina noyise, wazalelwa egazini likanina, ngegazi likayise; futhi kwakuyigazi elabangela ukuwa, ngakho kwakuyigazi elalizokubuyisela emuva. “Ngakho wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshele omuhle kakhulu, ngoba kwembulwa kuye.”

<sup>185</sup> Nabanye babazalwane, namhlanje, abacabanga ukuthi badla ama apula namagonandoda! Futhi ngibone into eyiyo ngempela kakhulu ngoluny’usuku, ephepheni. Bathi, “Manje bafakazisile ukuthi kwakungesilo iapula uEva alidlayo.” Lokho, ngi—ngicabanga ukuthi sebethi, “Kwakuyi aprikhothi.” Ngakho, o, niyabona ukuthi lowomoya uvelaphi!

<sup>186</sup> Base bethi, ukuthi, “UMose akazange empeleni awele uLwandle oluBomvu. Ukuthi, kwakuyi—yisixheke semihlanga ezansi lapho, ulwandle lwemihlanga. Futhi waletha abantwana bakwaIsrayeli badabula olwandle lwemihlanga. Enhla ekugcineni ko—kolwandle, kunesixheke esikhulu semihlanga enhla lapho. NoMose wawela ulwandle, kodwa kwakuwulwandle lwemihlanga aluwelayo; niyazi, utshani, obude, njengosilika abacolekileyo nezinto, awela kuzo lapho.” Kuyinsini kanjani nje!

<sup>187</sup> Kanti, “Amanzi,” iBhayibheli lathi, “ahlukana kusukela kwesokudla kuya kwesokunxele, noNkulunkulu wabangela u—umoya wasempumalanga onamandla ukuba wehlukanise.” Niyabo? Niyabo?

<sup>188</sup> Bona, bafuna ukuzama ukukufanisa ngendlela okungeyabo. Futhi yileyo ndlela abebehlale behluleka ngayo njalo, futhi bayoqhubeka nokwehluleka. Niyazi, zonke lezizinto!

<sup>189</sup> Futhi uKayini wayeyiwo impela umfanekiso womuntu onengqondo yenyama namhlanje, onokukholwa ngokwangaphandle. Ufuna ukwenza into ethize ngaphandle, kodwa uy . . . Uya ebandleni, futhi—futhi uyokwenza izinqwaba zezinto zesa—sakiwo.

Linye kuphela iBandla, futhi awulijoyini Lelo.



<sup>190</sup> Lawa ngamadlangala. Niyabo? Ujoyina idlangala leMethodisti, idlangala leBaptisti, idlangala lePresbyterian, idlangala lePentecostal.

Kodwa uyazalwa eBandleni. Yebo, mnumzane. Niyabo?

<sup>191</sup> Lawa onke angamadlangala. Awasiwo amabandla. Angamadlangala. Futhi ayikho into okuthiwa yi “bandla” leMethodisti, noma yi “bandla” lePentecostal. Qhabo, ayikho into enjalo. Qhabo, konke lokho kuyiphutha. Niyabo? A... Kunjalo. Wona, angamadlangala abantu abawajoyinayo.

<sup>192</sup> Kodwa uyazalwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, nalowo nguMzimba ofiphele kaJesu Kristu ubumbeka.

<sup>193</sup> Manje, kodwa, kwamthokozisa uNkulunkulu ukwembula imfihlo yaKhe kuAbela, ngokukholwa okulula egazini elichithekile. O, ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi ukusibeka kulokho kadanyana. Niyabo?

<sup>194</sup> Nokho, futhi uKayini, nakho konke ukuhlakanipha kwakhe, indoda ekhaliphile! “O,” wena uthi, “manje, Mfowethu Branham, uthe u... Uzama ukumenza isihlakaniphi esifundisiwe na?” Wayeyiso. Wayengokhaliphile... Landela uhlobo lwakhe—lwakhe. Buka abantwana bakhe. Bonke babengososayense, nodokotela, nendoda ekhaliphile, bonke.

<sup>195</sup> Kodwa, landela isizukulwane sikaSeti, babethobile, abantukazana, nabalimi, nokunye nokunye, kwehle njalo kuze kuyofika embubhisweni.

<sup>196</sup> Kodwa abantwana bakaKayini babengabakhaliphile, iqembu elinobuhlakani. Ngisho bona, bazisho ukuthi, babekwazi ukwenza ikhopho, futhi benza izinsimbi; nabakhi. Futhi babeyindoda ekhaliphile.

<sup>197</sup> Ngenkathi—ngenkathi, lawa amanye amadoda ayehlala emathendeni nje, futhi elusa izimvu zawo, futhi aphumula phezu kwezithembiso zikaNkulunkulu. Niyabo? Niyabo? Niyabona ukuthi kwakuyini na? Manje landelani nje ulibo lokuzalana kwehle njalo, futhi nibone ukuthi lokho akunjalo yini. Niyabo? Baphumula phezu kwesithembiso sikaNkulunkulu.

<sup>198</sup> Wakhethwa kanjalo-ke uNowa, kulolohlobo lwabantu. Wakhishwa kanjalo-ke uPawulu emhlanjini wakubo. Niyabo? Kukanjalo, uJohn Wesley, uMartin Luther, nabanye. Uba kanjalo-ke yilokho oyikho namhlanje, uyabo, into efanayo, uthobe, ukuba ukholwe yisithembiso sikaNkulunkulu esilula.

<sup>199</sup> Manje, qaphelani, kwamthokozisa uNkulunkulu uku—ukukhomba. Manje, uNkulunkulu njalo uyoqinisekisa ukuthi ngabe kuyiQiniso noma qha. Niyabo? Manje, abantu abaningi bazama ukuzenzela bona entweni ethize uNkulunkulu aqhele kuyo ngamamayela ayisigidi. Kunjalo. Kodwa uma ubona uNkulunkulu ebuya ngapha, uthi Ku... Kugcizelele, ngokuthi,

“*Lokho kuqinisile, Lokho kuqinisile, Lokho kuqinisile,*” khona-ke uyazi ukuthi Lokho kuyiqiniso.

200 Manje, ngenkathi iminikelo wawuse altare, uNkulunkulu wawala umcabango wakhe wokuhlakanipha ngoNkulunkulu. Kodwa ngenkathi Ebone uAbela, ngokukholwa okulula ukuba akholwe ukuthi kwakungesiwo ama apula noma izithelo zasensimini, kodwa kwakuyigazi; ngokukholwa wakukholwa, ngesambulo esivela kuNkulunkulu. UNkulunkulu waqinisekisa uAdamu ngokwemukela umhlatshele wakhe. Niyabo?

201 Yilapho esicabanga khona ngokukhulekela abagulayo, noma yini enye. UJesu wathi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani nje enikuthandayo futhi niyakwenzelwa khona.”

202 Manje njengoba siza sehla ngqo, ngokushesha manje, sinemizuzu engamashumi amabili esasele.

203 Qaphelani, usuku lukaElija, uNkulunkulu wakhetha ukuZifihla kumuntu olula. Manje kucabangeni nje. UNkulunkulu wakhetha. Lokho kwakungukukhetha kwaKhe. Khumbulani, babenorabi, abapristi. Babenamadoda amakhulu ngalezozinsuku. Ngisho neNkosi uAhabi, uqobo lwakhe, wayeyiJuda. Wayenamadoda amakhulu ezweni, ngalolosuku. Kodwa uNkulunkulu Wazifihla endodeni elula; hhayi isifundiswa esikhulu; qhabo, hhayi indoda edumile yezwe, isihlakaniphi esikhulu esithile sezempi noma into ethize; qhabo, akusilo igama elikhulu. Asazi ngisho nokuthi uyise nonina kwakungubani. Asazi lutho ngolibo lwakhe lokuzalana. Umlimi omdala nje ongagqamile ndawondawo, owakhuliselwa inhloso ukuba ngumprofethi. UNkulunkulu wayenaye eziphilela yena ehlane. Into kuphela esiyaziyo, wagqishazela kungekho lapho ayephuma khona, wahamba wangena ngqo wayeseyigxeka yonke inqubo yobufundisi. He!

204 Futhi niyazi ukuthi bacabangani ngaye na? “Wavela kusiphi isikole na?” Niyabo? “Unaliphi ihlelo na? Ngabe unabaFarisi, abaSadusi,” noma ngabe yikuphi ababenakho na? Wayengekho nakwelilodwa lawo, kodwa wayigxeka yonke into. Niyabo? UNkulunkulu wakhetha ukwenza lokho.

205 Kodwa, indoda elula, engenamfundo. Asinandawo lapho ake aya khona esikoleni. Asinalutho ngaye. Indoda elula nje, kodwa uNkulunkulu kwamthokozisa ukuzifihla kulowomuntu olula. UNkulunkulu, emuva lapho, nalendoda elula, ezifihla esidalweni esingumuntu. Ningakubamba na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

206 UNkulunkulu ezifihle ku “muntu ongahlahlile kahle ekhanda ongakwazi ukufunda nokubhala,” ezweni. Isizathu, niyazi, ba—bambeka icala ngayo yonke into, ngisho nangokuba ngu “mthakathikazi,” uElija. Bonke abaprofethi babekwa icala, lokho, niyabo.

207 Ngakho, uJesu wabekwa icala ngokuba nguye, niyabo, “uBelzabule; ngokuhlanya.” Bathi, “Ngani, Uyahhlanya. Ya, siyazi Unodeveli. U—Usangene ekhanda laKho.” Niyabo?

208 Yilapho Abatshela khona, “Uma Sekufika ezinsukwini zokugcina, ukuthi ba hla-...lokho kuyoba ngokuhlambalaza, ukwenza okunjalo.” Wabathethelela, kodwa kwakungeyukuthethelelwa ngalezizinsuku zokugcina. Kwakuzohlawulwa ngakho, ngokwehlukana iPhakade, “Ukuba kungathethelelwa neze, kulelizwe noma izwe elizayo.”

209 Kodwa uElija wayethathwa njengendoda ewuhlanya. Ungathini nje umi ukuba. . .A—abesifazane bonke wayegunda izinwele zabo njengezinsuku zesimodeni, ngiqagele, futhi bezipenda njengoJezebeli, inenekazi lokuqala lwezwe. Na—nabashumayeli bonke sebehambe ngokwezwe nayo yonke into. Kwase kwenzekani-ke na? Manje-ke naku kuphuma uElija omdala, egxeka yonke into, kusukela le kuJezebeli kwehle.

210 “Ngani,” bacabanga, “asidingi ukukulalela! Sinabelusi.”

211 Impela, babengadingile, kodwa wayengumelusi wabo noma kanjani. Wayengumelusi kaJezebeli. Wayengakufuni. Angahle ukuba wayenohlobo olwehlukile. Kodwa, kodwa, ethunywe nguNkulunkulu, wayenjalo. Niyabo? Wayengumelusi wakhe othunywe nguNkulunkulu. Wayemzonda, kodwa wayengumelusi ngokufanayo nje. Qaphelani.

212 NoElija wazithoba futhi wahlala nalokho okwakushiwo nguNkulunkulu, ngangokuthi, ukuthi kwamthokozisa uNkulunkulu ukuthatha lowoMoya ofanayo kuElija futhi wethembisa ukuMphusha kathathu ezansi emgwaqeni usuka lapho. Niyabo? Amen. Futhi Wakwenza. Amen. Impela, Wenza. Impela. WaWethembisa, ukuthi Wawuzofika. Futhi Ufika phezu kukaElisha, olandela esikhundleni sakhe; bese ufika phezu kukaJohane umBhaphathizi; futhi, ngokukaMalaki 4, Ufanele ube lapha futhi ngosuku lokugcina. Niyabo?

213 UNkulunkulu wawuthanda lowoMoya owawuphezu kwalowo olula, umhlali-mahlathini ongafundile wasemuva lapho emahlathini ndawondawo. Futhi, ngakho, Wawulithobe kakhulu iZwi laKhe, ngangokuthi Wayengathi, “Elija, yenza *lokhu*,” noElija wayekwenza. NoNkulunkulu Wazifihla phakathi lapho, ebululeni obunjengalobo!

214 Bonke bamtshela, “Lowo omdala ongahlahlile ekhanda, ningazihlanganisi ngalutho naye,” nokunye nokunye.

215 Kodwa ngoluny’usuku, ngenkathi e—esegugile, nekhanda lakhe linempandla, nobakhe—nobakhe ubuhwanqa bulenga, bumpunga, nezinwele ezimbalwa ayenazo zilenga phezu kwamahlombe akhe; izingalo ezindadlana ezondile, nyama ithwaxuzela kuzo kanjalo; uyeza ehla ngalowomgwaqo eya eSamariya, nalawomehlo ebheka phezulu ngasesibhakabhakeni,

nenduku egwegwile esandleni sakhe. Wayengabukeki kangako, kodwa wayeno “ISHO KANJE INKOSI” wosuku. Akangingizanga ngaYe. Akankwankwazanga. Akashongo ukuthi, “Manje, Ahabi *omkhulu*.” Wenyuka wayesethi, “Akukho ngisho namazolo ayokwehla evela ezulwini ngize ngiwabize.” Haleluya! Niyabo? UNkulunkulu wayebuhloniphile ubulula bakhe.

<sup>216</sup> Manje, niyabo, ngenkathi kwakusendleleni elula, futhi wonke umuntu—wonke umuntu emelene naye, wonke umuntu wayesemphinjani wakhe. Yonke inhlango yabefundisi, yonke enye into, yayisemphinjani wakhe, lelo yiqiniso, ezama ukumsusa, yonke enye into. Kodwa, kulobo bulula, ngisho nakuba babengenabambiswano nemikhankaso yakhe nanokunye ayenakho. Wonke umuntu wayecabanga ukuthi wayengongahlale ekhanda. UNkulunkulu Wayezifihla.

<sup>217</sup> Kodwa uma sekufika esikhathini saleyombewu ukuba ivuthwe, eyayikade itshaliwe, uNkulunkulu Wazibonakalisa ngokuthumela uMlilo ovela eZulwini futhi uqeda umhlatshelo. UNkulunkulu ezifihla ebululeni, bese-ke Ezembula futhi. Niyabo? Impela. Kwamthokozisa uNkulunkulu ukwenza lokho. Wayehlala njalo ekwenza ngendlela enjengaleyo. Yebo, mnumzane. Manje, sithola ukuthi Wa—Wazethembisa lezizinto.

<sup>218</sup> Inkathazo ngukuthi, namhlanje, ngabangingi bethu thina bantu, sifuna ukuba kakhulu, niyazi, sibemqondo-unekholiji, nono-buhlelo, ofundile, ukuthi uNkulunkulu angesisebenzise. UNkulunkulu anganika indoda isiqalo sokuba yenze okuthize, futhi uyinika inkonzo; into yokuqala niyazi, iyoya ekubungazeni okushiwo ngabanye, futhi, into yokuqala niyazi, iyosongeleka ngakho konke esixhekeni esikhulu sezinto. Bese-ke uNkulunkulu nje esusa izandla zaKhe kuyo, futhi ayiyeke kanjalo. Niyabo? Niyabo?

<sup>219</sup> Khona-ke Uyozama ukuZitholela enye indoda, umuntu ozokwenza. Niyabo? Ufanele athole into ezo—zothatha iZwi laKhe, ezothatha isambulo sobuNkulunkulu futhi engezukugudluka naLo, ezohlala khona lapho kuleloZwi. Yileyondlela A—Akwenza ngayo. Ubehlala njalo ekwenza ngaleyondlela.

<sup>220</sup> Ngakho uma indoda ithola ukufundiswa kakhulu nokuhlakanipha, ukuthi, izama ukubeka ukuhumusha okungokwayo. Awu, njengoba bethi, “Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele,” bayothi, “o, lowo wawungowolunye usuku.” Kodwa, uma bengakwenzi, awu, “Wawungesiwo owolunye usuku, kodwa, ngizokutshela, aWufiki njengoba Wenza nje ngoSuku lwePhentekoste. Semukela uMoya oNgcwele ngenkathi sikholwa.” Na—nazo zonke izinhlobo zezinto ezinjalo, niyabo. Futhi ukhulume ngombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, ba...lapho iBhayibheli likufundisa khona ngaleyondlela;

awu, wena uthi, “Awu, kodwa, ikholiji liyasho! No*S’bani-bani* uyasho!” Lokho ngukuxegisa. Niyabo? UNkulunkulu angemsebenzise umuntu onjalo. Niyabo?

221 Angadedela indoda ishaywe konke izwe lonke kanjalo, nendoda ixoshwe futhi ihlekwe, futhi kuhlekiswe ngayo, nakho konke okunye kanjalo. Kodwa uma sekufika elamanqamu ngempela, uNkulunkulu uyasukuma futhi Aziqinisekise khona kulobobulula obufanayo.

222 Kuvuke kume mpo, njengembali. Imbewu, kubukeke sengathi sekuphelile ngayo, iyafa futhi iwele emhlabathini. Yimba imbewu encane, futhi ibolile, futhi ibukeka njengemfucumfucu. Kodwa phandle lapho kuvumbuka ukuphila ukuphinda kuveze enye imbali futhi.

223 UNkulunkulu ebululeni. Wenza into efanayo. Indlela eya phezulu iphansi, njalo. Zithobeni. Ungalokoti uthi, “Awu, nginalokhu nalokho.” Awunalutho. Nje—nje khumbula, uma unomusa kaNkulunkulu, bonga nje ngawo, futhi uthobe ngawo. Uyabo, qhubeka nje uzithoba.

224 Manje ngizodingeka ngisheshe, ngoba iwashi elikhulu li . . . Angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, ngoba angifuni ukunikhandla, niyabo. Sisenesikhathi eside lonke leliviki.

225 Manje, namanje sithola ukuthi abantu bathola ukuhlakanipha kakhulu nokufundiswa.

226 Manje ngifuna ukunikhombisa omunye. O—omunye uhamba aze ayofika kolunye uhlangothi, baphenduka izinhlanga, bezama ukuba ngabakholwayo. Manje, siyazi sinaleloqembu. Niyabo? Baya kolunye uhlangothi.

227 Yilapho engehluka khona neqembu labazalwane abamonyuka lapha kungekudala besuka e—endleleni yokuKhanya. Bona, abakwazanga nje ukubona isimanga esivelayo senziwa ngaphandle uma bezenzela iqembu, ngakho babuthana enhla eCanada futhi—futhi benza iqembu labantu ababezolikhapha futhi benze abaphostoli nabaprofethi komunye nomunye, nezinto. Futhi lawa ngqo njalonyalo. Niyabo? Futhi liyohlala njalo liwa. Niyabo? Baphenduka . . . Bayezwa ukuthi ngenxa yokuthi ba . . . ukuthi aba . . . Bazigxeka kakhulu ezinye izinto, ne—nezinto, baze bayothi ngqo ngakolunye uhlangothi. Niyabo?

228 Kunohlangothi olulodwa olunobuhlakani ngokuphakeme, olubandayo nolunganaki, baphika yonke into lapho. Nabanye baya ngakolunye uhlangothi, ngakolunye uhlangothi nesigejane sangempela sedlingozi, futhi baphike iZwi.

229 Kodwa iBandla leqiniso langempela lihlala ngqo phakathi nomgwaqo. Manje, uma niqaphela, li—li—linolwazi lweBhayibheli lwalokho okwashiwo nguNkulunkulu, futhi li—lingokomoya ngokwenele ukuba lifudumale enhliziyweni yalo,

futhi ngumgwaqo nje. UIsaya wathi kuyoba ngaleyondlela. Wathi, “Kuyakuba-khona umgwaqo omkhulu umendo. . .”

230 Nababusisiweyo, abangcewele, abangani abaligugu abanomusa bebandla lamaNazaretha, umnyakazo omncane onamandla uNkulunkulu awuqalisayo, kodwa batholani na? Ngenkathi uNkulunkulu eqala ukukhuluma ngezilimi ebandleni, babenokuba nokukholwa kakhulu nokuzenza isitashi kakhulu, ngangokuthi bakubiza “ngodeveli.” Futhi niyabona ukuthi kwenzekani kubo? Niyabo? Niyabo? Bona, bona, “Ngingewele kunawe.” Futhi—futhi ngakho sithola ukuthi zonke lezozinto ziya embewini futhi ziphele ngqo. Niyabo? No—nolunye uhlangothi.

231 Manje, uhlangothi olulodwa luphenduka uhlanya. Olunye uhlangothi luphenduka lubande futhi lube nesitashi.

Manje, uIsaya wathi, “Kuyakuba-khona umgwaqo omkhulu umendo. . .”

232 NamaNazaretha, nabaningi babantu abadala bobungcewele, babevame ukuthi, “Umgwaqo omkhulu umendo omdala obusisiweyo! Udumo kuNkulunkulu! Senyuka ngomgwaqo omkhulu umendo omdala!” Kodwa, niyakhumbula, lokho kwakungesikho ngempela akushoyo.

233 Wathi, “Kuyakuba-khona umgwaqo omkhulu umendo, ne,” une uyisihlanganiso, “nendlela.” Futhi ayiyikuthiwa ngumgwaqo omkhulu umendo wobungcewele, kodwa, “Indlela yobungcewele.”

234 Manje, umgwaqo omkhulu umendo wobungcewele, abantu bazama ukuzenza babengcewele. Futhi uma ukwenza, kufana nje njengoba ngishilo ngaphambili, kufana ne. . . Bekungafana noklebe uzama ukufaka izimpaphe zejuba kuwo uqobo, ukwenza ijuba ngakho, ibe imvelo yawo iselokhu inguklebe. Niyabo? U, ku. . . Bekungafana negwababa lizama ukufaka izimpaphe ze—zejuba lokufuywa, noma ipigogo, futhi lithi, “Niyabo, ngiyinyoni enhle.” Niyabo, kuyinto ekhiqiziweyo.

235 Kodwa ipigogo alidingi ukuba likhathazeke ukuthi ngabe lizoba nazo yini izimpaphe zepigogo noma qha. Ijuba alidingi ukuba likhathazeke ukuthi ngabe lizoba nazo yini izimpaphe zejuba noma qha. Inqobo nje uma imvelo yalo iyijuba, lizoba nezimpaphe zejuba.

236 Futhi, niyabo, abantu bobungcewele baqala ukuthi, “Abesifazane bafanele babe nezinwele ezinde nemikhono emide, na—nazo zonke lezizinto, neziketi ezinde, futhi bangafaki maringi omshado noma ubucwebe banoma yiluphi uhlobo.” Niyabo, kuphenduka ubungcewele bokuzenzisa. Niyabo? Niyabo? Lobo—lobo ngu—lobo ngubungcewele obukhiqiziweyo. Kodwa iBandla langempela likaNkulunkulu ophilayo li. . . Futhi bukani ukuthi kwenzekeni ehlelweni. Manje onke

anezinwele ezigundiwe, njengamaPentecostal, no—nokunye nokunye. Futhi—futhi wona onke, cishe, afaka amaringi kanjalonjalo. Bukani amaPentecostal, eminyakeni eyadlula, ukuthi ayekhuluma kanjani njalo ngalokho, niyabo, futhi, “Thina, ibandla! Thina, ibandla!”

<sup>237</sup> IBandla linguMzimba kaKristu. Lingumuntu ngamunye, phakathi kwabanye abantu ngabanye, ozalwa eMbusweni kaNkulunkulu. Lokho kuvela ngaphakathi kuphumele ngaphandle. Kuphilwa ngokuzenzekelayo.

<sup>238</sup> Awuyiceli imvu ukuba ithele uvolo. . . noma, ikhiqize uvolo, ngiqonde ukusho njalo. Imvu ayidingi ukukhiqiza uvolo. Ithi, “Manje, ubasi wami ufuna ngibe nomunye uvolo ngaloyaka. Ngifanele ngibe matasata.” Qhabo, into kuphela ezoyenza ngukuba nje ihlale iyimvu. Kunjalo. Uvolo uyo “automatically” ngempela. . . Iyokwenza. Iyokwenza. Iyowuthela ngoba. . .

<sup>239</sup> Futhi asicelwa ukuba sikhiqize izithelo. Sifanele sisiveze isithelo, niyabo, sithele izithelo. Niyabo? Sifanele sithele isithelo. Futhi inqobo nje uma uyisihlahla sesithelo sikaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu liyoZiqinisekisa. Liyothela isithelo inqobo nje uma iZwi liphakathi lapho. UJesu wathi, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo kuyokwenziwa.” Niyabo? Awukukhiqizi. Uzisebenza wena ungakhuphukeli kukho. Eqinisweni kulapho nje, futhi kuqhubeke njalo njalo.

<sup>240</sup> Manje asihambe, nje sishesha manje, nemizuzu embalwa nje esele, sizobe—ke sesivala.

<sup>241</sup> Manje, manje, abanye bahamba baze bayofika ekubeni yizinhlanga. Manje, bahamba baqhubekele kolunye uhlangothi. Futhi bayacabanga, ngenxa yokuthi nje bagxuma phansi-phezulu, noma bathole olunye uhlobo lwevuso noma idlingozi, bakhulume ngezilimi, noma—noma—noma banikeze isiprofetho esenzeka saba yiso, noma into enjengaleyo, bacabanga ukuthi yiLo, ukuthi—ukuthi banaLo. Kodwa, akusilo.

<sup>242</sup> UJesu wathi, “Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, ‘Nkosi, angiprofethanga yini ngeGama laKho na? NgeGama laKho ngenge imisebenzi eminingi, futhi ngakhipha odeveli?’” Wathi, “Sukani, Angizange nginazi.” Niyabo? Lokho akusikho. Lokho akusikho, mngani.

<sup>243</sup> Yingalesosizathu. . . Futhi, izilimi, ubufakazi obubonakalayo na? Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, kodwa angikuthathi ngokuthi kuyibona bufakazi obubonakalayo kuphela bukaMoya oNgcwele. Qhabo, mnumzane. Isithelo sikaMoya singubufakazi obubonakalayo. Niyabo? Ya. Manje, niyabo, yingalesosizathu ngihlukile emnyakazweni wabazalwane bePentecostal, ngaleyondlela, ukuthi bathi, “Uma umuntu ekhuluma ngezilimi, unoMoya

oNgcwele.” Ngiyehluka. Leso akusiso isibonakaliso sokuthi unoMoya oNgcwele. Niyabo?

<sup>244</sup> Ngibezwile odeveli bekhuluma ngezilimi ngokukhulu nje ukushesha abangakwenza, baphuze igazi elisogebhezini lomuntu, futhi babize udeveli.

<sup>245</sup> Ngiwabonile amaNdiya ethatha izinyoka futhi azisonge ngazo, e—e—emdansweni wemvula phandle lapho eArizona; aphakamise izandla zawo *kanjalo*, futhi agijime azungeze ngqo. Inyanga-mthakathi iphume, izibhoboza. Bese ibeka ipensela phansi, futhi libhala ngezilimi ezingaziwa, futhi inikeze incazelo kukho. Niyabo?

Ngakho, unga, ungangitsheli lokho. Ngimdala kakhulu ngalokho. Niyabo?

<sup>246</sup> Ngakho i—isithelo sikaMoya siyi... UJesu wathi, “Ngezithelo zabo,” hhayi izilimi noma amadlingozi, “kodwa niyakubazi ngesithelo sabo.” Niyabo? Ngakho leso yisithelo sikaMoya. NguNkulunkulu Ezisombulula yena entobekweni, ubumnandi, futhi nsuku zonke ofanayo. Kuyinto ethize ngakho, umuntu ohlala neZwi ngqo. Ngaso sonke isikhathi abona ngaso iZwi, uLigcizelela ngo “amen,” akunandaba ukuthi abanye abantu bathini. Ukuthi, uyaLikholwa, niyabo. Kulungile. Niyabo?

<sup>247</sup> Kodwa siya kude ngokwenele, ke, ukuphumula phezu kokobuhlanya, noSathane ungena phakathi kwabantu. Lowo ngumsebenzi kaSathane. Futhi unguSomabhizinisi okahle. Futhi ungena phakathi kwabantu, abenze bacabange ukuthi banaYe ngenxa yokuthi nje bangagxuma phansi-phezulu. Bese-ke uzonda umakhelwane wakho? Qhabo. Niyabo? . . . uku—ukusho izinto, nokukhuluma ngezilimi ngokumangalisayo nje, nezinto ezinjalo.

<sup>248</sup> Futhi, khumbulani, ningakhuluma ngezilimi zikaMoya oNgcwele wangoqobo futhi nibe nisalokhu ningenaye uMoya oNgcwele. IBhayibheli lasho njalo. “Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, kepha ngingenalothando, akungisizi ngalutho. Ngiyithusi elikhencezayo, nensimbi encencethayo.” KwabaseKorinte bokuQala 13. Niyabo? Ngakho awu . . . Lokho akukwenzi, niyabo.

<sup>249</sup> IMethodisti yathi, “Ngenkathi simemeza, sabanaYe,” kodwa babengenaye. INazarethi yathi, “Ngenkathi bephila ngobungcwele, babanaYe,” kodwa babengenaye. IPentecostal yathi, “Sikhuluma ngezilimi; sinaYe,” kodwa babengenaye. Niyabo? Niyabo?

<sup>250</sup> UNkulunkulu, Ezisombulula, hhayi ngamavuso. Qhabo, lokho . . . Amavuso, nokho, anaYe. Niyayibona indawo na? KuMthola nje ezithobe kakhulu ngangokuthi noma ubani angaMbona, uma u—uma ungazami ukubeka, ujojele



umqondo wakho kuYe, niyabo, nemicabango yakho uqobo. NguNkulunkulu.

<sup>251</sup> Manje, bese-ke bephenduka isigejane sezinhlanga. Manje-ke, *nangu* abayibo ngegama nje ababandayo ngakulolu hlangothi; *nazi* izinhlanga ngakolunye uhlangothi; futhi *nangu* uMlobokazi wedlula kukho konke ngqo, ebiza macala omabili. Kunjalo. UNkulunkulu eLiqinisekisa lapho Elokhu ehamba, iZwi laKhe.

<sup>252</sup> Manje, o, ngifanele ngeqe okunye kwalokhu ngoba nginokuningi kakhulu lapha. Futhi ngi—ngine... Isikhathi sami sesiphelile. Ngizosheshisa ngokukhulu nje engingakwenza manje.

<sup>253</sup> Kusukela e-Edene, kusukela e-Edene kufikile, kade—kade kuprofethwa ukuthi kwakuza uMesiya; kusukela le e-Edene.

<sup>254</sup> Manje ngizokweqa embalwa yemiBhalo yami enginayo ibhalwe phansi lapha, namanothi, ukuba ngisuse uMlayezo nje, ngesikhathi, uma ngingaphumelela. UNkulunkulu ezifihla entobekweni. Manje, ngizokhuluma ngisheshise, kodwa, nokho, ngi—ngifuna nikubambe lokhu. Niyabo?

<sup>255</sup> Selokhu kwaba yiEdene, kade kuprofethwa ukuthi kwakuzofika uMesiya. Kwashiwo ngaphambili ukuthi Wayezoba hlobo luni lomuntu. Besingalibala isikhathi eside. Niyalazi iBhayibheli, ukuthi Wayezoba yini, ukuthi hlobo luni lomuntu Ayezoba yilo. UMose wathi, “INKosi uNkulunkulu wenu iyovusa umProfethi, onjengami.” Babazi ukuthi lowoMesiya wayezoba ngumprofethi, uhlobo lwenkonzo Ayeyoba nalo ngaYe. Bonke abaprofethi bakhuluma ngalokho Ayezokwenza. Bakhuluma ngakho ngezifanekiso. Futhi kwahamba kwayothi ngqu ngaphezulu phezu kwekhanda labo, futhi kwayothi ngqu phansi kwabo bonke. Niyabo? Niyabo? Baya phansi kolulodwa, naphezu kolunye. Niyabo?

<sup>256</sup> Ngesikhathi Afika ngaso enkundleni yesikhathi, abantu Ayethunywe kubo babenokuhumusha kwabo uqobo kwalokho Ayezoba yikho, ekuhumusheni kokuzicabangela kwabo uqobo.

<sup>257</sup> IBhayibheli alizange liguquke. IBhayibheli njalo liyafana. Yingalesosizathu ngithi, “UmBhalo wathi, futhi ngihlala naLokho, ‘IBhayibheli alihunyushwa ngumuntu ngokwakhe.’”

<sup>258</sup> Ngakho, maMethodisti, maBaptisti, maPentecostal, ningazami ukubeka ukuhumusha kwenu kuWo, nithi, “Awuchazi khona Lokho. Uchaza *lokhu*.”

<sup>259</sup> Uchaza khona nje lokho Owakusho, khona impela nje. Omunye wathi, “Ungakwenza kanjani wona na?” Angazi kanjani. Lokho akusimina ukuba ngisho lokho. NguNkulunkulu ukunakekela lokho. NguYe Owakushoyo, hhayi mina, niyabo, futhi UyonaKhe uQobo.

260 Kodwa manje, kodwa, loMesiya wayekade eprofethiwe. Abaprofethi basho khona impela nje ukuthi Wayezofika kanjani, Ayezokwenza uma Efika. Kodwa, ukuhumusha kwabo uqobo kwangasese kwawo, phakathi kwabantu! Futhi ngenkathi Efika, Wayengendlela elula impela nje, ebululeni, kwaze kwathi lonke iqembu lebandla lakhubeka phezu kwakho. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lapho, lawomadoda ayekade efundiswe. . .

261 Indoda yayingeke yaba ngumfundisi, umpri, ize izalwe ozalweni oluthize, emva komLevi. Futhi, cabangani nje, ukhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho wayo wayengumpri, elele ngqo kuleloZwi, ethempelini, imini nobusuku.

262 Njengumpri oyiKatolika noma umfundisi o—ongumfundisi obehlisele komunye, kusukela esizukulwaneni, kuya emabandleni athize, nokunye nokunye, “Ukhokho wami kakhokho wayengumbhishobhi weMethodisti. Umkhulu wami wayengumbhishobhi, nokunye nokunye.” Niyabo?

263 Konke lokho, kwakuhlala eZwini ngqo, kodwa babebumbe indlela engeyabo yakho. Nabantwana babo babekwemukele ngangokuthi obaba babekufundisile. Kwaze kwathi, obaba babekufundise bakudedisa endleleni yangempela, futhi babenze inhlangano enjalo yakho, kwaze kwathi, ngenkathi uMoya uzama ukwethula iQiniso, babengenakuLemukela.

264 Futhi leyo yinto efanayo namhlanje. Angiqondile ukuba luhlaza, kodwa kuyikho. Yinto efanayo namhlanje. Bakwenza kuxake kakhulu—kakhulu, na—nangenye indlela ethize. Bafundisa okwabo. . .Njengoba kushiwo nje, “UNkulunkulu akanabazukulu.” Niyakwazi lokho na? UNkulunkulu unamadodana, futhi Unamadodakazi, kodwa akukho—madodana angabazukulu namadodakazi angabazukulu. Wonke umuntu ufanele akhokhe inani elifanayo futhi eze ngendlela efanayo. Njengoba kwenza uyihlo nje, ufanele kanjalo nawe.

265 Manje, ngakho, Wayelula kakhulu. Ngenkathi loMesiya. . . Iminyaka eyizinkulungwane ezine, wonke umprofethi wakhuluma ngaYe; uDavide wahlabelela ngaYe, futhi konke kwehle njalo. Futhi ngenkathi Efika, abantu babenombono ongowabo abawakhile, ukuthi Ufanele enzeni, ukuthi Wayezokwenza kanjani. Ukuthi konke kwachazwa kanjani, badweba bakukhiphela emashadini nayo yonke into, kwaze kwathi, ngenkathi Efika ngaleyondlela elula ngempela, kwavele nje—kwavele nje kona isayense yabo yezenkolo. Niyabo, abakwazanga.

266 Ufika ngokweZwi. Manje, niyakholwa ukuthi uNkulunkulu wakhuluma ngabaprofethi, ukuthi lowoMesiya wayezofika ngendlela ethize na? Kubi kabi ukuthi asinalo cishe elinye ihora ebesingedlula ngalo lapho futhi sichaze ukuthi kwakukanjani.

Niyabo? Sonke siyazi ukuthi kwakukanjani, nokho, iningi lethu. Ukuthi uNkulunkulu wathi Wayezofika kanjani, nokuthi kanjani ukuthi, “Nawe, Betlehema laseJudiya, awusiye omncinyane phakathi. . .” Futhi kwehle njalo kwedlulele lapho, nokuthi Wayezokwenza kanjani, nokuthi Wayezokwenzani. Niyabo?

<sup>267</sup> Futhi, nokho, Wayelula kakhulu! Kwaze kwathi, lezozifundiswa ezinkulu zazikuxove kakhulu, zaze zakugeja. Kodwa, niyazi uJesu akafikanga ngokuphambene neZwi. Ufika ngokweZwi, kodwa ngokuphambene nokuhumusha kwabo. Niyabo? Wafundisa izinto eyayimelene nokuqeqesha kwabo abefundisi ngaYe.

<sup>268</sup> Manje, bathi, manje, isibonelo nje, “Uma uMesiya efika, impela, Uyokhuphukela ethempelini bese ethi, ‘Kayafase,’ kumbe noma ngabe ngubani ongumpristi omkhulu, ‘Sengifikile.’ Uyofika nesibingelelo sesaluthe seziNgelosi eziyizigidi eziyishumi. UNkulunkulu uyothi, ‘Kulungile, bafo, ezansi lapho, ngempela niyi—yibandla elinamandla. Ningabantu baMi. Ngizophendula ikhrenke lapha bese ngidedela imihubhe yaseZulwini yehle. Ngithumela uMesiya kini, kulokhu ukusa. Ngizokudedela kwehle ngqo kuphumele lapho egcekeni, futhi bonke abantu babuthane.’ Bathi, ‘Dokotela uS’bani-bani, wena noDokotela uS’bani-bani, nina nonke ningama enhlokwini, ukuba niMbingelele kuqala, niyabo.’”

<sup>269</sup> Manje lokho mhlampe kuyinto enjengabayicabangayo namhlanje. Manje, ngiyazi kungokuncane. . .Kuzwakala sengathi kuyisiphoxo esincane. Kodwa angi. . .Ngizama ukwenza iphuzu.

<sup>270</sup> “Futhi—futhi, lapho, yileyondlela okuzoba ngayo. Futhi uma kungafiki ngaleyondlela, akulungile; kungumphikikristu. Niyabo? Uma kungafiki nje ngaleyondlela, kungumphikikristu, niyabo, ngakho kungeke kube yikho. Futhi ngakho, manje-ke, kuyobakhona i. . .Manje-ke, into elandelayo eyehlayo, kuyoba cishe yisibingelelo sesaluthe seziNgelosi eziyizigidi eziyishumi, namabhendi azo. Futhi ziyokwehlela phandle lapho egcekeni, lapho uSolomoni akha khona ithempeli, futhi, o, konke phansi- phezulu konke lapha, lendawo engewele lapho abangewele nezazi zazifele khona, nokunye nokunye!”

<sup>271</sup> “Yebo,” uJesu wathi, “nina bazenzisi! Nina madodana kadeveli!” Wathi, “Nihlobisa amathuna abaprofethi, noyihlo babafaka lapho.” Kunjalo. Kunjalo. Niyabo? “Mangaki amadoda alungileyo nabaprofethi owathunyelwa kini, futhi noma kunjalo nababulala ngokubaceka bonke!” Niyabo? Kodwa yini Ayengayibiza “ngokulunga” pho? Abakubiza nge, “zinhlanya nabangahlahlile ekhanda.” Yebo.

Lapho, babecabanga ukuthi kwakuzofika ngaleyondlela.

<sup>272</sup> Kodwa, ngenkathi, Ufika esitebeleni, wazalwa yi—yintombi, nommbazi ojwayelekile nje oyisingababa, ne—nencane, intombazane engaziwa. Niyabo, hhayi indodakazi yompristi omkhulu, kumbe noma yini okunye. U—Ufika njenge... enenekazini elincane elalakhe ezansi kwe—kwelincane, izwe elingenasithunzi elidala elithiwa yiNazareth. Nomfelwa ojwayelekile nje; umkakhe wayesafa. Wayenabanye abantwana; uJosefa. Futhi—futhi wayethembisile. Wayesefika negama elibi, kwasekuqaleni. Bathi Wayezalwe ngokungaphandle komshado. O, he!

<sup>273</sup> Lokho kwashaya ukuphucuka kwabo kanzima kakhulu. Niyabo? Isayense ephathelene nenkambo yabo elungileyo yemfundo yayingenakukugwinya lokho. Ukuhumusha kwabo kwemiBhalo kwakungazi lutho ngalokho, kodwa nokho kwakungu ISHO KANJE INKOSI. O, he!

<sup>274</sup> Kuyangithuthumelisa, ukukucabanga, nokubona into efanayo iphinde yenzeka futhi. UNkulunkulu angeguquke.

<sup>275</sup> Sekungeleshumi nambili vele. Ningavele nje... Ngingama, noma nje... [Ibandla lithi, “Qhabo. Qhubeka.”—Umhl.] Ngiyabonga. Nje hlalani nithule nje kancanyanyana, niyabo. [“Yiba ulokhu uqhubekile.”] Manje, lokhu yi, ngisekela entweni ethize lapha yoMlayezo ozayo, niyabo. Futhi ngizozama ukunidedela niphume ngokushesha nje, mhlawumbe imizuzu eyishumi noma eyishumi nanhlanu elandelayo, uma singaphumelela. UNkulunkulu anibusise.

<sup>276</sup> Qaphelani, manje, kulula kakhulu, ukuthi ku—ku—kugeje umaka nje, ngabo. Kodwa kushaya umaka kaNkulunkulu. Niyabo, kushaya iZwi. Ufika nje ngayo impela indlela Ayisho. Kodwa, bona, ukuhumusha kwabo ngakho kwakuyiphutha. Ukuhumusha komkhululi ngesikhathi sikaMose kwakuyiphutha. Ukuhumusha ngesikhathi sikaNowa kwakuyiphutha, niyabo, kodwa uNkulunkulu ufika ngokweZwi laKhe.

<sup>277</sup> Kwase-ke kufika uJesu, futhi Wa—futhi Wafundisa izinto eyayiphambene. “Uma UnguMesiya, yenza *ukuthi-nokuthi*,” niyabo. “Uma Unguye, yehla esiphambanweni futhi ukukhombise kithi manje.” Niyabo? Kodwa uNkulunkulu akahlekiseli-bantu. UNkulunkulu wenza izinto nje ethokozisayo nefaneleyo.

<sup>278</sup> Babecabanga ukuthi Onjengalowo impela wayezodingeka afike ngesibingelelo esikhulu seziNgelosi. Kodwa Ufika ngesitebele. Futhi, esayenseni yabo ephathelene nenkambo elungiyelo ephucuzekileyo, kwakuyinsini ukuba isidalwa esingumuntu esijwayelekile ukucabanga ukuthi uNkulunkulu uSomandla, uJehova onamandla omkhulu, Owayepethe umhlaba futhi wadala yonke into, akakwazanga ukulungiselela indawo uMntwana waKhe uQobo ukuba azalwe, kangcono

kunyenye indlu yokukhweza izimpahla yamankomazi phezu kwenqwaba yomquba. Kwakungaba kanjani lapho . . . Niyabo?

279 Kwakuyini na? UNkulunkulu ebululeni. Yilokho okwaMenza wamkhulu kakhulu. Niyabo, isayense ephathelene nenkambo elungileyo yemfundo ingeke yazehlisa kanjalo; niyabo, ingeke yakumela. Kodwa uNkulunkulu mkhulu kakhulu ngangokuthi WaZehlisela kulokho, kungekho ngisho nezingubo ukwembathisa uMntwana waKhe uQobo. Kucabangeni! Nezwe. . . Yayingekho indawo endlini yezihambi. Futhi Wangena esitebeleni samankomazi, unqenqema oluncane—oluncane, u—umgede omncane, njengawo, ngemuva ecaleni legquma. Futhi lapho phezu kombhede wotshani obomile kwafika iNdodana kaNkulunkulu. O, lokho kwakwehluke inqwaba emhlanganweni ehla lapho . . .

280 Nomama waKhe wayezoba ngumama. Wafunyanwa engumama, o, izinyanga ngaphambi kokuba baze bathembise ukuba bashade. . . noma ngisho bashade. Niyabo? Wayezoba ngumama. Nabantu bakubona, futhi bazi ukuthi kwakungalendlela. Futhi, uMariya, enhliziyweni yakhe uqobo, wayazi ukuthi kwakwenzekani.

281 Futhi uJosefa akaqondanga. Kodwa iNgelosi yeNkosi yafika kuye ebusuku, ithi, “Josefa, wena uyindodana kaDavide. Ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akusiyo into embi, kodwa lokho okukaMoya oNgcwele.” Lokho kwakuxazulula. Indoda, uJosefa, enokuxhumana okungaka noNkulunkulu, uNkulunkulu waze wakhuluma kuye.

282 Kodwa namhlanje sithola ukudonsa amajakhethe ethu obufundisi sizisonge ngawo kakhulu kuze kungabibikho lutho olungakhuluma kithi, olungaphandle kweqembu lobufundisi esingabalo. Angithandi ukuba nesankahlu noma ukuba yisidlamlilo, ngakho ngizokuyeka kanjalo lokho khona lapho. Qaphelani. Kodwa niyakuqonda engikuqondile. Qaphelani.

283 Isitebele sasiyinsini, kubo, abaphucukile. Asinakho ngisho nokubhalwe encwadini lapho Ake athamela khona usuku olulodwa lwesikole; kepha nokho, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, umfana olula wahlula ngokushaqisa abapristi ethempelini, ngokufundisa kwaKhe. O, he! Kwakuyini na? UNkulunkulu Ezifihla. . . ? . . . Ngizizwa ngithi ukugcwala ukholo khona manje. UNkulunkulu Ezifihla endlini yokukhweza izimpahla. UNkulunkulu Ezifihla kuMntwana omncane. Niyabo? Bhekisani, kuzoveza obala, emva kwesikhashana, nokho, niyabo. Wadingeka akwenze.

284 Ngenkathi Eya ezitradini, abazali, akungabazeki, babexoxa futhi bathi, “Ningadlali nalowoMfanyana. Ningazihlanganisi ngalutho naYe. Umama waKhe akayilutho kuphela isifebe esijwayelekile, niyabo. Futhi, ubaba nomama, iNgane

yazalwa . . . Ngaphambi kokuba bashade empeleni, wayezoba ngumama. Ningazihlanganisi ngalutho nakho.”

<sup>285</sup> Wacabangani uMariya! Kodwa, ngakho konke, akunandaba ukuthi ongaphandle wayecabangani, wazindla ngazo zonke lezizinto. Bakufihla enhliziyweni yabo. Babazi. Babengenakusho lutho olubi ngakho.

<sup>286</sup> UNkulunkulu ukhuluma kumuntu waKhe, ngesinye isikhathi, athi, “Thula. Ungasho lutho ngakho.”

<sup>287</sup> Ngike ngaba nabantu emhlanganweni wami bathi, “Awu, uma uyinceku kaKristu, uyazi *lokhu* kuyenzeka lapho.”

<sup>288</sup> Impela, ngangazi kwakwenzeka. Kodwa manje-ke uzokwenzajani uma Etha, “Thula. Ungasho lutho ngakho”?

<sup>289</sup> Ngathatha amanye amadoda ngoluny’usuku, ngase ngiwakhombisa, encwadini. “Into ethize yakhuluma, eminyakeni eyadlula,” ngasho.

Kwathiwa, “Awu, angikuqondanga.”

<sup>290</sup> Ngathi, “Niyabona laphaya?” Kwakulapha, emuva lapha, ukukuthola kunqunyelwe usuku nayo yonke into, ngenkathi kwenzeka emuva lapho. Abantu abaningi babekubonile encwadini lapho. Ngathi, “Kuzofezeka ukuthi lokhu kuzokwenza ngalendlela nangaleyondlela.”

<sup>291</sup> Bathi, “Awu, awushongo ngani into ethize ngakho na?” Kwakuzoba yimba- . . . Kwakufanele kube ngaleyondlela. Niyabo?

<sup>292</sup> NoJosefa wayazi okwehlukile. Wayazi ukuthi yayingekaBani leyoNgane. UMariya wayazi ukuthi YayingekaBani. UJesu wayazi ukuthi wayenguBani uBaba waKhe. Wathini na? “Ngimele ngibe semsebenzini kaBaba waMi.” Kungesikho ukusaha izinkuni no—nokwenza isivalo; kodwa ukuba semsebenzini kaBaba waKhe. Amen. Washo lokho kumama waKhe, “Aniqondi yini ukuthi, Mina, yisikhathi saMi ukuba ngibe semsebenzini kaBaba waMi na?”

<sup>293</sup> Manje, bacabanga, “LoMntwana omncane oqala ukuphelelwa ngamandla . . .” Noma yimuphi umntwana ozalwe ngaphandle komshado uthi ukuba wuhlobo oluyinqaba, into exakile, empeleni. Futhi nakho lapho okhona, uyabo, kodwa, uNkulunkulu Ezifihla. Lalelani. UNkulunkulu Ezifihla kulokho okwakucatshangwa, okwezwe, njengo, “Kungcolile, ukubola, okuzelwe ngaphandle komshado.”

<sup>294</sup> Bukani, uNkulunkulu Uzifihla ekuboleni kwembewu efile, ukuveza ukuphila. Niyabo? Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”]

<sup>295</sup> UNkulunkulu Uzifihla kolula, owesifazane omncane owashayo. Noma indoda ejwayelekile nedina layo liphansi kwengalo yayo, ivalelisa ngokwanga umkayo nabantwana,

bese iyaphuma lapho, futhi mhlawumbe Azifihle kuleyondoda ukwenza into umbhishobhi obengeke azi lutho ngayo. Niyabo? AwuMuzwa eshaya izimpondo futhi akuthumele. Yena, uNkulunkulu, uthola inkazimulo nje, yilokho kuphela. Abalula bayakuzwa futhi bajabule, niyabo.

<sup>296</sup> Manje, uNkulunkulu Wayezifihla ebululeni beNgane, Ezifihla ebululeni bo—bomndeni ojwayelekile. UNkulunkulu! Nezobufundisi, namadoda amakhulu, ingqondo, isihlakaniphi, na—nabobonke, noHerodi, nokunye nokunye, bangalolosuku, noNero, nabo bonke abakunakanga. UNkulunkulu ezifihla ebululeni.

<sup>297</sup> Manje, ngokushesha. UJohane umBhaphathizi, kuIsaya 40. Besingakuthola ukuba benifuna. UMalaki 3. Konke, ya, kumakeni phansi uma nifuna. UIsaya 40, konke, niyazi, ukhuluma ukuthula e . . . njengoba kunjalo. Mhlawumbe ngi . . . Bekungakuhle ukuba ngi—ngi—ngikufunde khona lapha, uma ni—ninalesosikhathi esiningi kangako. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Asikwenze, okomzuzu nje. Sizopenya ngapha eNcwadini kaIsaya, isahluko 40, bese—bese sifunda lapha futhi sibone nje ukuthi uthini ngalokhu manje. Bukani lapha, “Duduzani, nibaduduze abantu bami.” Manje, khumbulani, lokhu kwakuyiminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi-nambili. Bukani esihlokweni lapho, niyabo. Iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi-nambili engakazalwa, nangu umprofethi ekhuluma ngaye.

*Duduzani, nibaduduze abantu bami, isho iNkosi.*

*Qungani iJerusema isibindi, nimemeze kulo, ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile, nokuthi buhlanguliwe ububi balo: ngokuba lamukeliswe . . . esandleni seNkosi ngokuphindiweyo ngazo zonke izono zalo.*

*Izwi lo . . . memezayo ehlane lithi, Lungisani indlela yeNkosi, nihlelembe indlela yayo oqwathuleni, umgwaqo omkhulu kaNkulunkulu wethu.*

*Futhi zonke izigodi ziyakuphakanyiswa, nazozonke izintaba negquma kuyakwehliswa: Amagebhugebhu ayakuhlelenjwa, nemigoxigoxi . . . iyakuba-yithafa:*

<sup>298</sup> O, he, he! Kwakuzoba yindoda enjani nje leyo! Niyabo? Manje phenyani kuMalaki, kanye nami, iNcwadi yokugcina ka . . . owokugcina wabaprofethi eTestameni eLidala. Manje, kuMalaki, lalalani lapha. UMalaki uyakucosha, esikhathini sokuphela nje, ngakho qinisekani ukuthi ningakukhohlwa. UMalaki, isahluko se 3.

*Bhekani, Ngiyakuthuma isithunywa sami, futhi siyakulungisa indlela phambi kwami: neNkosi, eniyifunayo, iyakufika ngokuzumayo ethempelini layo,*

*ngisho nesithunywa sesivumelwano, enithokoza ngaso:  
bheka, siyeza, isho iNkosi yamabandla.*

299 Kusalokhu kukhuluma ngoJohane, “Thuma isithunywa saMi phambi kwaMi, ukulungisa indlela.” UJesu wakhuluma ngakho, kuMathewu 11:10, wathi:

Uma ningakwemukela, yilowo-ke okwakhulunywa ngaye, *Bheka, Ngiyathuma isithunywa sami phambi kobuso bami, . . .*

300 Niyabo? Kunjalo. Manje, ukuthi kwakhulunywa kanjani konke lokhu! Ngenkathi, kwakukade sekuyiminyaka engamakhulu ayisikhombisa, kwakuzobakhona umanduleli ofika phambi kukaMesiya. Kodwa ngenkathi efika enkundleni, ngobulula obunjalo, bangeja. Bangeja.

301 Manje, khumbulani, wayeyindodana yompristi. Awu, bukani ukuthi lokho kwakuyinsini kanjani kuye ukuba angalandeli isikhundla sikayise, abuyele ekholiji. Kodwa umsebenzi wakhe wawusemqoka kakhulu. Eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, waya kongena ehlane. Wayesephuma, eshumayela. Bakugeja. Wayelula kabi, elula kakhulu, ngokwemfundo yabo eyayiphucuke ngokuphakeme ukuba bakholwe ngonjalo. Bacabanga, ngenkathi lendoda ifika . . .

302 Kuthiwani ngokuthi, “Zonke izindawo eziphakeme ziyokwehliswa, zonke izindawo eziphansi ziphakanyiswe, zonke izindawo ezimigoxigoxi zibe yithafa”? UDavide wakubona, wayesethi, “I—izintaba zatshekula njengezinqama ezincane, namaqabunga ashaya ihlombe.” [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kaningana—Umhl.]

303 Ini? Ngabe kwenzeka na? Umfo omdala onobuhwanqa kanjalo, engenamfundo nhlobo, nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, weza eqhuzuka ephuma ehlane laseJudiya, ethi, “Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele. Nani sigejane sezinyoka, ningacabangi ukuba nithi, ‘Ngingowenhlango ethize.’ UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.” He!

“Awu, akusuye lowo lapho. Siyazi akusuye lowo.”

304 Kodwa kwakunguye! Niyabo, wayenza indlela ihlanzeke. Niyabo? Kulapho nxa izindawo ezimigoxigoxi yenziwa ibeyithafa. Yilapho izindawo eziphakeme yehliselwa khona phansi. “Ningacabangi ukuthi ninoAbrahama onguyihlo. Ningaqali ukungitshela lolohlobo lwezinto, ngoba uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.” Izindawo eziphakeme yehliselwa phansi. O, he! Yilokho-ke. Yebo. Niyawubona umehluko na? Washo ukuthi yilokho okwakuzokwenzeka.

305 Futhi ngenkathi befika, bacabanga, o, he, base belungele nje ukumemukela, uma eza enhlanganweni yabo uqobo. Kodwa



ngoba...Ufika kanjalo, ngendlela elula kanjalo. Nokho, ekuhumusheni imiBhalo, izindawo eziphakeme yehliswa. Babengafuni ukukwemukela, kodwa babanjalo.

<sup>306</sup> Mfana, wabagunda konke. Washukumisa isikhumba sasuka ngqo kubo. Wathi, “Nina sigejane sezinyoka amaveyipa! Nina zinyoka otshanini! Ngiyanitshela, izembe libekiwe empandeni yomuthi. Nayoyonke imithi engayikuthela izithelo, uyanqunywa futhi uphonswe emlilweni. Mina impela ngizonibhaphathiza ngamanzi, kodwa ukhona Oza emva kwami, Omkhulu kunami; Uyonibhaphathiza ngoMoya oNgeweke nangoMlilo. Nombenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe. Uzakushanelisisa izibuya. Futhi Uyaku nqo-...shisa amakhoba; futhi abuthele ukolo enqolobaneni.” Amen.

<sup>307</sup> Lokho kwakungenkathi izindawo ezimigoxigoxi yenziwa ithafa, niyabo, kodwa abantu abakutholanga. Kodwa kuhambisana neZwi nje impela, ngayo impela nje indlela iZwi elakusho ngayo. Kulula kakhulu, ngangokuthi bakugeja. Bageja ukukubona.

<sup>308</sup> Ningabi ngabaphuphuthetheke kanjalo. Niyabo? Ningabi ngabaphuphuthetheke kanjalo. Ngakho, lalalani, manje.

<sup>309</sup> Bakugeja. Wayelula kakhulu, ezinkolelweni zabo eziwayelekile zomuntu onjalo, ukuthi wakugeja. Futhi, kwakuyini na? UNkulunkulu, oyiZwi, ezifihle ebululeni; hhayi umprihi nokhololo wakhe ujikisiwe, wayekhaliphile, imfundo.

<sup>310</sup> UJesu wababuza into efanayo. Wathi, “Naphuma ukuyobonani na?” Ngenkathi abafundi bakaJohane befika ngapha. Wathi, “Naya ukuyobonani na? Ngabe naya ukuyobona umuntu ogqoke izingubo zabapristi, niyazi, nokwembatha ezinofonofu,” Wathi, “lolo—lolo—lolo—lolohlobo lomshumayeli?” Wathi, “Naya ukuyobona lokho na?”

<sup>311</sup> Wathi, “Qhabo. Labo uhlobo olwanga izingane, futhi, niyazi, futhi lumbele abafike. Bona, abazi lutho ngenkamba ebanjwa-zandla zombili ekhaleni lempi. Babephandle lapho nenye inkulumbo yobuhlakani, kwenye iKlabhu yamaKiwani noma okuthize, niyazi. Bakahle lapho. Kodwa uma sekufika phandle lapho empini, ukubhekana nayo, abazi lutho ngayo. Ba—ba, basezigodlweni zamakhosi. Bahamba bezenza iziwula nalolohlobo lomuntu odumileyo.”

<sup>312</sup> Kodwa wathi, “Pho naya ukuyobonani na? Ngabe naya ukuyobona umhlanga ontengantengiswa yinoma yimuphi umoya na? Umuntu owayengathi...Umuntu othile athi, ‘Niyazi, ungowe—ungowe Oneness; kodwa uma uzoza ngapha kwiAssemblies, ngizokutshela ukuthi ngizokwenzani, sizo—sizokwenza...’ Ngikholwa ukuthi ngizokwenza lokho.’ Hhe! Umhlanga, untengantengiswa na? Hhayi uJohane. Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo. ‘Uma uzoza, ube ngumSadusi futhi ungabi ngumFarisi, noma enye into, ke?’ Anibonanga muntu

entengantengiswa wumoya; hhayi uJohane.” Qhabo, mnumzane, mfowethu; hhayi yena.

313 Wathi, “Pho naya ukuyobonani na? Umprofethi na?” Kwakuyothatha umprofethi ukwenza lokho, niyabo. Wathi... Manje, lobo kwakungubufakazi obubonakalayo bomprofethi, niyabo, iZwi likaNkulunkulu linaye. IZwi liza kumprofethi. Niyabo? Wathi, “Naya ukuyobonani na? Umprofethi na?” Wathi, “Yebo, kunjalo. Kodwa, Ngithi kini, ngisho odlula umprofethi, ngokuba wayenguye.”

314 Kungani wayedlula umprofethi na? Wayeyisithunywisa sesiVumelwano, impela wayeyiso, ukwenza ibriji lendlela phakathi komthetho nomusa. Wayeyitshe lekhothamo, phakathi lapho, okwakukade kukhulunywe ngalo.

315 Wathi, “Uma ningakwemukela, nguye lo umprofethi akhuluma ngaye, ‘Bheka,’ kuMalaki 3, ‘Ngiyakuthuma isithunywisa saMi phambi kobuso baMi, niyabo, futhi siyakulungisa indlela phambi kwaMi.” Niyabo? O, wayelula kakhulu. UNkulunkulu futhi ezifihla ebululeni.

316 Manje-ke bhekisisani ukuthi wenzeni. Washumayela ngoKristu onamandla amakhulu eza, “Unembenge yaKhe yokwela isesandleni saKhe. Uyo...Uwela indlela yaKhe. Mfana, ngiqonde ukusho njalo, Uyoshanelisisa izibuya zaKhe. Uyobutha imfungumfungu, bese eyishanela iyophumela ngaleya bese eyishisa, futhi. Kunjalo. Uyobuthela okusanhlamvu bese ekufaka enqolobaneni.” Niyabo, wayephefumulelwe.

317 Kodwa ngenkathi kufika uJesu, babebheke...Nabo bonke labobaphostoli, niyazi, babebheke into ethize enkulu ukuba ifike. “He, he! O, Uyeza. Yilokho kuphela okukukho. Mfana, Uyoba mkhulu. Uyokhahlela lawomaRoma asuke ebusweni bomhlaba. He! Uyokwenza lawomaGreki aye *ngapha*, namaRoma aye *ngapha*, uma Efika.”

318 Uma Efika, umfo ozithobile omncane ephushwa ejikiswa ngapha nangapha. Kwakuyini na? UNkulunkulu Ezifihla ebululeni. O, he!

319 Wayese-ke Ema ekupheleni koMlayezo waKhe, wayesethi, “Ubani oNgangilahla ngesono na? Konke iBhayibheli elathi Ngangizokwenza...Uma Ngingenzi misebenzi kaBaba waMi, khona-ke Ngilahleni. Kodwa yikuphi okwashiwo yimiBhalo ukuthi Ngangizokwenza, eNgingakwenzanga na?” Isono singukungakholwa, niyazi. “Ubani oNgangilahla ngecala na? Uma Ngikhipha amademoni ngeminwe kaNkulunkulu, khona-ke Ngikhombiseni ukuthi nenzani nina ngakho.” Ubulula!

320 Wazinikela ngisho nasekufeni! Kodwa, o, ngaleloPhasika ekuseni, haleluya, yilapho Ashanela khona isibuya. Washanela wakhapha imfungumfungu, kulungile, mfowethu. Yebo, impela. Nokolo wanamekwa ngophawu enqolobaneni. Ulele lapho

emhlabathini, unokuPhila okuPhakade kuphumule kuwo, ulindele loloSuku olukhulu esizokhuluma ngalo, ukuFika kweNkosi, lapho lokho kuphila kuyofika ekuPhileni; futhi siyovuka ngalokho kuvuka, sihlwithwe naYe emoyeni, futhi sibuthelwe eNqolobaneni. Nemfungumfungu iyoshiswa ngaleya; ikhoba elisongele, futhi lazama ukuWudonsela *ngapha* noma *ngapho*, liyoshiswa ngomlilo ongacimekiyo. Amen. O, Akamangalisi yini? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>321</sup> BaMgeja, uNkulunkulu ebululeni. Ngani na? Ngani na? Akazange ashumayele ngisho nangamagama obufundisi basesontweni. Akazange. Akazange ashumayele njengomshumayeli. Niyabo? Washumayela njenge... Wasebenzisa amagama obulula bukaNkulunkulu, amagama anjengokuthi “izembe libekiwe,” amagama athi “umuthi,” amagama athi “izinyoka.” Hhayi uthisha othile wasekholiji, njengakubafundisi basesontweni bosuku, njengoDokotela wezobuNkulunkulu, uDokotela u*S’bani-bani*. Akakwenzanga lokho. Washumayela njengomhlali-mahlathini phandle ngaleya ndawondawo. Wakhuluma ngamazembe, nemithi, nezinyoka ezinobuqili, nezinto ezinjalo, nokolo, nezinqolobane, nayo yonke into enjalo. Wayengathathwa ngokuthi, namhlanje, ngiqagele, umshumayeli webhokisi lensipho. Ngikholwa ukuthi Wayebizwa ngokuthi “umshumayeli wesiqu” ngalolosuku, emi phezu kwesiqu ezansi lapho ngaseJordani. Mhlaw-... UNkulunkulu ebululeni, ezifihla kwabahlakaniphile nabezwe.

<sup>322</sup> Manje asithole. UJesu wathi, “NgiyaKubonga, Baba, Uzifihlile lezizinto kwabahlakaniphile bezwe, futhi uzokwembulela izingane zona eziyofunda.” Niyabo? UNkulunkulu ezifihla ebululeni, kuKristu. UNkulunkulu ezifihla ebululeni, kuJohane. Niyabo? Nje... Niyabo, Wa—Waye... Kucabangeni nje, uNkulunkulu ebululeni, Ezifihla kwabahlakaniphile bezwe.

<sup>323</sup> Manje sizovala, emzuzwini nje, noma emibili, ngoba angifuni ukuba ngibe ngisanihlalisa isikhathi eside.

<sup>324</sup> Bukani, asime umzuzu nje, into eqondene nesiqu sami. Cabangani ngosuku esiphila kulo, ukuvala ngalokhu manje. Cabangani ngosuku esiphila kulo, lapho uNkulunkulu eza ehla endaweni endadlana ethobekileyo ekade sihlala kuyo, ephilisa abagulayo. Nabacebile, nabazidlayo, nabafundiswe ngokuphakeme kakhulu, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphilisa kukaNkulunkulu.”

<sup>325</sup> Niyawukhumbula uMlayezo engawushumayela khona ngaphesheya kwalesisiquphu somhlaba lapha, ukusa engasuka ngakho, mayelana noDavide noGoliyate na?

<sup>326</sup> Wathi, “Uzodibana kanjani nezwe elifundisiwe phandle lapho, Mfowethu Branham, nakho konke Lokhu na?”

327 Ngathi, “Akukho engingakwenza ukuthi ngizodibana kanjani nakho. UNkulunkulu wathi, ‘Hamba.’” Niyabo? Yilokho kuphela, niyabo. YiZwi laKhe. WaLethembisa. Ihora lilapha.

328 Ngenkathi leyoNgelosi, eniyibona kuleso sithombe laphaya, yehlela phezu komfula lapho ngalolosuku, eminyakeni engamashumi amathathu edlule ngaloJuni ozayo, noma iminyaka engamashumi amathathu-nantathu edlule, njalo, loJuni ozayo; futhi yathi, “NjengoJohane umBhaphathizi wathunywa,” phambi kwabantu abayizinkulungwane ezinhlanu noma ngaphezulu, “ihora selifikile lapho uMlayezo wakho uzozulazula ezweni.”

329 Niyakukhumbula ukugxekwa, uma noma yimuphi wenu lapho. Ngiqagele, uRoy Slaughter, noma abanye babo behlezi lapha, bangahle balukhumbule usuku; noma abanye, uNkk. Spencer, noma—noma kungaba ngubani ongaba ngomunye wabantu abadala lapha obengahle—obengahle azi, niyabo; uGeorge Wright, noma abanye babo, niyabo, bayakwazi lokho, ukuthi kwakunjani. Kodwa ngabe Kukwenzile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakwenza.

330 Kwase kuthi-ke maphakathi, ngenkathi bala, futhi bathi, “Ngukuphilisa kwengqondo nje.” NoNkulunkulu waphenduka wayesebuyela emuva ngqo ejika wayesethumela endala, inyamazane i opozamu eyisimungulu phakathi lapho, futhi yaphiliswa ngaMandla kaNkulunkulu.

331 ULyle Wood noBanks, ngenkathi sihlezi phansi lapho, futhi bayalazi iQiniso likaNkulunkulu eliqinisekisiwe. Ngenkathi, encane, uqhashaqhasha omdala ofile, inhlanzi, ilele phezu kwamanzi. NoMoya oNgcwele wakhuluma, kuthangi, Wayezobakhombisa iNkazimulo yaKhe futhi enze okuthize ngakho. Futhi lapho ngalokho kusa, ngimi lapho, noMoya oNgcwele wehlela kulesosikebhe, ngase ngisukuma ngase ngikhuluma kuleyonhlanzi. Futhi yona ilele phezu kwamanzi, ifile, ingxenye yehora; iziphefumulo zayo nezibilini kudonseleke ngaphandle emlonyeni wayo. Iyaphila, yase isuka itshuza kahle nje njenganoma yiyiphi enye inhlanzi. Kuyini na? UNkulunkulu Ezifihla ebululeni.

332 UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe. UNkulunkulu angayiphilisa inyamazane i opozamu, noma inhlanzi, kumbe noma yini. Uma Ezokwethula uMlayezo waKhe, nabantu bengezukuWukholwa, uNkulunkulu angavusa inyamazane i opozamu ukuba iWukholwe. Haleluya! UNkulunkulu angavusa inhlanzi efile. Angavusa inyamazane iopozamu efile. Angakwenza. Angenza noma yini Afuna ukuyenza.

333 Ukusolwa okunje pho kulesisizukulwane! Ngenkathi bekhubeka phezu kwaWo, futhi beqophisana ngaWo, futhi, “Awukwenzanga lokhu futhi wenza lokho.” Futhi uNkulunkulu

uthumela ngokuletha isilwane esilula. Niyabo? Ukusolwa okunje pho! Kwakuyini na? UNkulunkulu ebululeni, niyabo, Ezikhombisa yena ukuthi mkhulu, o, he, esola lamadoda alesisizukulwane, ngokungakholwa kwawo.

<sup>334</sup> Manje, bacabanga manje njengoba babehlala njalo benza, kufanele kwenziwe ngendlela yabo uqobo. “Manje, uma ikhona into okuthiwa ngukuphilisa kukaNkulunkulu...” Njengokuthi, indoda eyiKatolika yangitshela lokhu. Umfo, ngobunye ubusuku, wangitshela ngalokho. Niyazi ngakho. Wathi... Lo Ayers, engahamba ukuyombona ngomfana wakhe lapho eHouston, wathi-wathi, “Awu, manje, ukuba-ukuba leso bekuyisiphiwo sikaNkulunkulu, besiyofika ebandleni eliKatolika.” Niyabo? Niyabo? Ya, amaMethodisti ayecabanga ukuthi beKuyofanele kufike ebandleni lawo. NamaPentecostal ayecabanga ukuthi Kwakuyofika ebandleni lawo. Kodwa Akufikanga kunoma yimaphi awo.

<sup>335</sup> Kufika ngaMandla okuvuka kukaJesu Kristu Ezibonakalisa. Kunjalo. Impela, Uyakwenza. Ya. Kubhekisise nje. NingaKudedeli kwedule kini. Kugcineni phansi kwenhliziyoyenu-yenu, futhi niKukhumbule. Nizindle ngaKho lapho.

<sup>336</sup> Kufanele kufike ngendlela okungeyabo, kube ngokwabo, ehlelweni elingelabo. “Futhi ngaphandle uma kwenza lokho, akusuYe, niyabo. Yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo nje, noma ngudeveli. Yi-yi...Akusuye uNkulunkulu. Ngoba, ukuba bekunguNkulunkulu, Ubeyoza,” ngendlela engeyabo, niyabo, “indlela esiKuhumushe ngayo.”

<sup>337</sup> Yileyondlela uJesu ayenayo yokufika kubaFarisi. Kwakufanele kube ngaleyondlela. Niyabo? Uma okwabo... Uma uNkulunkulu wayezo-zothumela u-uMesiya, babenakho konke kuhunyushiwe nje ukuthi Ufanele abe kanjani. Futhi ngoba Ufika ngokwehlukile, khona-ke, “Kwakungesuye uMesiya. Wayeyinto ethize ezalwe ngaphandle komshado. WayenguBelzabule.” Kodwa kwakunguNkulunkulu ezifihla ebululeni.

<sup>338</sup> Umanduleli ufanele abe yindoda ethize efundisiwe ukuthi okwabo...Awu, oyedwa, akungabazeki...Usuku nosuku, unyaka nonyaka ngenkathi bona, ya, begcoba abefundisi babo futhi babathumela njengezithunywa zenkolo, ukubenza amaproselite futhi babangenise; ngamunye wayecabanga, “Lona kuzoba yilowo manduleli ofikayo.” Kodwa uNkulunkulu wamvusa ehlane lapho okwakungekho-kholiji nhlobo, niyabo, nezinto ezinjalo. Niyabo? UNkulunkulu Ezifihla entobekweni nasebululeni.

<sup>339</sup> Kodwa manje lindani. Ekuvaleni, sisho lokhu. Kodwa ukwala uMlayezo olula kaNkulunkulu; u-u-ukuWala, indlela elula kaNkulunkulu, kungukubhujiswa Phakade. Manje, kukangakoke...Sikhuluma ngokuthi Ulula kanjani, nabantu

bacabanga ukuthi, awu, bangaWuhleka futhi baWeqe, futhi baWuphathe noma ngayiphi indlela abafuna ngayo, kodwa kungukwehlukana kwaPhakade noNkulunkulu.

<sup>340</sup> Labo abafa ngemihla kaNowa, futhi abawulalelanga umlayezo wakhe, babhubha. NoJesu wahamba futhi washumayela kubo besemaketangweni obumnyama, ekufeni kwaKhe, ngaphambi kokuba Avuke. Futhi Waya esihogweni, futhi washumayela emimoyeni owawusekuboshweni, engaphendukanga ekubekezeleni emihleni kaNowa; ngenkathi umlayezo kaNkulunkulu olula, ngendoda elula, usashunyayelwa. Wahamba. Wathi, “UNowa washumayela ukuthi Ngangizoba lapha, futhi Ngilapha.” Kunjalo. Niyabo?

<sup>341</sup> Labo abehluleka ukulalela umlayezo walowomprofethi, uMose phandle lapho ehlane, awemukela kuNkulunkulu, uqinisekiswe ngokufanele ngeNsika yoMlilo, futhi waholelwa ukuba aphumele ehlane. Base-ke bezama ukuvuka futhi benze inhlangano ngawo, futhi babhubha futhi bafela ehlane, bonke; ngaphandle kwamadoda amabili, uJoshuwa noKalebi.

<sup>342</sup> Futhi laphaya, a—abaFarisi wayephuphuthetheke kakhulu abakwazanga ukukubona lokho, ngakho babheka emuva base bethi, “Obaba bethu badla imana, badla imana ehlane.”

<sup>343</sup> NoJesu wathi, “Futhi bona, bonke, bafile.” Bayibonile iNkazimulo kaNkulunkulu. Bahamba ekuKhanyeni kwe... Bahamba ekuKhanyeni. Bahamba ekuKhanyeni kweNsika yoMlilo. Bahamba eBukhoneni bamandla aKho. Bahamba badabula ezindaweni uMoya oNgcwele owawubenzele zona ukuba bahambe kuzo. Badla imana eyehla ivela eZulwini, uNkulunkulu ayihlinzekayo. Futhi, balahlwa, futhi baya esihogweni. “Bona, bonke, *bafile*.” Uma uthatha lelogama, liyi “Zenhlukano zaPhakade” eBukhoneni bukaNkulunkulu. “Bona, bonke, bafile.” Niyabo?

<sup>344</sup> Wonke owenqaba uJesu uyabhubha. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukwenqaba lobo bulula bukaNkulunkulu! Akusiyo nje into ethize... Wena uthi, “Awu, genze iphutha.” Awukwenzi ngaleyondlela. UNkulunkulu akakwemukeli ngaleyondlela. Uyabhubha, Phakade. Kungcono sicabange ngento ethize. Manje, kuzofanele kukhonjwe nguNkulunkulu ngokufaneleyo, niyabo, futhi manje-ke, uma kunjalo, kuyiZwi laKhe. Niyabo? O! Njengalabo abala uMose, bala uEliza, bala uJohane, bala uJesu, bezinsuku zabo.

<sup>345</sup> Lapha, ake nginitshela nje into encanyanyana. Futhi, manje-ke, ngithemba ukuthi angilimazi kakhulu kakhulu. Kodwa, bukani. Ngolunye usuku ngabizelwa eHouston, eTexas, ukuzama ukuthola isixolelo. Ngokuhlanganisa abanye abantu ndawonye, ukushumayela umlayezo, nokuthola abantu lapho ukuba basayine isixolelo sa—salelibhungu netshitshi. Niyazi bangena

kuleyonkathazo. Ngiqagele nifundile ngakho ephepheni. Naleyo kwakuyindodana kaMnu. Ayers angayizali.

346 NoMnu. Ayers yilowo othwebule isithombe seNgelosi yeNkosi, enisibona khona lapho. IRoma Katolika; nomkakhe wayengumJuda. Futhi washada nalentombi yomJuda. Babengakhulumisani ngezenkolo phakathi kwabo, nokunye nokunye, kanjalo. NoTed Kipperman, owayenaye naye ebhizinisini, wayeneDouglas Studios.

347 Futhi ngenkathi efika laphaya, lapho uMnu. Best, uDkt. Best, ibandla leBaptisti, wabeka isibhakela sakhe phansi kwekhala likaMfowethu Bosworth, walinyakazisa, wayesethi, “Manje thwebula isithombe sami, ngenza lokho.” Wathi, “Ngizothatha isikhumba salelokhehla futhi ngisilengise ekamelweni lami lokutadishela, njengesikhumbuzo sokuphilisa kukaNkulunkulu.”

348 Futhi ngaphambi kokuba ngiye eHouston, eTexas, iNkosi uNkulunkulu yangitshela ukuba ngiye lapho. Futhi ngangilapho ngeGama leNkosi. Futhi nonke niyayazi impikiswano nezinto eziqubukayo. Nikufundile ezincwadini, nokunye nokunye. Futhi kwakulapho. Futhi ngalobo busuku... Ngangizama kuphela ukuhamba ngokuzithoba.

349 “Ngani,” bathi, “bayisigejane sezidomu.” UDkt. Best wathi, “Abayilutho kuphela isigejane sezidomu.” Wathi, “Akukho bantu abanjalo okholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu, izinto ezinjengalezo. Leso yisigejane sebuya lolwandle.” Abazi ukuthi kwakunguNkulunkulu ebululeni. “Ngani,” bathi, “indoda ayinayo ngisho nemfundo yokufundwa nokubhalwa kolimu.”

350 Wayephucuke nazo zonke izifundiswa ezinkulu zesi-qu ayengaba naso, waze wacabanga ukuthi wayengagqiba uMfowethu Bosworth phansi, noma kanjani. Kodwa uma sekufika eZwini, wayengaqhathaniseki ngisho nangokweshumi kuye. Niyabo? Futhi uMfowethu Bosworth wayazi lapho ayemi khona. Abaningi babantu bakhe, bahlezi khona lapha, wayesempikiswaneni. Futhi kwakulapho.

351 Wasevele ephoseka kithi-ke, ethi siyisigejane sezidomu. Wathi, “Abantu abacabanga ngobuqotho abakukholwa ngisho.”

352 UMfowethu Bosworth wathi, “Umzuzwana nje.” Wathi, “Bangaki abantu kulelidolobha,” cishe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngalobobusuku, behlezi phakathi kwethu kanjalo, “Bangaki abantu bakulelidolobha lapha, oya kulawa amakhulu, amabandla amahle amaBaptisti, abangafakazisa ngesitatimende sikadokotela ukuthi baphiliswe ngaMandla kaNkulunkulu selokhu uMfowethu Branham ebekulelidolobha, sukumani.” Futhi amakhulu amathathu asukuma. “Uthini-ke ngalokho na?” Kwakulapho. UNkulunkulu wayezifihla ebululeni. Wayesethi-ke, “Mfowethu . . .”

353 Wathi, “Letha umphilisi ngokukaNkulunkulu. Angimbone ethwebula umuntu ngomthwebulo, bese ngibabuka unyaka kusukela namhlanje.” NoTed Kip- . . .

354 NoAyers lapho, yena impela lo owathwebula isithombe, wathi, “UMnu. Branham akalutho kodwa umthwebuli ngokuthwebula. Ngibone owesifazane, wayenesifo sokuvuvuka komphimbo emphinjeni wakhe, *kanjalo*, futhi,” wathi, “wamthwebula ngomthwebulo lowo wesifazane. Usuku olulandelayo ngakhuluma naye, futhi wayengenasifo sokuvuvuka komphimbo.” Wathi, “Indoda yamthwebula ngomthwebulo.” Futhi, o, wavele wangijivaza. Wathi ngifanele ngxoshwe edolobheni, futhi ufanele kube nguye okwenzayo, niyabo, nakho konke kanjalo. Olayini abakhulu ekhasini lokuqala le*Houston Chronicle*.

355 Angizange ngithi vu. Ngangilapho ukuzokwenza umsebenzi kaBaba wami, futhi kwakuyilokho kuphela; ngihlale naleloZwi. Wangithumela lapho, futhi ngumsebenzi waKhe.

356 Ngalobo busuku ngenkathi ngehlela lapho, ngathi, “A— a— a— angisuye umphilisi ngokukaNkulunkulu. Angisuye. Uma noma ubani esho lokho,” ngathi, “banephutha.” Ngase ngithi, “Angifuni ukubizwa ngomphilisi ngokukaNkulunkulu.” Ngathi, “Uma uDkt. Best lapha eshumayela insindiso, khona-ke ubengethande ukubizwa ngoMsindisi ngokukaNkulunkulu.” Ngase ngithi, “Manje-ke, ngishumayela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, angifuni ukubizwa ngomphilisi ngokukaNkulunkulu. Kodwa uthi akasuye uMsindisi ngokukaNkulunkulu; impela, akasuye. Kanjalo nami angisuye umphilisi ngokukaNkulunkulu. Kodwa, ‘Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina,’ ngikhomba kuLokho.” Niyabo?

Futhi ngakho, yena, “Umbhedo!” Niyazi, ehamba ezungeza.

357 Futhi ngathi, “Kodwa uma uBukhona nalesisiphiwo sikaNkulunkulu, leNgelosi yeNkosi, uma Lokho kubuzwa, Lokho kungafakaziswa.” Cishe ngaleso sikhathi, nasi sifika, sivunguza sehla. Ngathi, “Asisekho isidingo sokukhuluma manje. Isivele ingikhulumele.” Ngase ngiphuma.

358 Ngase ngiya eHouston, lelodolobha elikhulu, elinye lamadolobha amahle kunawo onke elikhona ezweni, nomaphi. Ngenkathi ngiyongena lapho, ngoluny’usuku, kwakuyihlazo ukubuka lelodolobha. Izitradi zazingcolile. Amakhawunta endawo, kwehle njalo ngoTexas Avenue; ngase ngiyongena eHhotela iRice, lapho izingcweti zamabhayisikobho zazivame ukuhlala khona, ngase ngehlela lapho kulelokamelo elingaphansi, leyokhefi, nosilingi uyawohlaka, neplasta kwiyiphansi lendlu, nokungcola nothuli. Nokudideka phakathi kwabashumayeli sengathi angikaze ngibe kubo noma ngake ngezwa empilweni yami.



359 Ngani na? Ukwala ukuKhanya kungukuhamba ebumnyameni. Nakho kuhlezi abantwana babo emgqeni wokufa. Impela. UNkulunkulu wehla. Ngenkathi kuvezwa obala ubulula futhi benqatshwa, khona-ke uNkulunkulu Wazikhombisa ebululeni.

360 Futhi lapho bathwebula lesosithombe esishanele izwe. Ngisho nososayense bathi SinguBukhona obungaphezu kwemvelo kuphela osebake bathwetsulwa kuwo wonke umlando wezwe; futhi bulenga eWashington, DC, ehholo lezobungcweti bezenkolo. Nampo, ubulula bubonakaliswa, ke. Niyabo? Niyabo? UNkulunkulu Ezifihla ebululeni, bese Ezibonakalisa. Niyabo?

361 Manje, Wazifihla Yena ekufeni kukaKristu, kodwa Wazibonakalisa ekuvukeni. O, he! Okunye nokunye, ungahle, sivele nje. . . singa. . . Akukho kuphela kukho; lokhu siqhubeka sisho nje. Kodwa nakho lapho okhona, uyabo.

362 Ukwala ukusho ukuthi kunokukhanya kwelanga, kungukuhamba uyongena ekamelweni elingaphansi bese uvala amehlo akho ekukhanyeni. Futhi kunjalo. Futhi, khumbula, indlela kuphela ongaba nephutha ngayo, kuqala ngukwala into eyiyonayona. Niyabo? Nokwala ukuvula amehlo akho, uyohlala ebumnyameni. Uyabo? Uma nje wala ukubuka, uzobona kanjani na? Uyabo? Bhekisisa izinto ezilula. Yizinto ezincane ozishiya zingenziwe, hhayi izinto ezinkulu ozama ukuzenza—zenza. O, he!

363 Manje-ke, bukani lapha, ake nginitshela. KuMal... kuMathewu 11:10, Wathi, “Uma ningakwemukela, nguye lo.” Niyabo? “Nguye lo owathunywa phambi kwaMi.” Kwakungubulula.

364 Kwake kwabuzwa ngaYe ngeliny’ilanga, kwathiwa, “Kungani pho ababhali basho ukuthi. . .”

365 Yena, Wathi, “INdodana yomuntu yenyukela eJerusalema. Ngizobekwa ezandleni zezoni, futhi bazoyibulala iNdodana yomuntu. Futhi Izofa, futhi ngosuku lwesithathu Izovuka futhi.” Wathi, “Ningawutsheli-muntu umbono, enhla lapho.”

366 Nabafundi, manje kucabangeni, abafundi ababekade behambe noJohane, bakhuluma naye, badla naye, ehlane, bahlala ngaphandle ezingwini, base bethi-ke, “Kungani abafundisi bethi uEliyase umelwe ukufika kuqala na? Wena Uthi wenyukela ekubethelweni, futhi uzovuka. UnguMesiya, thatha isihlalo sobukhosi. Manje kungani ababhali. . . Yonke imiBhalo yethu iyasho lapha, imiBhalo usho ngokucacile, ukuthi, ngaphambi kokuba uKristu eyofika, ukuthi uEliyase uyofika kuqala.” Ya. Niyabo?

367 Wathi, “Usevele ufikile, futhi anikwazanga.” Manje, kwakungubani lowo na? Abafundi.

368 Ngizolimaza lapha, kancanyanyana nje manje, kodwa angikuqondile, niyabo; okwemizuzu embalwa elandelayo, niyabo, umzuzu nje, noma emibili, kodwa ukuze nizoqiniseka ukuthi niqonde. Niyangizwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

369 Bukani! “Ngani na?” Lawomadoda ayehambe noKristu, “Kungani imiBhalo, kuqala, ithi uEliyase umele ukufika na?” Futhi babengabaphendulwe nguJohane uqobo, futhi babengamazi ngisho. “Kungani imiBhalo ithi, abafundisi na?” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo? “Kungani imiBhalo ithi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?” Abafundi abahamba naye, “Kungani imiBhalo ithi umelwe ukufika kuqala, ngaphambi kwalezizinto, futhi abuyisele konke na?” Wakwenza, cishe kubantu abanguhhafu wedazini, futhi yilabo kuphela ababekhona. Niyabo? Yilabo kuphela owayefanele ukukwemukela. Kwakuyilowo owayegotshelwe ukukubona.

370 UJesu wathi, “Usevele ufikile, futhi anikwazanga. Kodwa wenze khona nje lokho imiBhalo eyathi wayezokwenza. Wababuyisela, nonke nina eniNgemukelile futhi nakholwa kiMi. Wenze khona impela lokho imiBhalo eyathi wayezokwenza. Futhi benza kuye lokho imiBhalo eyathi babezokwenza. Usevele ufikile, futhi anikwazanga.”

371 Senilungele na? Ngifuna ukunethusa kancanyanyana. UHlwitho luyoba yindlela efanayo. Luyoba lula kakhulu, akungabazeki luyoba kanjalo, luyoze uHlwitho lufike ngolunye lwalezizinsuku futhi akukho-muntu oyokwazi lutho ngalo. Manje, ninga, ninga, ningasukumi manje, kodwa tadishani umzuzu nje. Sengivala ngempela ngokwenele. UHlwitho luyofika ngendlela elula ngangokuthi kuyoze kwehle izahlulelo, futhi bayobona iNdodana yomuntu, futhi bayothi, “Besingafanele yini ukuba na *lokhu-na-lokhu* na? Futhi bekungafanele yini kube noEliyase othunyelwa kithi na? Futhi bekungafanele yini kube noHlwitho na?”

372 UJesu uyothi, “Seluvele lwenzekile, futhi anilwazanga.” UNkulunkulu ebululeni. Niyabo?

373 Manje, leliviki sizongena kokunye ukufundisa okujule kabi ngokuthi...?...Manje, qaphelani, uHlwitho, bayoba yingcosana kakhulu abayongena kulowoMlobokazi! Aluyikuba yi...

374 Manje niyabona ukuthi abafundisi ukuthole kanjani na? Banamashadi, futhi bayahamba, bakhombise abantu abayizigidi eziyishumi benyukela lapha; onke amaMethodisti, uma kungumshumayeli wamaMethodisti; uma kuyiPentcostal, onke amaPentecostal eza. Akusoze kwakuthinta.

375 Kuyoba, mhlawumbe omunye asuke eJeffersonville, nje omunye enyuke alahleke. Bayothi, “Awu, anikaze...” Abasele babo abayikwazi. Kuyoba noyedwa osuka eGeorgia. Niyabo?

Kuyoba noyedwa osuka eAfrika. Futhi ake sithi kuyoba nabantu abangamakhulu amahlanu, abaphilayo, bayoya ekuhlwithweni. Manje, lowo aku—lowo akusiwo umzimba webandla. Lona nguMlobokazi. Lelo akusilo ibandla. Lona nguMlobokazi. Niyabo?

<sup>376</sup> I—ibandla liyokwenyuka ngezinkulungwane, kodwa lokho kusekuvukeni okulandelayo. “Abaphili isikhathi seminyaka eyinkulungwane.” Niyabo?

<sup>377</sup> Kodwa, kuMlobokazi, uma abantu abangamakhulu amahlanu beshiye umhlaba ngawo lomzuzu, izwe belingeke lazi lutho ngakho. UJesu wathi, “Uyoba yedwa embhedeni; futhi Ngiyothatha oyedwa, ngishiye oyedwa.” Lokho kusesikhathini sasebusuku. “Bayoba babili ensimini,” ngale ngakwelinye icala lomhlaba, “Ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa. Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

<sup>378</sup> Cabangani! Yonke into iyohamba nje ngokwejwayelekile nje njengoba ingenzeka. UMLayezo wobuhlanya uyokwedlula, futhi, into yokuqala niyazi, into ethize, “Lomfundisi, eya ndawondawo, akaphindi abuye. Mhlawumbe uye emahlathini, ezingela. Akasaphindange nje wabuya. Nalomfo uye ndawondawo. Niyazi ukuthi kwenzekeni na? Ngiyakholwa, lelotshitshi, li—lifanele ukuthi lihlwithwe layiswa ndawondawo, niyazi, ukhona ophuma naleyontombazane wase eyidlwengula, mhlawumbe wayiphosa emfuleni. Yayingenamuntu.” Uhhafu wakho... amashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye kubo bonke... Kungathiwa oyedwa kuzo zonke izigidi eziyikhulu oyoke azi noma yini ngakho; niyabo, ngaphandle uma umuntu ojwayelene nayo, athi, “Intombazane ilahlekile. Ngani, angiqondi. Ayizange ihambe kanjalo.” Qhabo.

<sup>379</sup> Futhi ngenkathi bethi, “A—amathuna ayovuleka.” Lizovuleka kanjani amathuna na? Ngenkathi, a—anginaso isikhathi sokungena kulokhu, ebengikufuna. Ngizodingeka ngithathe lokhu, niyabo, ukunikhombisa nje ubulula bukaNkulunkulu. Nalesosakhimzimba ikhalsiyamu, isakhimzimba ipotashi, nayo yonke into, ngenkathi—ngenkathi... Yonke into ekuwe, yezakhi, kuphela yenza okugcwele isipunu. Kunjalo. Futhi okwenziwa yilokho, kuhlakazeka kubuye emoyeni nasekuphileni. UNkulunkulu uyakhuluma nje, noHlwitho luyofika. Aluphumeli lapho, neziNgelosi zehle futhi zimbe ngamafosholo amathuna, bese zikhipha isidumbu esidala esesafa lapha. Kuyini na? Sazalwa yisono, kwasekuqaleni. Kodwa, Omusha, owenziwe wafana nawo, niyazi. Niyabo? Uma sinalo, sizofa futhi. Niyabo? Akukho-muntu... Wena uthi, “Amathuna ayovuleka. Abafile bayophuma bahambe.” Lokho kungahle kube yiqiniso, kodwa angavuleki ngendlela wena othi avuleka ngayo. Niyabo? Kunjalo. Niyabo? Akuyikuba kanjalo.

380 Kuyoba yimfihlo, ngoba Wathi Uyofika “njengesela ebusuku.” Usevele usitshelile lokhu, uHlwitho.

381 Khona-ke izahlulelo ziyogadla; isono, izinhlopheko, ukugula, nayo yonke into. Nabantu bayokhalela ukufa ukuba kubathathe, ngenkathi sekungukwahlulelwa. “Nkosi, kungani lokhu ukwahlulelwa kuphezu kwethu, kanti Wathi kwakuyoba noHlwitho kuqala na?”

382 Uyothi, “Seluvele lufikile, futhi anilwazanga.” Niyabo? UNkulunkulu Ezifihla ebululeni. O, he! Kulungile. “Yilokho kuphela, sekuvele kwenzekile, futhi anikwazanga.”

383 Kungani amakholwa engazikholwa izibonakaliso ezilula zokuFika kwaKhe na?

384 Babheke ukuba zonke le izizinto okwakhulunywa ngazo ngumBhalo, ne—nenyanga izoshona maphakathi ne...noma ilanga, phakathi nemini, futhi kuzobakhona zonke izinhlobo zezinto. O, ukuba nje besine...Nginamanothi abhalwe lapha ngakho, niyabo, ukukhombisa ukuthi lezizinto zinjani. Futhi sizokuthola ekuphulweni kwaleziziMpawu kuleliviki, empeleni, niyabo. Niyabo? Nakho, lapho nje osekuvele kwedlule, futhi anikwazanga. Nibone ukuthi kunjalo yini, ukuthi iNgelosi yeNkosi izoziphula yini lezoziziMpawu kukho. Khumbulani, kunanyekwe ngaleyomiDumo eyizimfihlakalo eyisiKhombisa. Niyabo?

385 Manje ini na? Kungani abantu bengenakukholwa ngubulula bobulula besigejane esithobile sabantu, niyabo, ne—nePhimbo lezibonakaliso zikaNkulunkulu na? Kungani bengenakubukholwa na? Njengoba bekuhlale kunjalo nje, eliqinisile iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Li, bakhali phe kakhulu futhi bafunde kakhulu ukuthi bakholwe yisimo esilula seZwi elilotshiwe. Bafuna ukubeka okwabo ukuhumusha kuLo. “Alichazi khona *lokhu*. Alichazi khona *lokho*.” Niyabo? Lichaza Lokho.

386 Lalelani. Mangisho lokhu, ngokushesha impela, manje. Ngisho nemibono uNkulunkulu ayinikezayo lapha endaweni, ayiqondakali kakhulu. Yingalesosizathu ningizwa emateyipini, ngithi, “Yishoni okushiwo ngamateyipu. Shonini okushiwo yimibono.” Manje, uma nixwayile, niyobona okuthile. Niyabo? Ngithemba ukuthi angidingi ukuba ngikubambe ngesandla sami futhi nginikhombise. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Ni...Ku—kulapha. Sisekupheleni. Niyabo? Yebo, mnumzane. Onemfundo abakhali phile bayakugeja. Imibono elula, uma yembulwa ebululeni obunjalo, kuze nje kwemboze phezu kwamakhanda abantu. Niyabo?

387 Ngoba ngibone umbono, nganitshela nonke ngokwenyukela lapho ngizingela, futhi, niyazi, lokho nje kwabakhuba abantu. Futhi lapho uNkulunkulu wakuthumela enhla lapho ngayo impela inhloso, bese ebuya ajike ngqo futhi akuhumushe,

ekhombisa ngokuhamba kukamama wami, nezinto ezinjalo. Bese-ke eyabuya futhi wakusho, phambili. Futhi kwenzeka nje ngayo impela indlela Athi kwakuzokwenzeka ngayo. Niyabo?

388 Futhi, nokho, uJohane wafika waphumela ngqo lapho futhi wavuma. Wathi, “Angisuye uMesiya, kodwa ngiyizwi lomemezayo ehlane.”

389 Kwase kuthi-ke bona labobafundi impela bathi, “Kungani pho, ababhali bathi umBha-...umBhalo ufundisa ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?” Niyabo? Ubulula bukaNkulunkulu buyahamba, nje buhambisa okwezimpande phezulu ngqo phezu kwekhanda labantu.

390 Ake ngithathe lokhu, bese ngivala-ke. Ngizovala, ngosizo lukaNkulunkulu. Niyabo? Bukani. Manje asikuhlaziye lokhu. Bese-ke, ngi—ngiyaxolisa ukulokhu nginitshela nonke ukuthi ngizohamba, bese-ke...Bukani. Ngiyaxolisa ukunibamba. Kodwa, amahora ambalwa, siyabuya.

Bukani, asithathe iconsi elilula likayinki.

391 Yonke into ingeyenhloso. Nibuthene lapha kulokhu ukusa ngenhloso. Ngidla endlini yakho, Charlie; Nellie, ungiphekele, ngenhloso. Ngi... Yonke into ingeyenhloso. Lelibandla lakhelwe inhloso. Akukho lutho olungenanhloso nembangela.

392 Asithathe iconsi elilula likayinki manje. Niyangizwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Asithathe iconsi elilula likayinki bese silibuka. Liyini na? Iconsi likayinki. Lavelaphi na? Kulungile. Asithathe leliconsi likayinki manje, li, futhi sithi linguyinki omnyama. Manje, lowoyinki ungowenhloso. Ungabhala ukuxolelwa kwami epen-...ngiphume etilongweni lokuqondisa isimilo. Ungabhala ukuxolelwa kwami ekamelwaneni lokufa. Kunjalo na? Ungabhala uJohane 3:16, futhi usindise umphefumulo wami ngokuLikhulwa. Kunjalo na? [“Amen.”] Noma, ungasayina incwadi eyimvume yokufa kwami. Niyabo? Ungangilahla eNkantolo yokwaHlulelwa. Ungowenhloso. Kunjalo na? [“Amen.”]

393 Awu, asibuke lowoyinki omncane futhi sibone ukuthi uvelaphi. Manje, nguyinki. Uhlanganiswe ndawonye, nezithako amakhemikhali nokunye nokunye, kuze kuphenduke kube uyinki. Futhi umnyama. Uwuconsisele ezingutsheni zakho, uyoyenza ibala.

394 Kodwa siqambe izinto ezibizwa ngokuthi isisusamabala iblishi. Nina besifazane nisebenzisa isisusamabala iClorox blishi. Awu, ngithatha leloconsi elilodwa likayinki bese ngiliconsisela emgqonyeni we—wesibusamabala iblishi, manje kwenzekeni kuyinki na? Niyabo? Ngani na? Isibusamabala iblishi siqanjwe, sasungulwa futhi saqamba izithaki amakhemikhali, ndawonye, azohlakaza lokho okwenza umbala

kabi kakhulu ngangokuthi ungeke usawuthola. Manje, ingxenye yesisusamabala iblishi ngamanzi.

<sup>395</sup> Amanzi ayi H<sub>2</sub>O, okuyihayidrojini neoksijini. Futhi kokubili ihayidrojini neoksijini, kokubili, kuyiziqhumane eziyingozi. Futhi, manje-ke, ihayidrojini neoksijini emeleni yimilotha. Kuyilokho-ke, kunjalo, imilotha eyizithako, imilotha eyizithako nje. Manje, manje kuhlanganise ndawonye, futhi unamanzi. Kodwa, kuhlakaze, unehayidrojini neoksijini, futhi qhubeka nje ubuyele emuva.

<sup>396</sup> Manje, ekutholeni kulokhu, asithathe...Futhi ngingeke. Manje kungahle kube nosokhemisi abahlezi lapha. Futhi manje ngifuna ukukusho, ngoba kuzoba—kuzoba nosokhemisi abakulalele, angiyazi indlela yokwenza. Kodwa ngifuna ukukuchaza nje ngendlela yami uqobo ethobile, ngithemba ukuthi uNkulunkulu Uzozembula kukho.

<sup>397</sup> Bukani, ngiconsisela leloconsi likayinki lingene e—e—esisuseni mabala iblishi. Kwenzekani na? Masinya ibala elimnyama alisekho. Ubungeke usalithola futhi ukuba ubuzokwenza, alisekho. Awusoze walibona. Kwenzekeni na? Manje, awuboni lutho oluqubuka kulo. Awuluboni. Awuluboni ngani na? Ngoba selihlakazekile.

<sup>398</sup> Manje, isayense ibiyothi, “Lijike labuyela kuma esidi alo asekuqaleni.”

<sup>399</sup> Avelaphi ama esidi na? Niyabo? Awu, wena uthi, “Ivela e—ezintweni ezithile.” Kulungile. Uthi, isibonelo nje, njengokuthi, “Izintshongo zenza ama esidi.” Zavelaphi izintshongo na? “Awu, sasikhona, sizosho njalo, izintshongo senziwa yizakhi amamolekuli.” Zavelaphi izakhi amamolekuli na? “Kwizakhi ama atomu.” Zavelaphi izakhi ama atomu na? “Kwizakhi ama elektroni.” Avelaphi na? “Ukukhanya komhlaba nezulu.” Niyabo, ubuye uyothi ngqu ekutholeni okwedlule, kosokhemisi, manje. Futhi, uma kuyinto nendalo, kuzofanele kuvele kuMdali.

<sup>400</sup> Ngakho, anihlezi lapha ngokuthi kuthuke kwenzeka. Anginibambile kuze kugamanxe eleshumi nambili, noma elokuqala nqo, ngokuthuke kwenzeka. “Izinyathelo zolungileyo ziqondiswa yiNkosi.” Niyabo? Kunesizathu esithize sakho. Kunesizathu esithize sakho ukuba ukholwe. Kunesizathu esithize ukuba ungakholwa. Njenga—ngalowoyinki.

<sup>401</sup> Manje asikuhlaziye lokho. Manje, into yokuqala, asithi, emva kokuthi sibuyela emuva e...Sizokubuyisela emuva mayelana nezithako amamolekuli. Manje, sithathe amamolekuli, ngingathi, namba 1 kuphindwe ngamamolekuli ayi 9, aphindwe kamamolekuli ayi 12. Manje, ukuba bekuyi 11, bekuzophuma kubomvu. Kodwa ku—kudingeke kube yi 12, ukwenza okumnyama.

402 Manje-ke sizokwehlisa lokho kuye kwisithako iatomu. Bekuyi atomu. Futhi  $9^6$  ephindaphindwa ngo  $+4^3$ , alingana ne atomu  $16^{11}$ . Ukuba bekungu  $16^{12}$ , bekungaba ngumbala obukhwebezane. Niyabo? Bese-ke ulokhu ukuhlakaza kwehle njalo.

403 Kukhombisa ukuthi kwakukhona into ethize emuva ngaleya, kwasekuqaleni. Lokho yingqondo ehluzile kuphela. Ngokudaliweyo. Kuzofanele kube noMdali. Futhi kwasuka kuMdali, kwase-ke kunqunyelwa futhi kwafakwa kulezi, okwehlukile. Manje, isayense ingeke yathatha iatomu  $B_{16}$  iphindaphindwe nge 12, iphindaphindwe nge 14, iphindaphindwe nganoma yini, kuphuma kanjalo, ukwenza lokho. Kwadingeka kwenziwe nguNkulunkulu lokho.

404 Futhi-ke kulethwa kwehliselwe endaweni kuze kube lapho kwehlele khona kuma atomu, khona-ke isayense isingaqala ukukuthinta. Bese-ke kuphumela kumamolekuli, khona-ke sebengaqala ukukubona kangconywa. Bese-ke kwehla, kusuka kulokho, kungene kwenye into ethize. Bese-ke, into yokuqala, kungena ezithakweni amakhemikhali, bese-ke behlanganisa lezi thaqa ndawonye.

405 Manje, ngenkathi umuntu, ngaphambi kokuba one. Sengiyavala, kodwa ningakugeji. Ngenkathi umuntu ona, wazehlukanisa noNkulunkulu, wayesewela igebe elikhulu, wayesezifaka ekufeni ngakulelocala. Wasuka. Ayikho indlela yokubuyela emuva. Impela. Ayikho indlela kuye yokubuyela emuva. Kodwa manje-ke ngenkathi ekwenza, uNkulunkulu wemukela isibambiso, okwakuyiwundlu, noma imbuzi, noma imvu, noma enye into, ngegazi; uAdamu akhuluma ngalo, noma—noma uAbela akhuluma ngalo, ngakwelinye icala legebe.

406 Ngakulelocala, uyindodana kaNkulunkulu. Uyisizukulwane esivela kuNkulunkulu. Uyifa lomhlaba. Angalawula imvelo. Angakhuluma izinto zibe khona. Ngani, ungumdali, qobo lwakhe. Uyisizukulwane sikaNkulunkulu.

407 Kodwa, ngenkathi ewela, wehlukhanisa ubudodana bakhe. Uyisoni, ngemvelo. Uphansi kwezandla nombuso kaSathane.

408 Futhi uNkulunkulu wathatha umhlatshelelo, isithako ikhemikhali, segazi, kodwa igazi lezinkunzi nelezimbuzi alehlukhanisanga nesono. Kuphela lasimboza isono. Uma ngingebala elibomvu esandleni sami, futhi ngilimboza ngokumhlophe, ibala elibomvu liselokhu lilapho. Niyabo, liselokhu lilapho.

409 Kodwa uNkulunkulu wathumela phansi, esivela eZulwini, isisusamabala iblishi sesono. KwakuyiGazi leNdodana yaKhe uQobo. Lelo, ngenkathi isono sethu esivunyiwe siconsela esisusenimabala iblishi kaNkulunkulu, zama ukusithola futhi! Ukuba nombala kwesono kubuyela emuva ngabalamuleli, futhi

kwehle ngesikhathi, kuze kuzoshaya ummangali, uSathane, bese esibeka kuye kuze kube luSuku lokwaHlulelwa.

410 Kwenzekani endodaneni na? Iba senhlanganyelweni ephelele noBaba futhi, imi ngakwelinye icala legebe, kungekho-nkumbulo yesono emelene nayo. Kungasekho, akusekho-bala lesisusamabala iblishi elingabonwa nomaphi. Ikhululekile. Haleluya! NjengaleyoClorox nje, noma lowoyinki ungeke uphinde ube uyinki, ngoba usuhlakazekile wabuye wathunyelwa emuva futhi. Futhi uma isono esivunyiwe sesivunyiwe futhi sacwiliswa e. . . Owesilisa noma owesifazane ocwiliswe eGazini likaJesu Kristu, kubulala zonke izimpawu ezibonakalayo. Futhi onke amamolekuli esono abuyela emuva kidevel, bese ebekwa phezu kwakhe kuze kube yiloloSuku lokwaHlulelwa, lapho isiphethelo sakhe saPhakade siyophoswa eChibini loMlilo. Negebe lifakwa ibriji, futhi ukuba singabe sisakhunjulwa. Nomuntu umi elungisisiwe, njengendodana kaNkulunkulu. Ubulula!

411 UMose, phansi kwegazi lezinkunzi nezimbuzi, nokuvuma kwakhe eZwini likaNkulunkulu! NoNkulunkulu wakwazi ukuthatha leyondoda elula, futhi afake amaZwi aKhe emlonyeni wayo. Futhi yafakazisa ukuthi yayiyinceku kaJehova, ngokuba yayikwazi ukuphumela lapho noJehova wakhuluma kuyo ngombono. Yaphuma, yelula izandla zayo ngasempumalanga.

412 Futhi manje, khumbulani, uNkulunkulu wayekhulume kuyo. Ngumcabango kaNkulunkulu. UNkulunkulu usebenzisa indoda. UNkulunkulu wakhuluma kuyo. Kunjalo. Wathi, “Hamba welule leyontonga, esandleni sakho, ngasempumalanga, futhi uthi, ‘Zibawu!’”

413 UMose, phansi kwegazi laleyombuzi, imvu, waphumela lapho wayesethatha leyonduku, wafinyelela ngasempumalanga. “ISHO KANJE INKOSI. Makubekhona izibawu!” Akazange asizwe isibawu. Wahlehla. Sekuvele kukhulunywiwe. Ngumcabango, manje usukhulunywiwe, usuzwakalisiwe. UsuyiZwi likaNkulunkulu-ke. Lingena ezindebeni zomuntu, indoda elula phansi kwegazi lenkunzi, inkunzi noma imbuzi.

414 Into yokuqala niyazi, impukane el’hlaza iqala ukundiza izungeza. Into elandelayo niyazi, zazingamaphawondi amahlanu igeceke ngalinye. Kwakuyini na? KwakuyiZwi likaNkulunkulu, likhulunywe ngoMose, uMdali. Ngoba, phansi kwegazi, wayemi eBukhloneni bukaNkulunkulu, namaZwi akhe uqobo kwakungesilo izwi lakhe.

415 “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, khonake celani enikuthandayo, niyakuphiwa khona.” Limi kuphi iBandla na?

416 “Makubekhona amasele!” Futhi kwakungekho-sele ezweni. Esikhathini esiyihora, ayejule ngamafidi ayishumi, ezindaweni.



Kwakuyini na? KwakunguNkulunkulu, uMdali, Ezifihla kumuntu olula.

417 Manje ngifuna ukunibuza into ethize. Uma igazi lenkunzi noma imbuzi lisetshenziselwa isisusamabala iblishi, elingamboza kuphela, lakwazi ukubeka umuntu esikhundleni ukuba akhulume iZwi likaNkulunkulu elinokudala futhi alethe izibawu zibekhona, kungani beningakhubeka esisusenimabala iblishi yeGazi likaJesu Kristu Owakwazi ukukhuluma kubekhona ingwejeje noma into ethize ibe khona na?

418 Ningakwenzi, ningakhubeki phezu kobulula. Kholwani ukuthi Usalokhu ehlala enguNkulunkulu. O, he! Ukuxolelwa kwesono! O, ngifisa kanjani ukuthi benginga . . .

419 Manje-ke, kuMarku 11:22, “Uma uthi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwa ukuthi okushilo kuzofezeka, o, ungaba nakho okushilo.”

420 He, nginamakhasi amathathu noma amane. Sizovele nje sikuyeke kuhambe. Ngiyabonga.

421 UNkulunkulu Ezifihla ebululeni. Aniboni na? Kukhona okungalungile ndawondawo. Kukhona okungalungile ndawondawo. Uma uNkulunkulu enza isitatimende, Angeqambe amanga. Wenza isithembiso. Niyabo? Uzifihla ebululeni. Kulula kakhulu!

422 Abafundile nabayizifundiswa ezinkulu bathi, “A, ku . . . O, kungukufunda umqondo noma okuthize. Niyazi, kuyi . . .”

423 UNkulunkulu Angazishwibela yena emuva phansi adabule emifudlaneni yesikhathi, futhi akutshele emuva lapho khona impela nje ukuthi kwenzekani, akutshele khona impela nje oyikho namhlanje, nozoba yikho ngokuzayo. Lokho kusengaso isisusamabala iblishi kaJesu Kristu, Ubani ongathatha isoni bese esisusa amabala ngeblishi phakathi Lapho, futhi sime eBukhoneni bukaNkulunkulu.

424 “Futhi uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini; ningacela enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.”

425 “NiNgilahla kanjani na? O, ayishongo yini imithetho yakini uqobo ukuthi labo iZwi likaNkulunkulu eleza kubo, abaprofethi, anibabizanga yini ngo ‘nkulunkulu’? Futhi manje-ke ningaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?” Bayehluleka ukukubona. Bayehluleka ukukubona.

426 Manje, Bandla, emiLayezweni ezayo, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ningehluleki ukukubona. Niyabo? Nibone usuku esiphila kulo. Futhi, khumbulani, iGazi likaJesu Kristu lithatha isono lisiyise kude kakhulu kuwe, lapho

ezingekho ngisho nasenkumbulweni kaNkulunkulu, nhlobo. Lithatha lonke ibala.

Isono sasishiye ibala elibomvu klebhu,  
Waligeza labamhlophe njengeqhwa.

Manje-ke phambi kwesiHlalo sobukhosi,  
Ngimi kuYe ngiphelele.

<sup>427</sup> O, he, ngingaphelela kanjani na? Ngingaphelela kanjani na? Ngoba yiGazi; hhayi mina, kodwa leloGazi limi phakathi kukaNkulunkulu nami. NgaLemukela. Futhi Walibeka... Ngiyisoni, kodwa UnguNkulunkulu. Kodwa isithako semvelo ikhemistri simi phakathi kwami, ukubulawa kwesono, ngakho uNkulunkulu ungibona nje ngimhlophe njenga—ngamanzi ase—asesisusenimabala iblishi. Isono sami sesihambile. Asikwazi ngisho nokufinyelela kuYe, ngoba kunoMhlatshelo obekwe lapho.

<sup>428</sup> Kuphi ukukholwa kwethu kokukholwa yiZwi likaNkulunkulu elilula na? Lokho nje okwashiwo nguNkulunkulu, siMthathe eZwini laKhe. UNkulunkulu Uzifihla manje ebululeni, esigejaneni esincane esithobile, kodwa ngolunye lwalezizinsuku Uyozionakalisa Yena uqobo njengoba Ubehlala njalo ekwenza ezinsukwini ezedlula. Niyamthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda  
Ngoba Wang'thanda kuqala  
Wang'thengel'insindiso  
Emthini waseKalvari.

<sup>429</sup> Niyamthanda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] He, Akamangalisi na? [“Amen.”] Ngithemba futhi ngethemba ukuthi uMlayezo uzokuveza lokho Obuhloselwe ukukwenza, ukuthi Uzonifikisa endaweni lapho eningabheki khona izinto ezinezimbali. Noma okunye... Uma nibona uNkulunkulu ebukhulwini, bukani ukuthi kuthobe kanjani, futhi khona-ke nizobona uNkulunkulu. NingaMbheki...

<sup>430</sup> Ngenkathi uElisha wayesemuva kulowomgede, intuthu yahamba yawela, igazi, ukuduma, umbani; futhi, niyabo, zonke lezi uhlobo lwamadlingozi esibe nawo, igazi ebusweni nasezandleni, namadlingozi nayo yonke into. Akuzange kumkhathaze lowomprofethi. Wavele nje walala lapho waze wezwa iPhimbo elincane elihashazayo, (Laliyini na?) iZwi, wayesemboza ubuso bakhe-ke wayesephuma. Niyabo, kwakuyilo Lelo.

<sup>431</sup> Khumbula, mngani, ungabheki okuphakeme, okukhulu... Wena uthi, “UNkulunkulu, Ukhuluma ngeziphakeme, izinto ezinkulu. Kuyofika isikhathi kuyoba *nalokhu, lokho*, noma *okunye*, izinto ezinkulukazi.” Ngithemba ukuthi niyakubamba engikhuluma ngakho. Niyabo? “Eziphakeme, izinto ezinkulu,

niyabo! Futhi, o, uma lokhu kufezeka, kuyoba ngokuphakeme, kube kukhulu *kanje*.”

432 Futhi kuyothobeka kakhulu, niyoyigeja yonke into, qhubekela phambili nje. Niyabo? Futhi uyobuka emuva bese uthi, “Awu, lokho akuzange kufike e...” Niyabo, kwedlule kweqa ngaphezulu, futhi anizange niKubone ngisho. Kwedlula nje. Niyabo, kulula kakhulu. Niyabo? UNkulunkulu uhlala ebululeni, niyabo, ukuba Azibonakalise ebukhulwini. Yini eMenza aphakame na? Ngoba Angazenza lula Yena uqobo.

433 Enkulu, indoda ephakeme ingekwazi ukuzenza lula; izofanele ibe yisikhulu. Niyabo? Kodwa ayikabi nkulu ngokwenele. Uma isifika ekubeni nkulu ngokwenele, khonake yehla *kanje*, niyabo, ingazithoba.

434 Njengoba ongewele omdala asho enhla lapho eChicago, “Lowomfo wenyuka, nayo yonke imfundo nezinto.” Wathi, “Uyehla, ebhaxabulwe waphuma, ikhanda libheke phansi. Ephuma, ehluliwe.” Wathi, “Ukuba wayenyuke ngendlela ehla ngayo, wayeyokwehla ngendlela enyuka ngayo.” Awu, kunjalo. Niyabo?

435 Zithobe. Zithobe nje. Ungazami ukuba yinqaba. Nje—nje thanda uJesus. Niyabo? Uthi, “Nkosi, uma kukhona inkohliso enhliziyweni yami, uma kukhona okungalungile, Baba, angifuni ukuba njalo. Kususe. Angifuni ukuba njalo. O, ngifuna ukubalwa njengomunye wabo, ngaloloSuku, Nkosi. Futhi ngibona uSuku lusondela.”

436 Nibona leziziMpawu ziqala, uma uNkulunkulu ezoZivula kithi. Khumbulani, nguYe yedwa ongakwenza. Sethembele kuYe. UNkulunkulu anibusise.

437 Futhi manje cabanga ukuthi umelusi wethu uzoba negama kini, ukusho; noma kuye ukuba asho, njalo, ki—kini, ngaphambi kokuba sihlalane futhi kulentambama. Futhi ngicabanga ukuthi inkonzo izo... Inkonzo yomculo ligamenxe elesithupha, melusi? Futhi ku... [UMfowethu Neville uthi, “Iqala ligamenxe elesithupha.”—Umhl.] Ligamenxe elesithupha. Futhi ku... [Iminyango ivulwa ngelesithupha.] Iminyango ivulwa ngelesithupha. Inkonzo yomculo izoqala ligamenxe elesithupha.

438 Futhi iNkosi ithanda, ngizobe ngikhuluma, kulobubusuku, ngendaba ethi Incwadi enamekwe ngeziMpawu eziyisiKhombisa. Bese kuthi-ke, ngoMsombuluko ebusuku, umgibeli wehhashi elimhlophe. NgoLwesibili ebusuku... Umgibeli wehhashi elimnyama, ngoLwesithathu ebusuku. Ihashi elimpunga, ihashi elimpofu. Nomgibeli wehhashi elibomvu. Futhi bese-ke singena kolwesithupha... olwesine, olwesihlanu, nolwesithupha, futhi bese-ke kuba ngeSonto ebusuku. NgeSonto elizayo ekuseni, kungahle kube yinkonzo yokuphilisa. Angazi.

<sup>439</sup> Manje khumbulani, sizinikele eNkosini, qobo lwethu nebandla, ngenkonzo kaNkulunkulu. UNkulunkulu anibusise.

<sup>440</sup> Ngi—ngileyithi ngehora elilodwa. Ningangithethelela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] A—angi, niyabo, angiqondile ukwenza lokho. Kodwa, niyabo, ngi—ngizoba nani nje kuleliviki, ngizobe-ke sengisuka futhi. Futhi angazi lapho engizoya khona; lapho Eholela khona nje. Futhi ngifuna ukufaka wonke umzuzu engingaphumelela kuwo, ngoba ngifuna ukuchitha iPhakade nani.

UNkulunkulu anibusise. Manje, Mfowethu Neville.



*ISAMBULO SE ZIMPAWU EZIYISIKHOMBISA*  
(The Revelation Of The Seven Seals)

LemiLayezo eyishumi ngoMfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi ngoMashi 17 kwaze kwayoba nguMashi 24, 1963, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., noPhawu lwesiKhombisa lwaqhubeka ngoMashi 25 eSherwood Motel. Ngokuthola acace kakhulu naphелеle kakhulu amateyipu asekuqaleni, lemiLayezo iphinde yenziwa ngokwesimo samanje. Kwenziwe yonke imizamo ukwedlulisa ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka eziqophweni zeteyipu kazibuthe uya ekhasini elishicilelwe. Lokhu kuhunyushwa kwesiZulu okungafinqiwe kushicilelwe ngabe Voice of God Recordings.

Onke amalungelo kulencwadi agodliwe. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ishicilelwe, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume eshiwoyo ebhaliwe ye William Branham Evangelistic Association.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)